Nkulunkulu Baba Somandla, siyakubonga ngesipho sosane lolu owasipha sona. Nguwe Baba owamdalayo ngoba umthanda. Ekudaleni kwakho umuntu, wakubona kungafanele ukuba ahlale yedwa, kodwa abe labanye abazancedisana laye empilweni. Lamhla sesiletha umntanethu u... eBandleni njengesibonelo esasifundiswa yiMuli eNgcwele kaJosefa loMariya abaletha iNdodana yakho uJesu, bayinikela kuwe eThempelini. Bayihlanganisa leBandla lakho, isizwe esikhethiweyo, esasimelwe zinceku zakho, uAnna loSimiyoni. Siyacela Baba ukuba uyibusise lingane, oyihlanganisa leBandla lakho lamhla, yenze ikhule isesandleni sakho. Akuyivikele ezingozini zonke ezingayehlela. Phana iBandla lakho labazali balo umntwana, indlela yokuyiphathisa lingane ukuba ikhule ihamba ngendlela esayitshengiswa yiNkosi yethu uJesu Kristu. Sicela lokhu ngaye uJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

Ukukhulekela izwekazi laseAfrika

Nkulunkulu Baba, iNdodana yakho yathi izingelwa nguHerodi yaphephela eAfrika, elizweni laseGibithe. Kwathi laphe ithwele isiphambano sayo, isiyasindisa umhlaba wonke entabeni yaseKhalivari, yathwalelwa isiphambano sayo nguSimoni waseKureni oweAfrika. Siyakubonga, Baba, ngesipho sokholo owasipha ilizwe lethu leAfrika. Siyakubonga, ngezibusiso lamathamsa-nqa onke owawanika iAfrika, ikakhulu ubuKristu lokuzibusa kwamazwe aseAfrika.

Sithemba ukuthi ngosizo lwakho inhlupho eziqondane leAfrika izimpi, indlala, ubuyanga, umkhuhlane, ukungazi, kuphele, abantu balelizwekazi bathande ukholo lobuKristu, babe lentuthuko lengqubekela phambili enganciphiyo, babe lempilo lenjabulo efanele ubuntu obugcweleyo, ekhomba ukuthi bangabantwabakho abahlengwa nguJesu Kristu iNdodana yakho, lokuthi wakhile phakathi kwabo, bangamathempeli kaMoya wakho oNgcwele.

Siyakuncenga, Nkosi ukuba: Uthele uMoya wakho oNgcwele kwabatsha baseAfrika, ukuba bazinikele kuwe, basebenzele ukwanda kokholo.

Thela uMoya wakho oNgcwele kumakholwa onke aseAfrika, ukuba aqedisise isibizelo sawo sokuphendula abangakholwayo, labalahlekileyo, lamakholwa awileyo, ukuze bonke bazinikele kuKristu laseBandleni lakhe.

Thela uMoya wakho oNgcwele kubazali baseAfrika, ukuba baphe abantwababo isibonelo esihle ngokuziphatha kwabo langothando lwabo, ukuze izizukulwane zakusasa zaseAfrika, zibe yizakhamizi ezikuthabisayo wena Nkosi, lezifanele usindiso lwakho.

Akuthale uMoya wakho oNgcwele kubabhishopi labapristi lezidelamhlaba zeAfrika, ukuba balondoloze izifungo zabo, baqinise amakholwa onke ngesibonelo sabo esihle.

IMIKHULEKO

Thela uMoya wakho oNgcwele kibo bonke
abangakholwayo baseAfrika, ukuba bemukele
iVangeli likaJesu Kristu iNdodana yakho
baphume ebumnyameni basindiswe, bangene
ekukhanyeni kwenkazimulo yakho ukuze
bamanyane bonke ngaphansi kwakho, babe
mhlambi munye, lomalusi munye. Amen.

IROSALI ELINGCWELE

Ingcazelo: Ukukhuleka iRosali yikuhamba ngendledlana yempilo kaJesu, kusukela ezindabeni ezithabisayo zokwemulwa kwakhe, sidabule phakathi kwenhlu-pheko zakhe lokufa kwakhe, senyukele enkazimulweni yokuvuka kwakhe ekufeni, lokwenyuka kwakhe ezulwini, lokwehla koMthokozisi, uMoya oNgcwele, lokukhazimuliswa kukaMariya, uNina woMsindisi wethu. Okuqakathekileyo ekukhulekeni iRosali yikunakana ngemfihlo loba impilo kaJesu, sizihlanganise layo.



Indlela yokukhuleka iRosali

1. Yenza isibonakaliso sesiphambano, ukhuleke uNgiyakholwa kuNkulunkulu...
2. Khuleka uBaba wethu...
Jesu, yandisa ukholo lwami.
Ekuhle Mariya...
Jesu, yandisa ithemba lwami.
Ekuhle Mariya...
Jesu, yandisa uthando lwami.
Ekuhle Mariya...

3. Khuleka uDumo..., *ubusukhuleka*
**“O! Jesu wami, akusixolele izono zethu,
akusisindise emlilweni wesihogo, akuyise
yonke imiphefumulo ezulwini ikakhulu leyo
eswela isihawu sakho.**
4. Tshono imfihlo yokuqala...
Baba wethu...
5. Khuleka o-Ekuhle Mariya abalitshumi.
6. Khuleka uDumo... “O! Jesu wami...”
7. Tshono imfihlo yesibili... Baba wethu.
8. Khuleka o-Ekuhle Mariya abalitshumi.

Imfihlo zeRosali elingwele

A. Indaba zentokozo:

1. Asikhumbuleni ukubika kwesithunywa kuMariya;
(Luka 1,26-38).
*Baba wethu... Ekuhle Mariya abalitshumi,
uDumo... O Jesu wami...*
2. Asikhumbuleni ukwethekela kukaMariya
kuElizabethi; (Luka 1,39-56).
*Baba wethu... Ekuhle Mariya abalitshumi,
uDumo... O Jesu wami...*
3. Asikhumbuleni ukuzalwa kukaJesu Kristu
eBetlehem, esitebeleni; (Luka 2,1-20).
4. Asikhumbuleni ukwethulwa kukaJesu
kuNkulunkulu ethempelini; (Luka 2,21-40).
5. Asikhumbuleni ukubonakala kukaJesu
ethempelini; (Luka 2,41-52).

B. Indaba zokukhanya

1. Asikhumbuleni ukubhabhathizwa kukaJesu emfuleni uJordani; (*Mat 3,13-17; Marko 1,9-11; Luka 3,21-22*).
2. Asikhumbuleni uJesu ephendula amanzi esiba liwayini emthimbeni waseKana; (*Joha 2,1-11*).
3. Asikhumbuleni ukutshumayela kukaJesu ngombuso kaNkulunkulu enxusa abantu ukuba baphenduke; (*Mat 4,17; Marko 1,14-15; Luka 4,14-15*).
4. Asikhumbuleni ukukhazimuliswa kukaJesu entabeni ebonakalisa ubukhosi bakhe kubaPhostoli; (*Mat 17,1-13; Marko 9,2-13; Luka 9,28-36*).
5. Asikhumbuleni ukuMiswa kweSidlo esiNgcwele njengeSakramente elichaza iMfihlo yePhasika; (*Mat 26,17-30; Marko 14,12-26; Luka 22,3-6*).

C. Indaba zenhlupheko kaJesu:

1. Asikhumbuleni ukukhuleka lokuhlupheka kukaJesu ensimini yaseGetsemani; (*Mat 26,36-46*).
2. Asikhumbuleni ukutshaywa kukaJesu endlini kaPhonsiyo Philathu; (*Mat 27,26-31*).
3. Asikhumbuleni ukufakwa kukaJesu umqhele wameva ekhanda; (*Marko 15,16-20*).
4. Asikhumbuleni ukuthwala kukaJesu isiphambano esiya entabeni yaseKhalivari; (*Mat 27,27-32*).
5. Asikhumbuleni ukubethelwa kukaJesu esiphambanweni lokufa kwakhe; (*Mat 27,35-56*).

D. Indaba zobukhosi:

1. Asikhumbuleni ukuvuka kukaJesu Kristu ekufeni; (*Joha 20,1-29*).

2. Asikhumbuleni ukwenyukela kukaJesu Kristu ezulwini; (*Luka 24,50-53*).
3. Asikhumbuleni ukwehlela kukaMoya oNgcwele kubaPhostoli; (*Seb 2,1-4*).
4. Asikhumbuleni ukwenyuselwa kukaMariya ongcwele ezulwini; (*1 Kor 15,20-28*).
5. Asikhumbuleni ukubekwa kukaMariya abe yinkosikazi yezithunye labangcwele bonke; (*Isam 12,1-6*)

IRosali lezinsizi eziyisikhombisa zikaMariya oNgcwele.

IRosali le iqaliswa ngendlela ejwayelekileyo. Ilezigaba eziyisikhombisa. Endaweni yokuthandaza oEkuhle Mariya abalitshumi, uzathandaza Ekuhle Mariya abayisikhombisa kuphela.

1. Usizi uMariya aba lalo ebikelwa nguSimiyoni ukuthi inhliziyi yakhe yayizagwazwa ngomhedla; (*Luka 2,41-52*).
2. Usizi uMariya aba lalo ebalekela eGibithe leNdodana yakhe, ekuzingelweni kwayo nguHerodi; (*Mat 2,13-15*).
3. Usizi uMariya aba lalo edinga iNdodana yakhe eyayilahlekile, wayifumana eJerusalema ngemva kwensuku ezintathu; (*Luka 2,41-50*).
4. Usizi uMariya aba lalo elandela iNdodana yakhe endleleni yokuya eKhalivari; (*Luka 23,27*).
5. Usizi uMariya aba lalo ebona indodana yakhe ilenga, ifela esiphambanweni; (*Joha 19,25-27*).
6. Usizi uMariya aba lalo esamukela isidumbu seNdodana yakhe.
7. Usizi uMariya aba lalo ebona ukungcwatshwa kweNdodana yakhe; (*Luka 23,50-56*).

iRosali yesihawu sikaNkulunkulu.

(Divine Mercy chaplet)

Sikhuleka sisebenzisa iRosali

1. **Baba wethu**
2. **Ekuhle Mariya**
3. **Ngiyakholwa**
4. Dinga eBhayibhilini isifundo esimayelana lesihawu sikaNkulunkulu, unakane ngaso.
5. Letha izikhalazo zakho kuNkulunkulu.
6. Phambi kwaleso laleso sigaba seRosali, khuleka umkhuleko olandelayo:

**Baba olaphakade,
nginikela kuwe uMzimba leGazi,
uMoya lobuNkulunkulu,
beNdodana yakho ethandekayo kuwe,
iNkosi yethu uJesu Kristu.
Nginikela kuwe konke lokhu
ukuba kube yinhlawulo yezono zethu
lezabantu bonke.**

7. Tshono amazwi alandelayo kalitshumi
**Ngokusihluphekela kwakhe uJesu,
woba lesihawu kithi
lasebantwini bonke. (10x)**

8. Amazwi wokuphetha liRosali uthi:
**Nkulunkulu oNgcwele,
Nkulunkulu Somandla,
Nkulunkulu oNgafiyo.
Woba lesihawu kithi,
lasebantwini bonke. (3x)**

AMALITHANI ANGWELE

ILithani lezitemo zikaNkulunkulu

Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**

Kristu, sihawukele - **Kristu, sihawukele.**

Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**

Nkulunkulu Yise wasezulwini - **sihawukele.**

Nkulunkulu Ndodana, Msindisi womhlaba -

Nkulunkulu Moya oNgcwele -

Buthathu obuNgcwele obunguNkulunkulu munye -

Mdali owadala izinto zonke, ezibonakalayo

lezingabonakaliyo -

Menzi owenza konke ngamandla akho

angelamkhawulo -

Somandla ongehlulwa lutho, ngoba amandla wonke

engawakho -

Mvelingqangi ongadabukanga, owawuvele ukhona

kusukela nini lanini -

Mlimophezulu, Wena ophezu kwakho konke

okusezulwini lasemhlabeni -

Nkosi, Wena oyiNkosi yamakhosi onke -

Baba, Wena onguYise weNkosi yethu uJesu Kristu,

lowezidalwa zonke -

Mbusi, Wena onguMbusi wababusi bonke -

Simakade, Wena ongagugiyiyo, ongafiyo, ongapheliyo

Mkhulumkhulu, Wena ongelinganiswe lasidalwa -

Yahwe, Nkulunkulu kaAbrahama lolsaka loJakobe -

Sebawothi, Nkulunkulu wamaxuku asezulwini

lasemhlabeni -

Nkazimulo elaphakade, Buhle obungelamkhawulo -

Ngqongqotshe wabongqongqotshe, Wena ogugelwa

yikho konke -

Ngonyama yezizwe zonke -

Dwala lemiphefumulo yethu -

IMIKHULEKO

Guqabadele, Wena odelisa konke! - **sihawukele.**
Ngobamakhosi yezingobamakhosi, Wena
okhothanyelwa ngamakhosi onke -
Buthathu obuNgcwele obunguNkulunkulu munye -
Mnikukulunga lomusa, Wena oyibuNgcwele
bobuNgcwele bonke -
Mdabuli owadabula imifula lezinlwandle lakho
konke okumangalisayo -
Mvelukhona, ongelasiqaliso lesicino! -
Alfa lo Omega, kuQalisa lokuCina, kuPhakama
lokuZika, kuQhela lokuNciphisa -
Thulasizwe wabothulasizwe, Wena olalelwa
yizithunywa zonke zasezulwini -
Nkulunkulu dondolo lwamazibuko -
Wena ongumthombo wokuphila -
Wena ongabonakaliyo -
Wena osendaweni zonke -
Wena okwazi konke -
Wena onaguqukiyo -
Wena onguwe wedwa oNgcwele lolungileyo -
Wena ongakhohlisiyo oliqiniso elimiyo -
Wena Dwala elilaphakade, Nqamatha -
Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -
Siphathe ngomusa Nkosi.
Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -
Sizwe Nkosi.
Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -
Sihawukele.
Kristu sizwe - **Kristu akusizwe.**

Kasikhulekeni: Nkulunkulu lanxa sonke singafanele ukuvula imilomo yethu ngenxa yokuthi siyizoni, kodwa sithembele esihawini sakho ngoba sabunjwa nguwe. Akuzwe ukucela kwethu, usihawukele, usigcwalise ngothando lwakho, wenze sikusebenzele ngeqiniso size sibonane lawe ubuso ngobuso emzini wakho ongcwele wasezulwini. Sicela lokhu ngoKristu iNkosi yethu. Amen.

ILithani lebizwe eliNgcwele likaJesu

Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**
Kristu, sihawukele - **Kristu, sihawukele.**
Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**
Nkulunkulu, Yise wasezulwini - **sihawukele.**
Nkulunkulu Ndodana, Msindisi womhlaba -
Nkulunkulu Moya oNgcwele -
Buthathu obuNgcwele obunguNkulunkulu munye -
Jesu, Ndodana kaNkulunkulu ophilayo -
Jesu, Kukhanya kukaNkulunkulu uYihlo -
Jesu, Nkazimulo lokuKhanya okulaphakade -
Jesu, Nkosi yodumo -
Jesu, Langa lokulunga -
Jesu, Ndodana yeVirigo uMariya -
Jesu, Wena obukekayo kakhulu -
Jesu, Nkulunkulu wobuqhawaga -
Jesu, Yise welizwe elizayo -
Jesu, Sithunywa sesivumelwano esikhulu -
Jesu, Wena onguMninimandla wonke -
Jesu, Olokubekezela okungapheliyo -
Jesu, Wena olalela ngokupheleleyo -
Jesu, OleNhliziyo echumileyo lethobekileyo -
Jesu, Mthandi wobumhlophe benhliziyo -
Jesu, Mthandi wethu -
Jesu, Nkulunkulu wokuthula -
Jesu, Sisusa sokuphila -
Jesu, Sibonelo sokulunga -
Jesu, Mtshisekeli wemiphefumulo -
Jesu, Nkulunkulu wethu -
Jesu, Nqaba yethu -
Jesu, Yise wabayanga -
Jesu, Gugu lamakholwa -
Jesu, Malusi olungileyo -

IMIKHULEKO

Jesu, Kukhanya kweqiniso - **sihawukele.**

Jesu, Kuhlakanipha okulaphakade -

Jesu, Kulunga okungapheliyo -

Jesu, Ndlela, leQiniso lokuPhila kwethu -

Jesu, Kuthokoza kwezithunywa zasezulwini -

Jesu, Nkosi yabaPhostoli -

Jesu, Mfundisi wababhali beVangeli eliNgcwele -

Jesu, Mandla leSibindi sabafelukholo -

Jesu, Kukhanya kwabavum'ukholo -

Jesu, Bumhlophe bamavirigo -

Jesu, Mqhele wabangcwele bonke -

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -

Siphathe ngomusa Nkosi.

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -

Sizwe, Nkosi.

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -

Sihawukele.

Jesu, sizwe - **Jesu, akusizwe.**

Kasikhulekeni: Nkosi Jesu Kristu, wena owathi:
Celani, lizakuphiwa, funani lizakufumana, qoqodani,
lizakuvulelwa; siyakuncenga ukuba usiphe inhliziyo
elothando njengeyakho, khona sizakuthanda ngenhli-
ziyo zethu zonke, sikudumise ngemilomo yethu, siku-
sebenzele ngezenzo zethu, singadinwa yikukudumisa.
Nkosi, yenza ukuba ibizo lakho eliNgcwele lesatshwe,
lithandeke, lidunyiswe emazweni onke. Sicela kuwe,
wena ophila ubusa loYihlo loMoya oNgcwele kuze kube
nini lanini. Amen.

ILithani leNhliziyo eNgcwele kaJesu

Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**

Kristu, sihawukele - **Kristu, sihawukele.**

Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**

Kristu, sizwe - **Kristu, akusizwe.**

Nkulunkulu, Yise wasezulwini - **sihawukele.**

Nkulunkulu, Ndodana, Msindisi womhlaba -

Nkulunkulu, Moya oNgcwele -

Buthathu obuNgcwele obunguNkulunkulu munye -

Nhliziyo kaJesu, Ndodana kaYise olaphakade -

sihawukele.

Nhliziyo kaJesu, wena owabunjwa nguMoya

oNgcwele esiswini sikaNyoko oliVirigo -

Nhliziyo kaJesu, wena ohlangene ngobuqotho leLizwi

likaNkulunkulu -

Nhliziyo kaJesu, elobukhosi obungapheliyo -

Nhliziyo kaJesu, wena olithempeli elingcwele,

likaNkulunkulu -

Nhliziyo kaJesu, wena oyiSithebe Sophezukonke -

Nhliziyo kaJesu, wena oyindlu kaNkulunkulu

lentuba yezulu -

Nhliziyo kaJesu, wena oliziko elivutha uthando -

Nhliziyo kaJesu, wena oyiSithebe sokulunga

lothando -

Nhliziyo kaJesu, wena ogcwele umusa lothando -

Nhliziyo kaJesu, wena onguMhome wokulunga konke -

Nhliziyo kaJesu, wena ofanele okudunyiswa

kokuphela -

Nhliziyo kaJesu, wena oyiNkosi lensika yezinhliziyi

zonke -

Nhliziyo kaJesu, wena okukhona kuwe wonke

umthapho wokuhlakanipha lolwazi -

Nhliziyo kaJesu, wena obuhlezi kuwe ubuNkulunku-

lu bonke -

IMIKHULEKO

Nhliziyo kaJesu, wena othandeka kakhulu kuYihlo -
sihawukele.

Nhliziyo kaJesu, wena esabelweyo sonke inotho
yakho engelamkhawulo -

Nhliziyo kaJesu, wena okhwabithwa yintaba
zaphakade -

Nhliziyo kaJesu, wena obekezelayo, ogcwele isihawu -

Nhliziyo kaJesu, wena obanothisayo labo abacela
kuwe -

Nhliziyo kaJesu, wena onguMthombo wokuphila
lobungcwele -

Nhliziyo kaJesu, wena ongumhlawuleli wezono zethu -

Nhliziyo kaJesu, wena owasuthiswa ngenhlamba -

Nhliziyo kaJesu, wena owalinyazelwa izono zethu -

Nhliziyo kaJesu, wena owalalela kwaze kwaba
sekufeni

Nhliziyo kaJesu, wena owagwazwa ngomkhonto -

Nhliziyo kaJesu, wena onguMthombo wenduduzo -

Nhliziyo kaJesu, wena oyikuphila lokuvuka kwethu -

Nhliziyo kaJesu, wena ongumlamuli wethu -

Nhliziyo kaJesu, wena othethelela izono -

Nhliziyo kaJesu, wena olusindiso lwabaletumba
kuwe -

Nhliziyo kaJesu, wena olithemba labafela kuwe -

Nhliziyo kaJesu, wena oyintokozo yabangcwele
bonke Mvana kaNkulunkulu wena osusa izono
zabantu - **Siphathe ngomusa, Nkosi.**

Mvana kaNkulunkulu wena osusa izono zabantu -
Sizwe, Nkosi.

Mvana kaNkulunkulu wena osusa izono zabantu -
Sihawukele.

Kristu, sizwe - **Kristu akusizwe.**

K. Jesu olenhliziyo echumileyo ithobile;

B. Akwenze ukuba inhliziyo zethu zifuze eyakho.

Kasikhulekeni: Nkulunkulu Somandla Simakade, ake ukhangele iNhliziyo yeNdodana yakho ethandekayo ka-khulu uJesu Kristu, ukhangele ukuzidela lokuzinikela kwakhe ehlawulela abalezono. Bathethelele izono zabo abakucelayo bethemba umusa wakho, ngenxa yebizo likaJesu Kristu iNdodana yakho, ehlezi ibusa kanye lawe, ndawonye loMoya oNgcwele kuze kube laphakade. Amen.

ILithani lenhlupheko kaJesu

Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**

Kristu, sihawukele - **Kristu, sihawukele.**

Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**

Nkulunkulu, Yise wasezulwini - **sihawukele.**

Nkulunkulu, Ndodana, Msindisi womhlaba -

Nkulunkulu, Moya oNgcwele -

Buthathu obuNgcwele obunguNkulunkulu munye -

Jesu, wena owahlupheka ensimini yaseGetsemani -

Jesu, wena owajuluka izithukuthuku zegazi

ekuhluphekeni kwakho -

Jesu, wena owazinikela ngokupheleleyo entandweni kaYihlo -

Jesu, wena owathwala izono zomhlaba -

Jesu, wena owanikelwa ungelacala -

Jesu, wena owabalekelwa ngabafundi bakho -

Jesu, wena owalandulwa nguSimoni Phetro -

Jesu, wena owathathelwa inkululeko yakho -

Jesu, wena omzimba wakho wadatshulwa

imvimvinya ngemvubu -

Jesu, wena owetheswa umqhele wameva ekhanda wahozwa -

Jesu, wena owanikwa icala ngofakazi bamanga -

Jesu, wena owagwethelwa ukufa emthethwandaba ungelacala -

IMIKHULEKO

Jesu, wena owathwala isiphambano esisindayo
kakhulu - **sihawukele.**

Jesu, wena owaqhutshwa uthule njengemvu elethwa
ekuhlathshweni -

Jesu, wena owahamba usiwa, ulimala, usindwa
yisiphambano -

Jesu, wena owahlutshulwa izigqoko zakho
kabuhlungu -

Jesu, wena owabethelwa esiphambanweni, wezwa
ubuhlungu obukhulu -

Jesu, wena owabalwa kanye lababi, wafela phakathi
kwamasela -

Jesu, wena owawungathi usudeliwe yibo bonke,
wahlutshwa yisizungu -

Jesu, wena owalalela kwaze kwaba sekufeni -

Jesu, wena owafa kabuhlungu esiphambanweni -

Jesu, wena owagwazwa ohlangothini ngomkhonto -

Jesu, wena owehliswa esiphambanweni,
wangcwatshwa elibeni -

Jesu, wena owehla waya endaweni yabafileyo -

Jesu, wena owavuka ngobukhosi ngosuku
lwesithathu

Bonke: Esiphambanweni, kulaph'okulosindiso -
Esiphambanweni, kulaph'okulokuphila -
Esiphambanweni, kulaph'okulethemba.

Thina zoni - **siyakuncenga, akusizwe.**

Ngenhlupheko zakho, siholele ekuzisoleni
lasekuphendukeni - **siyakuncenga, akusizwe.**

Sikhulule ezonweni zethu -

Senze sithande ukwenza intando yakho -

Sisize ukuba sithwale ngesibindi isiphambano sethu -

Senze sibekezele ekuhluphekeni -

Buyisela impilo enhle kwabagulayo -

Yemukela abafileyo ekhaya lakho lasezulwini -

Ake uvuselele umhlaba, uwenze ube ngopheleleyo -

Bonke: Esiphambanweni, kulaph'okulosindiso -
Esiphambanweni, kulaph'okulokuphila -
Esiphambanweni, kulaph'okulethemba.

Ukuze sibe lomoya wokuxolelana - **sisize,**

siyakuncenga Nkosi.

Ukuze sibe lomoya wokuthethelela, abasonayo -

sisize, siyakuncenga Nkosi.

Ukuze silungise ukuxabana lokungezwani ngothando
langokuthula - **sisize, siyakuncenga Nkosi.**

Ukuze sikubone ebantwini bonke -

Ukuze sikhangele bonke abadelelwayo njengezinini
zethu -

Ukuze sibone ubuso bakho kibo bonke abahlutshwa-
yo labasosizini -

Ukuze siwazi amandla asindisayo owasilethela wona
ngokusifela kwakho -

Ukuze singalahli ithemba loba sekunjani -

Bonke: Esiphambanweni, kulaph'okulosindiso -
Esiphambanweni, kulaph'okulokuthula -
Esiphambanweni, kulaph'okulethemba.

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -

Siphathe ngomusa, Nkosi.

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -

Sizwe, Nkosi.

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -

Sihawukele.

Kasikhulekeni: Siyakubonga Nkosi Jesu Kristu,
ngokuhlupheka langokusifela kwakho, ukuze sisindi-
swe. Akusiphe amandla ukuze lathi sithwale izipha-
mbano zethu ngokubekezela. Wena ophila ubusa kuze
kube laphakade. Amen.

ILithani leSidlo esiNgcwele

Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**

Kristu, sihawukele - **Kristu, sihawukele.**

Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**

Kristu, usizwe - **Kristu, akusizwe.**

Nkulunkulu, Yise wasezulwini - **sihawukele.**

Nkulunkulu Ndodana, Msindisi womhlaba -

Nkulunkulu, Moya oNgcwele -

Buthathu obuNgcwele obunguNkulunkulu munye -

Kristu, Sinkwa sokuphila -

Wena onguNkulunkulu loMuntu -

Wena ofihlakeleyo emehlweni ethu enyama -

Wena ohlala phakathi kwethu -

Wena oyiMvana yePhasika -

Wena Mthimba kazwe lonke -

Wena onguMthombo wokusila lobungcwele -

Wena Mondli wemiphefumulo yethu -

Wena Kuthokoza kwethu -

Wena olusindiso lwethu -

Wena Mduduzi wabalusizi -

Wena Mandla wabaphansi kokufa -

Wena Themba lemiphefumulo yethu -

Wena Sinkwa esivela ezulwini -

NgoMzimba wakho owaba nguMhlabiso leSidlo

ngenxa yethu - **Sikhulule, Nkosi.**

NgeGazi lakho elachithwa ngenxa yethu -

Sikhulule, Nkosi.

Ngothando lwakho olungelamkhawulo -

Ngokuba liqiniso kwakho kithi -

Ngokuhlala kwakho phakathi kwethu -

Ngokubuya kwakho ngobukhosi -

Thina zoni - **Akusizwe, siyakuncenga.**

Ukuze sibambelele okholweni - **Akusizwe,**

siyakuncenga.

Ukuze sifakaze ukufa kwakho - **Akusizwe,**
siyakuncenga.

Ukuze sidumise ukuvuka kwakho ekufeni -

Ukuze silangazelele umbuso wakho -

Ukuze simanyane ngasesithebeni sakho -

Ukuze kungabi loyedwa phakathi kwethu
ongakuhloniphiyo -

Ukuze siqedisise, izindlela zakho -

Ukuze usiqinise, sibambelele endleleni zakho -

Akusikhokhelele eSidlweni somthimba wokuphila
okulaphakade -

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -
Siphathe ngomusa, Nkosi.

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -
Sizwe, Nkosi.

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -
Sihawukele.

Kristu, sizwe - **Kristu akusizwe.**

Kasikhulekeni: Nkulunkulu, wena owasitshiyela iSa-
kramente elimangalisayo ukuba libe yisikhumbuzo
sokuhlupheka, lokufa lokuvuka kwakho; siyakuncenga
ukuba usisize sidumise ngemfanelo imfihlakalo ezi-
ngcwele zoMzimba leGazi lakho, ukuze sibe lokhu
sisizwa izithelo zosindiso lwakho. Wena ophila ubusa
kuze kube laphakade. Amen.

ILithani likaMoya oNgcwele

Nkosi, sihawukele, - **Nkosi, sihawukele**

Kristu, sihawukele, - **Kristu, sihawukele**

Nkosi, sihawukele, - **Nkosi, sihawukele**

Nkulunkulu Yise wasezulwini - **sihawukele**

Nkulunkulu Ndodana, Msindisi womhlaba -

Nkulunkulu Moya oNgcwele -

Buthathu obuNgcwele obunguNkulunkulu munye -
sihawukele

Moya oNgcwele oluqobo lunye, loNkulunkulu uYise,
leNdodana -

Sithembiso esiqinileyo sikaNkulunkulu uBaba -

Sithembiso esithandekayo lesilomusa omkhulu -

Sipho esivela kuNkulunkulu onguMphezu'konke -

Nsaba zokukhanya kwasezulwini -

Sisusa sokulunga konke -

Mthombo wamanzi okuphila -

Sithando somlilo otshabalalisa ububi bonke -

Sithando somlilo ovutha uthando -

Siphawulo sobuNgcwele bonke -

Mphakuleli wezipho zokoMoya wokulunga lokholo

Moya, wokuhlakanipha lokuqedisisa -

Moya, wokweluleka lesibindi -

Moya, wolwazi lokulunga -

Moya, wokwesaba iNkosi -

Moya, wokutshiseka lenhlawulelo -

Moya, womusa kaNkulunkulu, lowokukhuleka -

Moya, wothando, lowokuthula, lokuthokoza -

Moya, wokubekezela lokulangathela ubuhle -

Moya, oMnene, oPholileyo loThembekileyo -

Moya, wokuzithoba lokuzibamba lowobumsulwa -

Moya, osenza sibe ngabantwana bakaNkulunkulu

lezindlalifa -

Moya oNgcwele, Mduduzi wabalusizi -

Moya oNgcwele osenza sibe ngcwele -

Wena owawukhona ekuqaleni, uhambahamba phezu

kwamanzi -

Wena owafunzelela abangcwele, ukukhuluma

ngoNkulunkulu -

Wena owembesa uMama Mariya ngobungcwele -

Wena owaphathisa ekwemulweni okuyisimanga
kweNdodana kaNkulunkulu - **sihawukele.**
Wena owehlela phezu kweNkosi uJesu Kristu mhla
ebhabhathizwa -
Wena owabonakala unjengenlimi zomlilo mhla
usehlela kubaPhostoli ngosuku lwePhentekoste -
Wena osenza sizalwe kutsha -
Moya, kaNkulunkulu ohlala phakathi kwethu -
Moya, kaNkulunkulu oqondisa iBandla -
Moya, kaNkulunkulu ogcwalisa umhlaba wonke
ngobungcwele -
Moya oNgcwele, Moya kaNkulunkulu -
siyakuncenga akusizwe
Wena, ovusulela umhlaba ube mutsha -
siyakuncenga akusizwe
Wena, ogcwalisa inhliziyi zethu ngokukhanya kwakho -
Wena, oloba imilayo enhliziyweni zabantu -
Wena, olumathisa umlilo wothando lwakho
enhliziyweni zethu -
Wena osivulela isiphala senotho yomusa
kaNkulunkulu -
Wena osigcina sikuwe ngamandla akho asikhangayo -
Wena osifunzelela ngokukhanya kwakho
kwasezulwini -
Usiphe ulwazi lwakho oluqakathekileyo kithi -
Senze sithande abanye, njalo sibazwisise -
Sikhokhelele endleleni elandela imilayo yakho -
Akusenze silalele ukufunzelela kwakho -
Sifundise ukukhuleka, sikhuleke sikanye lawe -
Sembese uthando lesihawu, ukuze sibazwele abanye -
Akusikhusulele ukwesaba ububi -
Usikhokhelele ekwenzeni okulungileyo -
Akusiphe umusa kaNkulunkulu, lokulunga konke -
Senze siqinisele ngezikhathi zobunzima, sibambelele
ekulungeni -

Sicela ube nguMvuzo wethu olaphakade -

siyakuncenga akusizwe

Mvana kaNkulunkulu wena osusa izono zabantu -

siphathe ngomusa Nkosi

Mvana kaNkulunkulu wena osusa izono zabantu -

sizwe Nkosi

Mvana kaNkulunkulu wena osusa izono zabantu -

sihawukele

Kristu sizwe, - **Kristu akusizwe**

K. O, Nkulunkulu akwenze inhliziyi zethu
zihlambuluke.

B. Uzivuselele ngomoya wakho wokulunga.

Kasikhulekeni: Siyacela Baba olomusa omkhulu, akusiphe uMoya wakho, usikhanyisele, ulumathise inhliziyi zethu ngelangabi elitshabalalisa ububi bonke obukizo, uzenze zihlambuluke zifanele wena Mdali wazo. Moya oNgcwele akusiphe umusa wakho wasezulwini, usenze sithela izithelo zokulunga, ngemisebenzi yethu emihle esiyenzayo. Akwenze sibe yikukhanya okuzahuga abanye ukuba beze kuwe. Sicela ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

ILithani likaMariya oNgcwele

Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**
Kristu, sihawukele - **Kristu, sihawukele.**
Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**
Kristu, sizwe - **Kristu, akusizwe.**
Nkulunkulu, Yise wasezulwini - **sihawukele.**
Nkulunkulu, Ndodana, Msindisi womhlaba -
Nkulunkulu, Moya oNgcwele -
Buthathu obuNgcwele obunguNkulunkulu munye -
Mariya oNgcwele - sikhulekele.
Mzali oNgcwele kaNkulunkulu -
Virigo eliNgcwele emaVirigweni -
Nina kaKristu; Nina weBandla -
Nina womusa kaNkulunkulu -
Nina omsulwa ngokupheleleyo -
Nina olenhliziyo emhlophenke -
Nina ongangcoliswanga yibubi -
Nina onganindwanga ngesono -
Nina othandekayo kakhulu -
Nina obukekayo kakhulu -
Nina wezeluleko ezinhle -
Nina woMdali wethu -
Nina woMsindisi wethu -
Virigo elihlakaniphileyo kakhulu -
Virigo elihloniphekayo kakhulu -
Virigo elilodumo olukhulu -
Virigo elilamandla kakhulu -
Virigo elilomusa omkhulu -
Virigo elithembekileyo kakhulu -
Sibonelo sokulunga -
Sihlalo sokuhlakanipha -
Wena mthabisi wethu -
Mthombo wokomoya -

IMIKHULEKO

Sitsha esazisekayo - **sikhulekele.**

Sitsha esigcwele uthando lukaNkulunkulu -

Luba elingumangaliso -

Mvikeli wenzalo kaDavida -

Ndlu eyakhiwe ngezibalazo eziligugu -

Ndlu yegolide -

Ndlwana yesivumelwano Ntuba yezulu -

Khwezi lokusa -

Kusila kwezigulane -

Mvikeli wezoni -

Mduduzi wabalusizi -

Msizi wamakholwa -

Msizi wabapristi lezidelamhlaba! -

Nkosikazi yezithunywa zasezulwini -

Nkosikazi yabaPhatriyaki bonke -

Nkosikazi yabaProfethi bonke -

Nkosikazi yabaPhostoli bonke -

Nkosikazi yabafelukholo bonke -

Nkosikazi yabavumukholo bonke -

Nkosikazi yamaVirigo wonke -

Nkosikazi yabangcwele bonke -

Nkosikazi eyemulwa ingelasono semvelo -

Nkosikazi eyenyuselwa ezulwini -

Nkosikazi yeRosali elingcwele sibili -

Nkosikazi yokuthula -

Nkosikazi yezulu lomhlaba -

Nkosikazi yezizwe zonke! -

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -

Siphathe ngomusa Nkosi.

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -

Sizwe, Nkosi.

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -

Sihawukele.

Kristu, sizwe - **Kristu, akusizwe.**

Kasikhulekeni: Nkosi, Nkulunkulu Baba, akuvume ukuba thina zikhonzi zakho, sibe lempilo yomoya leyomzimba; lokuba kuthi ngokusicelela okulamandla kukaMariya oNgcwele, oliVirigo kokuphela, siphephe ezinsizini zalokhu kuphila, sifinyelele entokozweni elaphakade. Sicela ngoKristu iNkosi yethu. Amen.

ILithani likaJosefa oNgcwele

Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**

Kristu, sihawukele - **Kristu, sihawukele.**

Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**

Kristu, sizwe - **Kristu, akusizwe.**

Nkulunkulu, Yise wasezulwini - **sihawukele.**

Nkulunkulu, Ndodana, Msindisi womhlaba -

Nkulunkulu, Moya oNgcwele -

Buthathu obuNgcwele obunguNkulunkulu munye -

Mariya ongcwele - sikhulekele.

Josefa ongcwele -

Wena oyinzalo edumileyo kaDavida -

Josefa ongcwele, kukhanya kwabaPhatriyaki -

Josefa ongcwele, myeni woMzali kaNkulunkulu -

Josefa ongcwele, mlondolosi omsulwa weVirigo

uMariya -

Josefa ongcwele, mondli weNdodana kaNkulunkulu

Josefa ongcwele, mvikeli olesinanzo kuKristu -

Josefa ongcwele, nhloko yendlu eNgcwele

yaseNazaretha -

Josefa ongcwele, wena olunge kakhulu -

Josefa ongcwele, wena olenhliziyo emhlophe kakhulu -

Josefa ongcwele, wena ohlakaniphileyo kakhulu -

Josefa ongcwele, qhawe elilesibindi -

Josefa ongcwele, sibonelo sokulalela okukhulu -

Josefa ongcwele, sibonelo sokuthembeka okukhulu -

Josefa ongcwele, sibonelo sokubekezela -

IMIKHULEKO

Josefa ongcwele, wena mthandi wobuyanga -
sikhulekele.

Josefa ongcwele, sibonelo sezisebenzi -

Josefa ongcwele, sibonelo sobuhle bokuhlalisana
kuhle endlini -

Josefa ongcwele, mlondolozi wamavirigo -

Josefa ongcwele, mqinisi wezimuli -

Josefa ongcwele, mduduzi wabalusizi -

Josefa ongcwele, themba labagulayo -

Josefa ongcwele, mmeli wabaphansi kokufa -

Josefa ongcwele, wena owethusela imimoya emibi -

Josefa ongcwele, mlondolozi weBandla eliNgcwele -

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -

Siphathe ngomusa, Nkosi.

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -

Sizwe, Nkosi.

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -

Sihawukele.

K. Nkulunkulu wamenza inkosi yendlu yakhe.

B. Lomlondolozi wezinto zakhe zonke.

Kasikhulekeni: Nkulunkulu, owathi ngokunanzelela kwakho okumangalisayo wakhetha uJosefa oNgcwele ukuba abe ngumyeni kaNina weNdodana yakho. Siyakubonga. Njengoba simdumisa lapha emhlabeni, siyakuncenga ukuba njengomlondolozi wethu asikhulekele ezulwini. Sicela ngoKristu iNkosi yethu. Amen.

ILithani labaNgcwele bonke

Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**
Kristu, sihawukele - **Kristu, sihawukele.**
Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**
Kristu, sizwe - **Kristu, akusizwe.**
Nkulunkulu, Yise wasezulwini - **sihawukele.**
Nkulunkulu, Ndodana, Msindisi womhlaba -
Nkulunkulu, Moya oNgcwele -
Buthathu obuNgcwele obunguNkulunkulu munye -
Mariya oNgcwele - **sikhulekele.**
Mzali oNgcwele kaNkulunkulu -
Mikhayeli ongcwele -
Lina lonke zithunywa ezingcwele - **lisikhulekele.**
Johane ongcwele Mbhabhathizi - sikhulekele.
Josefa ongcwele -
Phetro loPhawuli abangcwele - lisikhulekele.
Johane ongcwele - **sikhulekele.**
Jakobe ongcwele - **sikhulekele.**
Mathewu ongcwele -
Marko ongcwele -
Luka ongcwele -
Lina lonke baPhostoli lababhali beBhayibhili
elingcwele - **lisikhulekele.**
Mariya Magadalena ongcwele - sikhulekele.
Stefane ongcwele -
Jowakhimu loAna abangcwele - **lisikhulekele.**
Ignasiyo weAntiyoki ongcwele - **sikhulekele.**
Lorensi ongcwele -
Perpetua loFelisitasi abangcwele - lisikhulekele.
Agnesi ongcwele - sikhulekele.
Gregori ongcwele -
Agastini ongcwele -
Monika ongcwele -

Athanasio ongcwele - **sikhulekele.**

Basili ongcwele -

Martini ongcwele -

Benedikti ongcwele -

Fransisi waseAssisi ongcwele -

Fransisi Zeviya ongcwele -

Johane Viyani ongcwele -

Khatharina ongcwele -

Thereziya ongcwele -

Lina lonke bangcwele besilisa labesifazana -

lisikhulekele.

Lina bafelukholo baseUganda abangcwele -

Lina lonke bangcwele baseAfrika -

Lina lonke bokhokho bethu abasindisiweyo -

lisikhulekele.

Lina lonke zihlobo zethu ezisindisiweyo -

Lina lonke bobaba labomama abasindisiweyo -

Lina lonke bangcwele bakaNkulunkulu -

Yiba lomusa kithi Nkosi - **sithethelele**

Yiba lomusa kithi Nkosi - **akusizwe**

Ebubini bonke - **sisindise Nkosi.**

Ezonweni zonke - **sisindise Nkosi.**

Ekujunyweni yikufa singazilungiselelanga -

Ezithiyweni zikaSathane -

Olakeni, lasenzondweni lasezifisweni ezimbi -

Emibaneni lasezingozini zemvelo -

Endlaleneni lasezinsweleni zethu - **sisindise Nkosi.**

Kuzifo ezithelelwanwayo, lasezimpini -

Ekulahlweni okulaphakade -

Ngemfihlo engcwele yokuba nguMuntu kwakho -

Ngokuzalwa kwakho -

Ngokuhlupheka langokubethelwa kwakho

esiphambanweni -

Ngokufa langokuvuka kwakho -

Ngokwenyukela kwakho ezulwini - **sisindise Nkosi.**

Ngokwehla kukaMoya oNgcwele -

Ngosuku lokuthonisiswa -

Thina zoni - **akusizwe, siyakuncenga.**

Akusiphathe ngomusa - **akusizwe, siyakuncenga.**

Akusithethelele izono zethu -

Akusenze siphenduke ngobuqotho ezonweni -

Ake ubusise, ulondoloze iBandla lakho elingcwele -

Ake uqinise uPhapha, ongumlandeli kaPhetro
umphostoli -

Ake uqinise bonke abakhokheli beBandla -

Akwenze ukuba ababusi bomhlaba bahlalisane
ngokuthula langokuzwana -

Akwenze amaKristu onke ahlalisane ngokuthula abe
nhliziyonye - **akusizwe, siyakuncenga.**

Ake usiqinise okholweni lwethu -

Ake uvuselele wonke amakholwa awileyo eBandleni
lakho -

Ake uphendule abangakholwayo bemukele
ukukhanya kweVangeli -

Ake ubaphe bonke abasenzela okuhle abaphilayo
labafileyo umvuzo olaphakade -

Akusivikele ekulahlweni okulaphakade - **akusizwe,
siyakuncenga.**

Ake usiphe izulu elaneleyo -

Akuphe amakholwa afileyo, ukuphumula
okungapheliyo -

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -
Siphathe ngomusa, Nkosi.

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -
Sizwe, Nkosi.

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -
Sihawukele.

Kasikhulekeni: Nkulunkulu olaphakade, Mninima-ndla wonke, wena obusa abalapha emhlabeni labasezulwini. Siyakubonga. Hawukela bonke abaziletha kuwe ubathethelele izono zabo ngokucelelwa kwabo ngabangcwele bonke. Sicela ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

ILithani labafelukhholo baseUganda

Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**
Kristu, sihawukele - **Kristu, sihawukele.**
Nkosi, sihawukele - **Nkosi, sihawukele.**
Nkulunkulu, Yise wasezulwini - sihawukele.
Nkulunkulu, Ndodana, Msindisi womhlaba -
Nkulunkulu, Moya oNgcwele -
Buthathu obuNgcwele obunguNkulunkulu munye -
Charles Lwanga, ongcwele, mmeli wentanga entsha
yaseAfrika - **sikhulekele.**
Mathiyasi Mulumba ongcwele, wena owawungu-
mkhokheli oqotho -
Josefa Mukasa, mfelukhholo wokuqala waseUganda -
Denisi Sebugwawo ongcwele, sibonelo sokuziphatha
ngenhlonipho -
Pontiyani Ngondwe, sibonelo sokuthembeka -
Andreya Kagwa ongcwele, sibonelo sabatshumayeli -
Athanasio Bazezikhetha ongcwele, mlondolazi
wamagugu eNkosi -
Gonzaga Gonza ongcwele, mhawukeli wezibotshwa
lezihlupheki -
Nowa Mawagali ongcwele, mthandi wobuyanga
baseVangelini -
Luka Banabakintu ongcwele, mlingiseli oqotho
kaKristu -
Jakobe Buzabaliyawo ongcwele, butho eliqinileyo
likaKristu -
Giyavila ongcwele, sibonelo sokuthethelela
abasonayo -
Ambrosi Kibuka ongcwele, sibonelo sokuthanda
umakhelwane -



Anathole Kirigwajo ongcwele,
sibonelo sokuzidela
lokuzinikela - **sikhulekele.**

Achilesi Kiwanuka ongcwele,
sibonelo sokuzahlukanisela
uKristu -

Khizitho ongcwele, nkanyezi
yobumhlophe benhliziyo -

Mbaga Tuzinde ongcwele,
sibonelo sokunqoba
ukwalelwa ngabazali -

Mugaga ongcwele, qhawe
lobumhlophe benhliziyo -

Mukasa Kiriwawamvu
ongcwele, sibonelo
sokutshisekela ukholo -

Adolfu Ludigo ongcwele, sibonelo sokuzidela ngenxa
yabanye -

Bruno Serunkuma ongcwele, sibonelo sokuzithinta -
Johane Muzeyi ongcwele, sibonelo sokweluleka
lomusa -

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -
Siphathe ngomusa, Nkosi.

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -
Sizwe, Nkosi.

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zabantu -
Sihawukele.

Kristu, sizwe - **Kristu, akusizwe.**

Kasikhulekeni: Nkulunkulu Mninimandla wonke lesi-
hawu sonke, wena okhanyisela umhlaba wonke ngoku-
khanya kweqiniso lakho, owathi ngabafelukholo abadu-
mileyo baseUganda, uMathiyasi loCharles labangane
babo, wabonakalisa amandla omusa wakho, waphinda
wenza izimangaliso zokholo emazweni aseAfrika; aku-

sizwe thina esicela kuwe ngokuzithoba, kuthi ngokusi-celela kwabo, usiphe amandla okugcina isipho sokholo lomusa wakho; wenze ukuba emazweni onke amakholwa akukhonze ngokulunga okupheleleyo. Sicela ngokristu iNkosi yethu. Amen.

ILithani lezwekazi laseAfrika

Nans'iAfrika, Godogodo olumnyama; wena ngqabutho eyathathelwa ubungqabutho ngabanye ngenxa yesinono sakho! - **Nkosi busisa iAfrika.**

Nans'iNqaba okwaphephela kiyo uMsindisi womhlaba lapho ethungathwa yinkosi uHerodi owayefuna iGazi lakhe! - **Nkosi busisa iAfrika.**

Wakwamukela ukukhanya komhlaba kungakawukhanyiseli, wakufihla ngasemsamo wakho isitha saze sakhothama - **Nkosi busisa iAfrika.**

Izimpi zikaMuhamadi zakuhlasela emaphethelweni akho asenyakatho, zahlanyela ukholo lwazo kuwe - **Nkosi busisa iAfrika.**

Kodwa ukukhanya kobuKristu kwaklasa njalonjalo kuwe, ikakhulu kumagumbi akho aseningizimu lasempumalanga, lasenzikini yakho - **Nkosi ...**

Tshwaphuluka mdondotshiya, khwezi elimnyama, gqoza emagqozeni! - **Nkosi busisa iAfrika.**

Lothuka ume phakathi kwababangisi bakho ulingane labo! Khazimula ngenkazimulo kaKristu ngenabanye, uphucuke, uphumelele, uthele izithelo ezinhle, uqhele uyephambili njengabanye - **Nkosi...**

Phakamisa isibane semfundo lokholo lokuzicola, ukhanyisele abantwabakho, babe lemiphefumulo esindisiweyo, lengqondo ezikhaliphileyo, lemizimba elempilo enhle - **Nkosi busisa iAfrika.**

Siqhwa gesesatshwa zingwazi lamaqhawe omhlaba, ngoba insinga leziqwanga zakho zikhomba ikusasa yobungqwele obukhulu - **Nkosi busisa iAfrika.**

Woba liqhawe kwezokholo, ufuze uKristu!- **Nkosi**
Woba liqhawe kwezembeko lobuntu, ufuze okhokho! -
Nkosi busisa iAfrika.

Woba liqhawe elilwisa ububi, wakhe iAfrika entsha
lamaAfrika aqotho! - **Nkosi busisa iAfrika.**

Woba yingwazi elwisa imikhuba emibi yalumhlaba,
uqede umonakalo osugcwele kuzingonsi zakho
zonke - **Nkosi busisa iAfrika.**

Afrika, woba litswayi lamanye amazwe omhlaba! -
Nkosi busisa iAfrika.

Afrika, woba yikukhanya komhlaba lokwezizwe
zonke! - **Nkosi busisa iAfrika.**

Yehlula izimpi, indlala, ubuyanga, ukungazi,
imikhuhlane - **Nkosi busisa iAfrika.**

Kakube njalo; kube njalo kuze kube nini lanininini.
Amen.


INDLELA YESIPHAMBANO

Umkhuleko wokuvula

O! Jesu wami sengizanakana ngokuhlupheka kwakho
okukhulu owakuzwa ngenxa yami, ngikubonge, ngoba
wazinikela ekufeni ngenxa yokungithanda; wahlawule-
la amacala ami, ebengifanele ukuhlawuliswa ngenxa
yawo.

O! Jesu wami, ngosizi lwakho olungaka owehlelwa yilo
ngenxa yami, ngiyakuncengisisa ukuba ungiphe umusa
wakho, ukuze ngiphenduke ngokupheleleyo, ngiyekele
ukona, ngizisole ngezono zami, ngibuyele kokuphela
kuwe Jesu Msindisi wami. Amen.

*Ingoma: Nangu Nina ebuhlungu,
emi esiphambanweni,
kuMntanakhe ebethelwe.*



1. UJesu uyanikelwa ukuba abulawe

K. Siyakhuleka kuwe Kristu, sikudumisa.

B. Ngoba wasindisa umhlaba ngesiphambano sakho esingcwele.

Isifundo: Marko 15,1-15.

K. Abapristi abakhulu labadala lomphakathi wonke, benza icebo, bambopha uJesu, bamtshaya, bamqhuba, bamnikela kuPhilathu. UPhilathu wambuza wathi: “Wena uyinkosi yamaJuda na?” UJesu wathi kuye: “Kutsho wena.” UPhilathu wathanda ukumkhulula ngoba engelacala. Kodwa ngenxa yokwesaba ixuku wamnikela ukuba abethelwe. (*Thula ucabange*)

Kasikhulekeni: O! Jesu wami, wena owathula ulahlwa ungelacala, wabekezela, kawaze waphendula lelilodwa ilizwi; akungiphe inhliziyo efana leyakho, ukuze lami ngithule, ngibekezele lapho abantu benginyeya, bengithuka, lalapho bekhuluma izinto ezimbi ngami.

K. O! Jesu obethelweyo.

B. Sihawukele.

*Ingoma: Esakhala, O! kwangathi,
uhlatshiwe ngesihedla,
yathi saka inhliziyo.*

2. UJesu uthwaliswa isiphambano sakhe

K. Siyakhuleka kuwe Kristu, sikudumisa.

B. Ngoba wasindisa umhlaba ngesiphambano sakho esingcwele.

K. “Bamthathake uJesu, waphuma ethwele isiphambano sakhe, waya endaweni ethiwa yiNdawo yokhakhayi, ngesiHeberu, iGolgotha; (*Joha 19,17*). (*Thula ucabange*)

Kasikhulekeni: O! Jesu wami, wena owavuma intando kaYihlo wasezulwini, wathwala isiphambano esisindayo kakhulu, walalela kwaze kwaba sekufeni esiphambanweni. Akungiphe amandla okuba lami ngibekezelele ukuthwala isiphambano sokholo, ngigcine imilayo yakho, ngilalele imfundiso yeBandla, ngenze intando yakho kokuphela.

K. O! Jesu obethelweyo.

B. Sihawukele.

*Ingoma: O! ngosizi lobuhlungu,
abuzwayo uMariya,
esefelwa nguMntanakhe.*

3 UJesu uyawa ngokokuqala esindwa yisiphambano

K. Siyakhuleka kuwe Kristu, sikudumisa.

B. Ngoba wasindisa umhlaba ngesiphambano sakho esingcwele.

K. Wasesuka uJesu wahamba ethwele isiphambano eqonda eKhalivari. Umzimba wakhe wawusubuthakathaka kakhulu, ngoba wayewophe igazi elinengi. Ngenxa yalokhoke, waphelwa ngamandla, wawa phansi, isiphambano sawela phezu kwakhe, sabuya sathunuka

amanxeba akhe, aphuma igazi futhi ngamandla.
(*Thula, ucabange*).

Kasikhulekeni: O! Jesu wami, lanxa wawusizwa ubuhlungu obukhulu ngokuwa kwakho usindwa yisiphambano, wawuvuka, uqhubekele phambili, ngenxa yothando lwakho olukhulu kithi. Akungiphe lami uthando olukhulu, oluqotho, ukuba ngikuthande phezu kwezinto zonke, ngingavumi ukuba ngehlukaniswe yilutho lawe.

K. O! Jesu obethelweyo.

B. Sihawukele.

*Ingoma: Wema khona, elusizi,
ekhalela iNdodana,
ihlupheka, ibuhlungu.*

4. UJesu uhlangana loNina endleleni

K. Siyakhuleka kuwe Kristu, sikudumisa.

B. Ngoba wasindisa umhlaba ngesiphambano sakho esingcwele.

K. UJesu ethwele isiphambano sakhe wahlangana loNina endleleni. Inhliziyo kaNina yagwazwa ngumhedla wobuhlungu. Laye uJesu wadabuka kakhulu ebona uNina elusizi; (*Luka 2,35*). (*Thula, ucabange*).

Kasikhulekeni: Nkosi Jesu Kristu, abafundi bakho bakubalekela, kodwa uNyoko wakulandela elusizi, engesabi. Lathi nxa sisebunzimeni, sekungathi sesideliwe yibo bonke, uNyoko uMariya, nguMama wethu sonke, uhlala lathi esiduduza, esisiza, nxa simcela. Sisize ukuba simlingise, singakutshiyi loba sekunjani, sibaduduze kokuphela abahluphekayo.

K. O! Jesu obethelweyo.

B. Sihawukele.

*Ingoma: Kambe kungabe ekhona,
ongambon'uNina lowo,
elusizi engakhali?*

5. USimoni waseKureni, uyamthwalela uJesu isiphambano.

K. Siyakhuleka kuwe Kristu, sikudumisa.

B. Ngoba wasindisa umhlaba ngesiphambano sakho esingcwele.

K. Njengoba uJesu wayebuthakathaka, ehamba esiwa, kwaba sobala ukuthi umthwalo wawumsinda. Amabutho abamba ngamandla umuntu othiwa nguSimoni waseKureni, owayedlula evela egangeni, ukuba athwale isiphambano sakhe; (*Marko 15,21*). (*Thula, ucabange*).

Kasikhulekeni: O! Jesu wami, inhliziyi yakho igcwele isihawu lothando, ngakhoke wemukela usizi lolo olwesabekayo, lokuhlutshwa ngesihluku esikhulu, ukuze usizuzele ukuthokoza okulaphakade. Siyakubonga ngokusithanda kwakho kangaka, Nkosi. Akuvume ukuba lathi sikuphumuze, njengoSimoni emthwalweni wakho onzima, ngokukusebenzela ngenhliziyi yonke, langokusiza omakhelwane.

K. O! Jesu obethelweyo.

B. Sihawukele.

*Ingoma: O! ngubani ongahawulwa,
nguMariya elusizi,
ekhalela uMntanakhe?*

6. UVeronika uyesula ubuso bukaJesu.

K. Siyakhuleka kuwe Kristu, sikudumisa.

B. Ngoba wasindisa umhlaba ngesiphambano sakho esingcwele.

K. Ubuso bukaJesu sebugcwele igazi, lezithukuthuku, lamathe amaJuda ayemkhafulela ngawo, owesifazana othiwa nguVeronika, wasondela kuJesu engesabi amabutho ayemqhuba, wesula ubuso ngeqhiye, kwasalela umfanekiso wobuso bukaJesu eqhiyeni. (*Thula, ucabange*)

Kasikhulekeni: O! Jesu wami, sengibona ukuthi lami ngangcolisa ubuso bakho, lapho ngangithuka abanye, ngibanyeya, ngibulala amabizo abo ngokukhuluma kubi ngabo, ngoba lokho engangikwenza kibo, ngangikwenza kuwe. Akungisize ngamandla akho, ukuba ngibuyisele amabizo abo amahle engawabulalayo, ngilungise wonke, umonakalo engawenzayo ngokukhuluma.

K. O! Jesu obethelweyo.

B. Sihawukele.

*Ingoma: UMntanakhe amthandayo,
owambona ebulawa,
ngenxa yamacala ethu.*

7. UJesu uyawa ngokwesibili esindwa yisiphambano

K. Siyakhuleka kuwe Kristu, sikudumisa.

B. Ngoba wasindisa umhlaba ngesiphambano sakho esingcwele.

K. Umthwalo wezono zethu zonke ayewuthwele, lobuhlungu bokutshiywa ngabafundi bakhe, lokuhlekwa, lokukulolodelwa ngamaxuku, kanye lobuhlungu bomzimba, konke lokhu kwamenza waphelwa ngamandla uJesu, wabuya wawa phansi ngokwesibili, walimala kakhulu; (*Isaya 53,4-6*). (*Thula, ucabange*).

Kasikhulekeni: O! Jesu wami, yisono sami engisiphindaphinda kanengi, esabangela ukuba uwe futhi usindwa yisiphambano. Akunginike amandla okusehlula lesa sono, ngixwaye izingozi zaso, ngingaphindi ngisenze futhi.

K. O! Jesu obethelweyo.

B. Sihawukele.

*Ingoma: Wayibona iNdodana,
idanile, ilayela,
isifela thina zoni.*

8. Abesifazana baseJerusalema bayamkhalela uJesu

K. Siyakhuleka kuwe Kristu, sikudumisa.

B. Ngoba wasindisa umhlaba ngesiphambano sakho esingcwele.

K. Ethwele isiphambano sakhe uJesu, walandelwa lixuku elikhulu labantu; kwakukhona labesifazana ababemkhalela, bemlilela. Kodwa uJesu ephendukela kibo wathi: “Madodakazi aseJerusalema, lingangikhalileli mina, kodwa zikhaleleni lina labantwana benu” (*Luka 23,27-28*). (*Thula, ucabange*)

Kasikhulekeni: O! Jesu wami, akwenze ukuba ngingakhali ngenxa yobuhlungu bomzimba lenhlupheko zalumhlaba, kodwa ngikhale ngenxa yezono zami, - ngazo, ngoba yizo eziyisisusa sokuhlupheka lokufa kwakho, yizo futhi ezingangitshonisa emlilweni ongapheliyo wasesihogweni.

K. O! Jesu obethelweyo.

B. Sihawukele.

*Ingoma: Nina mthombo wokuthanda,
akungicelel'uthando,
ngizwe lawe ubuhlungu.*

9. UJesu uyawa ngokwesithathu esindwa yisiphambano.

K. Siyakhuleka kuwe Kristu, sikudumisa.

B. Ngoba wasindisa umhlaba ngesiphambano sakho esingcwele.

K. Wathi esesondele endaweni yokubethelwa, uJesu wabuya wawa phansi ngokwesithathu, walimala okwesabekayo. Amabutho eza, amvusa ngolunya, emsunduzela phambili. (*Thula, ucabange*).

Kasikhulekeni: O! Jesu wami, kwenziwa yini ukuba uphinde njalo ukuwa phansi kabuhlungu usindwa yisiphambano na? Kwenziwa yizingozi zokona engingazi-xwayiyo, engibuyela kuzo kanengi, zingiwisela ezonweni ngezikhathi zonke. Akungiphe lamhla inhliziyo ezimisele ukuthi: Kungcono ukukhupha ilihlo nxa lingonisa, loba ukuquma izandla lezinyawo nxa zingonisa, kulokuba ngikuwisele phansi ngezono zami, ngizingenise esihogweni.

K. O! Jesu obethelweyo.

B. Sihawukele.

*Ingoma: Bas'enhliziyweni yami,
ilangabi lokuthanda,
uMsindis'u Jesu wami.*

10. UJesu uhlutshulwa izigqoko zakhe

K. Siyakhuleka kuwe Kristu, sikudumisa.

B. Ngoba wasindisa umhlaba ngesiphambano sakho esingcwele.

K. Wathi uJesu esezabethelwa amabutho amhlabubula izigqoko. O! ngobuhlungu abuzwayo uMsindisi wethu bemhlabubula izigqoko zakhe ezasezinamathele emanxebeni akhe. Kwasekungani yikuvuselela njalo amanxeba akhe ayebuhlungu kangaka. Wajuluka igazi ngenxa yezono zethu. (*Thula, ucabange*).

Kasikhulekeni: O! Jesu wami, akungiphe inhliziyo ezonda ngenzondo enkulu zonke izono ezingangcolisa ubumhlophe benhliziyo, ngizixwaye sibili, ngixwaye lezingozi zazo. Ungavumi ukuba ngingcolise ngesono umzimba wami olithempeli likaMoya oNgcwele, ngiwungcolisa ngesono esingabhuhisa umzimba lomphemu-mulo wami, singitshonise osizini olungapheliyo.

K. O! Jesu obethelweyo.

B. Sihawukele.

*Ingoma: Mama unamathisele,
amanxeba oMntanakho,
ezinhliziyweni zethu.*

11. UJesu uyabethelwa esiphambanweni

K. Siyakhuleka kuwe Kristu, sikudumisa.

B. Ngoba wasindisa umhlaba ngesiphambano sakho esingcwele.

K. Sebefikile endaweni ethiwa uKhakhayi, bambethela khona kanye labaphangi, omunye ngakwesokunene, omunye ngakwesokhohlo. O! ngobuhlungu abuzwayo uMsindisi wethu, izipikili zibhoboza izandla lenyawo zakhe zizihlanganisa lesiphambano. Kodwa wabekezela ethule, ngoba kuyintando kaYise, langoba engithanda. UJesu wasesithi: “Baba, bathethelele, ngoba kabakwazi abakwenzayo; (Luka 23,34).” (*Thula, ucabange*).

Kasikhulekeni: O! Jesu wami, yikungithanda kwakho okwenza ukuba uvume ukubethelwa ngesihluku esiphambanweni. Ngenxa yokungithanda kwakho kangaka, ngiyacela ukuba ubase enhliziyweni yami umlilo omkhulu wokukuthanda, ngikuthande kulakho konke langenhliziyweni yami yonke, ngikuthande ekujabuleni lasekuhluphekeni, ngingavumi ukwahlukaniswa lawe lanini. Jesu, ngiyakuphilela; Jesu ngiyakufela; Jesu ngingowakho khathesi laphakade. Amen.

K. O! Jesu obethelweyo.

B. Sihawukele.

*Ingoma: Yenz'ukuba ngimkhumbule,
owafela mina soni,
ngingamkhohlwa ngize ngife.*

12. UJesu uyafa esiphambanweni.

K. Siyakhuleka kuwe Kristu, sikudumisa.

B. Ngoba wasindisa umhlaba ngesiphambano sakho esingcwele.

K. Kwakusemini, kwabamnyama elizweni lonke, kwaze kwaba yiAwa yesithathu ntambama, kwafiphala ilanga, lelembu lethempeli ladabuka phakathi. UJesu wame-meza ngelizwi elikhulu esithi: “Baba, ezandleni zakho ngibeka umoya wami”. Esetshilo lokhu, wafa; (*Luka 23,44-46*). (*Thula, ucabange*).

Kasikhulekeni: O! Jesu wami, owathi usesiphambanweni wakhulekela abakubulalayo, wabathethelela usithi: Baba, bathethelele, ngoba kabakwazi abakwezayo, akungiphe inhliziyo echumileyo, ethethelela masinya abangonayo, lebuyisela ngokuhle okubi engikwenzelwa ngabanye. Ngisize, Nkosi, ukuba lami ngithande izitha zami njengawe.

K. O! Jesu obethelweyo.

B. Sihawukele.

*Ingoma: Akuvume ngime lami,
esiphambanweni lawe,
simkhalel'olenga kiso.*

13. UJesu ubekwa ezingalweni zikaNina.

K. Siyakhuleka kuwe Kristu, sikudumisa.

B. Ngoba wasindisa umhlaba ngesiphambano sakho esingcwele.

K. Kwathi esefile uJesu, wehliswa esiphambanweni, uNina wamphatha ngengalo zakhe engakafakwa elibeni. O! ngobuhlungu abuzwayo uMariya, esemphe-the uMntanakhe oyedwa ayemthanda, esebona ukuthi usefile ngempela. (*Thula, ucabange*).

Kasikhulekeni: O! Jesu wami, wena owavuma ukuba uMzali wakho oNgcwele uMariya, aluzwe usizi olukhulu kangaka ekuhluphekeni lasekufeni kwakho, kodwa emukele intando kaYihlo, akungisize ukuba lami nge-mukele kokuphela intando kaNkulunkulu uBaba, ngisazi ukuthi uNkulunkulu umthumela izijeziso lenhlupheko emhlabeni lowo amthandayo, ukuze amuphe ukujabula okungapheliyo ezulwini.

K. O! Jesu obethelweyo.

B. Sihawukele.

*Ingoma: Ekuhluphekeni kwami,
Ngala ukusiza abazali na? Angizithintanga olakeni na?
Ukhona umuntu engimzondayo engingakamthetheleli na?
Ngakhupha isisu na?

Ubuhwaba

Ngaminza kumbe ngadakwa na?
Ngancitsha abahluphekayo na?
Ngadlalisa imali yesikolo na?
Ngachitha imali ekunatheni loba egwayini loba
emakhasini na?
Ngabhema imbanje loba ngahotsha i-glue na?
Nanatha ithothotho loba okunye okudakayo na?
Ngasebenzisa abanye abantu ukuzuza ngabo imali na?

Umona

Ngaba lomhawu loba ubukhwele na?
Ngacabangela abanye okubi na?
Angibathembi abanye abantu na?

Ngaqilibezela abanye na?
Ngazuza imali ngobuqili na?
Ngoni impahla yomunye ngabomo na?
Angijabulelanga okuhle okwabanye njengoba ngijabulela
okuhle okwami na?
Ngavimbela omunye ukuthi angaphumeleli ngenxa
yomona na?

Ubuvila

Angikhulekanga ngokukhuthala na?
Ngala ukukhuleka labanye ngekhaya na?
Angingenanga iMisa ngamasonto na?
Ngatshiya iBandla eliKhatholika elaqaliswa nguJesu
ngalandela elinye na?
Angiphanga abanawami isibonelo esihle sokukholwa na?
Ngayekela abazali bami behlupheka ngingabasizi ukuthi
bazuze okubaphilisayo na?
Ngachitha isikhathi ezintweni eziyize na?
Ngabaleka esikolo na?
Ngayekela umsebenzi omuhle ngenxa yobuvila na?

Ukuvuma izono:

Khuleka umkhuleko wokuzisola kukhasi 153.
Vuma izono kumpristi, ulandela indlela ekhasini 153-155.

Imvumo yabantwana

Umkhuleko wokuvula:

Nkulunkulu Baba, ngiyazisola ngoba ngonile
ngokungalaleli abazali bami labadala lababalisi bami,
langokweqa imilayo yakho. Ngiyacela Baba, ukuba
ungixolele izono zami zonke, ungiphe amandla okuba
ngingaphindi ngikone futhi. Akukhanyisele inhliziyo
yami, ukuze ngikhumbule kuhle ngizisole ngazo izono
zami ngizivume kuhle kumpristi. Amen.

Ukuhlolisisa inhliziyo:

Sekulesikhathi esingakanani ngacina ukuvuma na?
Ekuvumeni kwami kokucina ngavuma kuhle yini?
Engakuthembisayo uNkulunkulu, ngakwenza yini?

1. Ukuphilela uNkulunkulu;

Ngaphutha ukuthandaza ekuseni lantambama lekudleni na?
Ngakhuleka ngomlomo inhliziyo yami ingekho
emthandazweni na?
Ngakhuluma ngahleka ngadlala endlini kaNkulunkulu na?
Ngaphuza eMiseni ngeSonto loba enkonzweni na?
Ngaphutha eSontweni ngabomo na?
Ngafunga amanga ngebizo likaNkulunkulu yini?
Ngadlala ngezinto zikaNkulunkulu lezeBandla na?
Ngafuna ukuphuma kuBandla eliKhatholika likaJesu na?

2. Ngekhaya;

Angilalelanga abazali labantu abadala kimi na?
Ngabazondisa ngabeyisa na?
Ngabaqambela amanga na?
Ngababiza ngamabizo amabi na?
Ngadlalisa imali yabo na?
Ngazondisa, ngatshaya abanawami na?
Ngaqilibezela abanye na?
Ngadlala ngezinto eziyingozi njengomlilo na?
Ngaphatha ngesihluku izifuyo na?
Ngakhuthaza omunye ukona na?
Ngakhuluma inhlamba na?
Ngeyisa abanye ngabahleka loba ngabachothoza na?
Ngahleka izigoga, ngenza ubuphoxo ngazo na?

3. Esikolo;

Ngahlupha ababalisi yini?
Ngabaqambela amanga loba ngababiza ngamabizo amabi na?
Angifundanga ngokukhuthala na?
Angenzanga imisebenzi engangiyiphiwe esikolo na?
Ngatshontsha ingwalo loba amapenseli abanye na?
Ngadabulela abanye izembatho zabo na?
Ngathathela abanye ukudla kwabo na?
Ngachitha impahla yesikolo ngobutshapha na?
Ngafundisana labanye izenzo ezingcolileyo na?

4. Ngesikhathi sekhefu;

Ngaphuza ukubuyela ekhaya na?
Ngabalekela ukuthunywa na?
Ngalala laphe engingavunyelwanga khona na?

Ngaba labangane abangalunganga na?
Ngatshontsha yini?
Kuyini engakutshontshayo na?
Ngabalekela umsebenzi ngayazidlalela labangane na?

5. Ngingedwa;

Ngacabangela abanye okubi na?
Ngaba lomhawu na?
Ngenyanya abanye na?
Ngafisa ukuganga na?
Ngadlala kubi ngomzimba wami na?
Ngavumela abanye ukudlala kubi lami na?

6. Ukuphilela abanye;

Ngazibona ngingcono kulabanye yini?
Ngancitshana ngokudla na?
Ngazwisa abanye ubuhlungu ngamazwi loba ngezenzo na?
Nganyeya abanye na?
Ngona ibizo lomunye ngokumqambela amanga na?

Ukuvuma izono

Ukuzimisela ukuthi ngingoni.

Zimisele ukuthi uzakwenza konke okusemandleni akho ukuthokozisa uNkulunkulu, uxwaye ukumona ngenhliziyo yakho yonke.

Ukuzisola ngezono:

Nkulunkulu wami, inhliziyi yami ibuhlungu kakhulu, ngoba ngikonile wena Baba olobuhle obungapheliyo. Sengizimisele ukukuthanda phezu kwakho konke okudaliweyo. Ngiyazizonda izono zami zonke; ungisize ngamandla akho, ngingaphindi ukwenza isono.

Loba:

Uziso le usebenzisa iHubo 51, eBhayibhileni.

Emva kokuzisola, uyahamba kumpristi uyekwenza imvumo ngale indlela. Uyaguqa kumbe uhlale phansi wenze isibonakaliso sesiphambano.

K. Ngebizo likaYise, + leleNdodana, lelukaMoya oNgcwele.

Umpristi:

P. Angathi uNkulunkulu okhanyisela inhliziyo zethu
angenza ubone izono zakho, uzwisise lesihawu
sakhe. Amen.

K. Mina ngingumuntu *othetheyo/ongathathanga*
oleminyaka engu...

loba:

K. Mina ngingumuntu *owendileyo/ongendanga*
oleminyaka engu....

K. Sekwedlule *amalanga angu... /amaviki angu... /*
izinyanga ezingu... /iminyaka engu.... ngenzile
imvumo yami yokucina.

Izono engazenza ngemva kwemvumo yami
yokucina yilezi: Nga... (*vuma izono zakho*
ngokucacileyo, ungesabi ngoba uzathola
ukuxolelwa nguNkulunkulu leBandla lakhe.)

Nxa usuqedile ukuvuma uthi:

Sengiqedile ngicela intethelelo.

kumbe:

Jesu, yiba lomusa kimi.

Umpristi uyakunika izeluleko ezithile, lenhlawulo yezono
ozayenza. Abesekutshela ukuba uzisole ngezono.

**UNkulunkulu uYise olomusa wonke,
owabuyisana lomhlaba
ngokufa langokuvuka kweNdodana yakhe,
wathumela uMoya oNgcwele
ukuze izono zithethelelwe,
akuthethelele izono zakho,
akuphe ukuthula ngamandla asetshenziswa
liBandla lakhe engingummeli walo.
Ngakho-ke ngiyakuthethelela izono zakho
ngebizo likaYise, + leleNdodana
lelikaMoya oNgcwele.**

K. Amen.

P. INkosi isikuthethelele izono zakho. Hamba ngokuthula.

K. Amen.

Ukubonga emva kokuvuma:

Nkulunkulu Baba, ngiyakubonga ngenhliziyo yami yonke ngokungixolela kwakho izono zami. Baba, mkhulu kangaka umusa wakho! Yeka ubukhulu bothando lwakho olumangalisayo. Inhliziyo yami isimhlophe, njalo isimsulwa, usuzisusile izono zami. Jesu wami ugezisile umoya wami ngegazi lakho elingcwele. Ngiyakubonga kakhulu. Ngiswela imilomo ezinkulungwane yokukubonga ngayo. Akungisize ngingaphindi ngone njalo, ungisize ngibalekele zonke izinto ezingangingenisa esonweni. Ngisize ngibe ngumntanakho othembekileyo.

Mama Mariya, ungikhulekele ukuba ngilondoloze ubungcwele lobu engibuphiwe nguMoya oNgcwele eSakramenteni leMvumo, ngize ngibonane lawe kuNkulunkulu ezulwini. Amen.

UMGCOBO WABAGULAYO

Ingcazelo: Ukugcoba abagulayo akuqaliswanga liBandla eliKhatholika, kwakusenziwa ngabaPhostoli uJesu esesekhona; (Marko 6,13). Kusobalake ukuthi uMgcobo wabagulayo wamiswa nguJesu ngokwakhe, njengamanye amaSakramente. Abagcotshwayo ngabagula kakhulu, kungaba ngumkhuhlane kumbe ingozi yokulimala. Abaluphele kakhulu labo bayemukeliswa umgcobo wabagulayo. Ofuna ukwamukela umgcobo wabagulayo kumele alungise umphefumulo wakhe, azisole ngezono zakhe, enze imvumo nxa kusenzeka, afise ukwamukela iSakramente leli, avume lentando kaNkulunkulu. Nxa umpristi engakafiki, kuhle ukuba amakholwa alungise itafula eduze lomuntu ogulayo, alembese ngelembu elimhlo-phe, abeke isiphambano lamakhandlela amabili, lamanzi abusisiweyo kilo, kodwa atshiye indawo eyaneleyo phakathi ezasetshenziswa ngumpristi.

Ukugcotshwa kogulayo



P. Ukuthula kakube kulindlu,
lakibo bonke abahlala kuyo.

B. Kakube lawe njalo.

*Umpristi upha isingeniso maye-
lana lomgcobo wabagulayo.*

Ukuzisola

**P/B. Ngiyavuma
kuNkulunkulu...**

P. UNkulunkulu uMninimandla wonke, akasihawu-
kele, asithethelele izono zethu, asiphe ukuphila
okulaphakade.

B. Amen.

Izifundo: Mat 8,5-10.13; Jak 5,14-16.

- Intshumayelo.

- Izikhalazo.

- Ukubekwa kwezandla ekhanda logulayo.

P. Woza Moya oNgcwele, welaphe umzalwane wethu
lo u... ogulayo.

B. Amen.

P. Woza Moya oNgcwele, umvikele kikho konke
okubi lasemandleni kaSathane.

B. Amen.

P. Woza Moya oNgcwele, umnike isibindi lolwazi
lokuthi bonke abalandela uKristu, bafanele
ukuthwala isiphambano sabo, bamlandele.

B. Amen.

UMpristi uthatha amafutha abagulayo abusisiweyo agcobe ngawo ogulayo, ebunzini lasezandleni esithi:

**Ngalumgcobo ongcwele wabagulayo
iNkosi uNkulunkulu kayikusize
ngomusa langothando lwayo
langamandla kaMoya oNgcwele.
UNkulunkulu kakuthethelele izono zakho,
akusindise, akubuyisele impilo.**

K. Amen.

Kasikhulekeni: Nkosi Jesu Kristu, Msindisi wethu, ngamandla kaMoya oNgcwele pholisa ubuhlungu bomzalwane wethu lo u...

Umbuyisele impilo enhle yomzimba leyomphefumulo. Ngenxa yothando lwakho lomusa wakho ake umthelelele izono zakhe, umbuyisele impilo epheleleyo, khona ezakuba lamandla okukhonza wena wedwa, ophila ubusa loNkulunkulu uBaba ndawonye loMoya oNgcwele, kuze kube laphakade. Amen.

- *UBaba wethu.*

- *ISidlo esiNgcwele..*

P. Khangelani, nansi iMvana kaNkulunkulu, yona esusa izono zomhlaba. Babusisiwe ababiziweyo eSidlweni seNkosi.

B. Nkosi, angifanele ukuba ngikwamukele, khuluma ilizwi lodwa, kusile umphefumulo wami.

P. NguKristu.

B. Amen.

Umkhuleko emva kokwamukela iSidlo esiNgcwele.

P. Kasikhulekeni: Nkulunkulu Baba Somandla Simakade, siyabubula kuwe sithobekile, sicela ukuba uKristu owamukelwe ngumzalwane wethu lo u... ogulayo, abe yisisusa sokusiliswa kwakhe, athole ukuphila komzimba lokomphefumulo. Sicela ngoKristu iNkosi yethu. Amen.

P. Isibusiso sikaNkulunkulu uMninimandla wonke;
uYise, + leNdodana, loMoya oNgcwele, kasehlele
phezu kwenu sihlale lani kokuphela.

B. Amen.

Inkonzo yokwamukelisa ogulayo

*Engozini yokufa umuntu ulelungelo lokwamukela
amaSakramente. Ngakhoke, angabizelwa uMpristi. Nxa
engabhabhathizwanga wonke umuntu owenelisa
ukubhabhathiza angabhabhathiza. Khangela kukhasi 123.*

P. Ukuthula akube kulindlu lakibo bonke abahlala
kiyo.

B. Kakube lawe njalo.

Umamukelisi abesechela ogulayo ngamanzi angcwele.

P. Angathi amanzi la angcwele angaba
yisikhumbuzo kuwe, sobudlelwano
lokuhlanganyela olakho eNkosini yakho, yona
eyakusindisa ngokufa langokuvuka kwayo.

B. Amen.

*Nxa ogulayo efuna ukwenza imvumo angayenza nxa
umpristi ekhona*

Ukuzisola.

Ngiyavuma kuNkulunkulu...

P. UNkulunkulu uMninimandla wonke,
akasihawukele, asithethelele izono zethu, asiphe
ukuphila okulaphakade. Amen.

Izifundo: Joha 6,54-59; 14,6.23.27; 15,1-5; 1 Kor 11,23b-26)

Intshumayelo, Izikhhalazo.

P. Kasikhulekeni kuBaba wethu uSomandla
ngamazwi esawafundiswa nguJesu Kristu
uMsindisi wethu sithi:

B. Baba wethu... Amen.

Ukwamukela iSidlo esiNgcwele.

P. Khangelani, nansi iMvana kaNkulunkulu, yona esusa izono zomhlaba. Babusisiwe labo ababiziweyo eSidlweni seNkosi.

B. Nkosi, angifanele...

P. NguKristu.

K. Amen.

P. Kasikhulekeni: Nkulunkulu Baba, Somandla Simakade, siyakuncenga sithobekile ukuba uMzimba leGazi likaKristu kulethe ukuphila komzimba lokomphefumulo kumzalwane wethu lo osekwamukele. Sicela ngoKristu iNkosi yethu.

B. Amen.

Isibusiso.

P. Isibusiso sikaNkulunkulu uMninimandla wonke uYise, + leNdodana, loMoya oNgcwele, kasehlele phezu kwenu, sihlale lani kokuphela.

B. Amen.

Ukusiza lokukhulekela ophansi kokufa

Ingcazelo: Nxa umKhatholika egula kakhulu kumbe elimele kakhulu, ebonakala ukuthi usengozini yokufa, abakhonapho bangamsiza ngalezi indlela:

- 1. Ukumsiza ukuba azisole ngezono zakhe zonke ngenhliziyo yakhe yonke.*
- 2. Ukumsiza ukuba avuselele ukukholwa, lokuthemba kwakhe lokuthanda uNkulunkulu, lokuzibeka ezandleni zakhe, lokwamukela intando yakhe engasoli.*
- 3. Ukumbizela umpristi nxa kusenzeka.*

UMTSHADO

P. = Umpristi **Y.** = Umyeni

L. = Umlobokazi **B.** = IBandla



Ingcazelo: UNkulunkulu ngokwakhe nguye owadala umtshado ngokudala umuntu wesilisa lowesifazana; (Gen 1,27). Esebadalile wathi kibo: "Zalani lande, ligcwalise umhlaba" (Gen 1,28). Nguye owenza abatshadileyo babe nyamanye okwempilo yabo yonke; (Mat 19,3-5). Ifindo loMtshado elingathukulukiyo libotshwa nguye uqobo; (Mat 19,6). Ngakhoke abatshadileyo kabakwazi ukwehlukana omunye wabo esaphila.

Inkonzo yomtshado iqalisa emva kwezifundo lentshumayelo.

Ukuhlanganiswa kwabo

P. Lina bazalwane elizahlanganiswa lamhla, khumbulani kokuphela ukuthi ekuqaleni uNkulunkulu wadala indoda inye lomfazi munye, wathi ababili labo sebenyamanye. Ngakhoke, libothembeka kokuphela omunye komunye, lingavumeli uSathane ukuba afake ukungathembeki komunye wenu. Njengoba isithembiso somtshado sisenziwa kuNkulunkulu phambi kweBandla lakhe, njalo kunguye uNkulunkulu uqobo obopha ifindo loMtshado, umtshado wenu kawusoze ukhululwe muntu, uze uchithwe yikufa komunye wenu.

Angithi liyakuqedisisa lokhu na?

Y./L. Yebo, siyakuqedisisa.

P. Njengoba uNkulunkulu wadala indodanye lomfazi munye, wabenza baba nyamanye, ukuthatha umfazi wesibili loba ukwendela kwenye indoda umkakho esaphila kuphambene lomlayo kaNkulunkulu. Angithi liyakwazi lokho kuhle na?

Y./L. Yebo, siyakwazi.

P. Lizimisele ukugcina izibopho zoMtshado lokuhlala lithandana, lingumzimba munye lize lehlukani-swe yikufa na?

Y./L. Yebo, sizimisele.

P. Lina Bandla elilapha, lani zinini labangane babo, lizwile ukuthembisa kwabo na?

B. Yebo, sizwile.

P. (*Kumyeni*): Wena ..., uzikhethele ngentando yakho ukutshada lo... olapha, kumbe usiselelwe na?

Y. Ngizikhethele.

P. (*Kumlobokazi*): Wena ..., uzithandele yini ukutshada lo... olapha kumbe usiselelwe na?

L. Ngizithandele.

Izifungo zabatshadayo:

P. Njengoba selivumile ukuhlanganiswa, tshengisani ukuzinikela kwenu ngokuhlanganisa izandla zenu zokunene, lenze izifungo zenu phambi kukaNkulunkulu leBandla lakhe. (*Besebebambana izandla*).

Umyeni:

**Mina..... ngiyathathana lawe ube ngumkami.
Ngiyakuthembisa ukuthi ngizakuba qotho kuwe
ekuthokozeni lasekuhluphekeni,
ekunotheni lasebuyangeni,
ekuguleni lasempilweni enhle.
Ngizakuthanda ngikuhloniphe
ekuphileni kwami konke.**

Umlobokazi:

**Mina ngiyathathana lawe.... ube ngumkami.
Ngiyakuthembisa ukuthi ngizakuba qotho kuwe
ekuthokozeni lasekuhluphekeni,
ekunotheni lasebuyangeni,
ekuguleni lasempilweni enhle.
Ngizakuthanda ngikuhloniphe
ekuphileni kwami konke.**

P. Bazalwane abathandekayo, selisenzile isifungo senu esokuthathana phambi kukaNkulunkulu leBandla lakhe. Sengathi iNkosi ngokulunga kwayo ingaqinisa isifungo senu lothando lwenu, ilibusise ngezibusiso zayo ezinengi. Lokho uNkulunkulu akuhlanganisileyo kakungahlukani-swa muntu. Ngebizo likaYise, + leleNdodana, lelikaMoya oNgcwele.

Y./L. Amen.

Ukubusiswa kwendandatho:

P. Sengathi iNkosi ingabusisa lezindandatho elizininikanayo njengesibonakaliso sokuthandana lokuthembana kwenu. Ngebizo likaYise, + leleNdodana, lelikaMoya oNgcwele.

Y./L. Amen.

Ukugqokisana indandatho:

Y. Yamukela indandatho le eyisibonakaliso sothando lokuthembeka kwami. Ngebizo likaYise, + leleNdodana, lelikaMoya oNgcwele. (*Umlobokazi angenise indandatho emunweni wesibili wenxele.*)

L. Yamukela indandatho le eyisibonakaliso sothando lokuthembeka kwami. Ngebizo likaYise, + leleNdodana, lelikaMoya oNgcwele. (*Umyeni angenise indandatho emunweni wakhe wesibili wenxele.*)

Umkhuleko emva kukaBaba wethu:

P. Bazalwane abathandekayo, uNkulunkulu uBaba, uMdali wabantu, wenza ukuba indoda yokuqala lomfazi wokuqala babe nyamanye, bathandane, bakhe umuzi. Kusakela ngalesosikhathi kuze kube lamhla uyababusisa abatshadayo. Ukuthandana kwabo lokuba muntu munye kwabo kuyinto engcwele, esiyifanisa lokuthandana kuka-Kristu leBandla lakhe. Bazalwane abathandekayo, kasiceleni uNkulunkulu ukuba abusise abathadileyo laba, bahlale bethandana empilweni yabo yonke (*beqiniswa nguMzimba leGazi lika Jesu Kristu asebezawamukela*).

Abesebusisa umyeni, esithi:

P. Nkulunkulu Baba, mlondoloze kokuphela umntanakhlo lo u... umbusise athandane lomkakhe ngeqiniso, amthembe, akwazi ukuthi laye ungumntanakhlo njengaye, amphathe ngendlela elungileyo, amthande njengoKristu ethanda iBandla lakhe.

Abesebusisa umlobokazi, esithi:

P. Nkulunkulu Baba, mlondoloze kokuphela umntanakhlo lo u..., umbusise abe ngumama othandana lomkakhe, ahlalisane laye ngesihle. Msize ukuba abe ngumama oqotho, olungileyo njengoSara loRuthe loAnna, labanye omama abalapha, abenza imisebenzi ekuthokozisayo.

Abesebabusisa bobabili, esithi:

P. Basize, Baba, abantwabakho laba, ukuba bagcine imilayo yakho. Yenza ukuba babe ngamakholwa aqinileyo; babe ndodanye lomfazi munye. Baphe izifiso zokulazisisa ibizo lakho, lokudonsela abanye kuwe ngesibonelo sabo esihle. (*Baphe inzalo, ubasize babe ngabazali abondla abantwababo ngendlela elungileyo*) Yenza ukuba lapho isikhathi sabo sokusuka kulumhlaba sesifikile, bazethokoza lawe ezulwini, labangcwele bonke kuze kube lanini. Amen.

UBUPRISTI

Ingcazelo: EBandleni eliKhatholika ubupristi bulezigaba ezintathu: Ubu-bhishopi yibupristi obugcweleyo. Ababhishopi balamandla avela kubaphostoli. Ababhishopi banga-baphathi beBandla eliKhatholika bekanye loPhapha umlandeli kaPhetro uPhapha wokuqala. Abapristi bangabancedisi bababhishopi, balamandla okwamukelisa wonke amaSakramente ngaphandle kwelobupristi. Abadikoni basesigabeni sesithathu sobupristi basiza ababhishopi labapristi. Balamandla okubhabhathiza lokutshumayela, lokubusisa, lokungcwaba abantu, lokwamukelisa iSidlo esiNgcwele lokutshadisa.



Uhlelo lokumiswa kompristi.

1. Ogcotshwayo uyabizwa.
2. Uyethulwa ngomunye wabapristi kumbhishopi.
3. Uyemukelwa ngumbhishopi.
4. Umbhishopi umlaya ngemisebenzi yobupristi
5. Uyahlolwa ngokuzimisela kwakhe ukwenza imisebenzi yobupristi.
6. Uyathembisa ukulalela umbhishopi.
7. Uyacambalala akhulekelwe iLithani labangcwele.
8. Ubekwa izandla ekhanda ngumbhishopi labapristi bonke.
9. Uyamiswa ubupristi ngomkhuleko omkhulu wokumisa abapristi okhulekwa ngumbhishopi.
10. Ugqokiswa izembatho zobupristi.
11. Uyagcotshwa izandla ngamafutha eKrizima.
12. Uphathiswa isinkwa lewayini okutshengisa amandla okwenza iMisa.
13. Uyasingathwa yibo bonke abapristi besithi kuye: "Ukuthula kakube lawe."

IZINKONZO

A. Uhlelo lwenkonzo yesigaba

(Section; Outstation)

1. Ingoma yokuvula.
2. Ukubingelelwa komphakathi; lenjongo yomthandazo.
3. Ukuzisola ngezono.
4. Umkhuleko wokuvula.
5. Isifundo.
6. Ingcazelo, intshumayelo loba ukwabelana ilizwi likaNkulunkulu.
7. Ingoma.
8. Izikhalazo, Baba wethu; umkhuleko wokuvala.
9. Imibiko.
10. Ingoma yokuphuma.

B. Amanyathelo ayisikhombisa okukhuleka sisebenzisa ibhayibhili

(Lumko 7 steps Method)

1. *Siyanxusa iNkosi ukuba ibe lathi kulumkhuleko*

Sicela omunye asinxusele uJesu ukuthi abe phakathi kwethu.

2. *Siyabala isifundo ebhayibhilini*

EBhayibhilini; asivuleni ku... isahluko... Omunye kasibalele indima kusukela ku... kusiya ku... Omunye kasibalele njalo ngokwesibili (ngokwesithathu).

3. *Siyaqamba amazwi asithintileyo, sicabange ngawo*

Siyaqamba amazwi kumbe imitsho emifitshane esithintileyo enhliziyweni zethu. Siyayibala kakhulu siyitsho, sikhuleka enhliziyweni zethu. Ibala linye siliphinde kathathu, kusiba lokuthula phakathi kokuphinda kwethu lelo lalelo bala.

4. Siyapha uNkulunkulu ithuba lokuthi akhulume kithi, sithule

Siyathula okwemizuzu emibili (emithathu, emine, emihlanu) siphe uNkulunkulu ithuba lokuthi akhulume kithi, simlalele.

5. Siyabelana esikuzwileyo enhliziyweni zethu

Yiliphi ibala elikuhlabileyo loba elikuthintileyo? Asiphikisani, njalo asitshumayeli. Lowo lalowo ukhangela ukuthi yiliphi ibala elimhlabileyo, kumbe iLizwi leNkosi lithini kuye. (Asikhulumi ngokuthi iLizwi lithini kwabanye abantu ngoba uma sisenza lokho sesitshumayela). Singabelana ngezinye indlela ebesiphila ngazo ngokholo. (Ngingabelana labanye ngokunye engakwenzelwa nguNkulunkulu empilweni yami, loba into engayibonayo kwabanye mayelana lokuphila okuhambelana lalokho esikuzwe elizwini leNkosi). Asibambi ngamandla ukuba abantu bakhulume.

6. Siyaxoxisana ngezinto eziqondane lempilo yethu langemisebenzi engenziwa yithi sibambene

Siyabelana ngesakwenza ngesikhathi esedlulayo. Yiwuphi umsebenzi omutsha esingawenza? Ngobani abazakwenza umsebenzi othile njalo bazawenza nini?

7. Siyakhuleka ndawonye

Abantu abathile benza imithandazo yabo yekhanda kumbe izikhalazo. Ekucineni siyenza umthandazo ojwayelekileyo kumbe sihlabele ingoma.

C. Ukukhuleka sisebenzisa imibhalo engcwele (*Lectio Divina*)

Endulo, lindlela yokukhuleka sisebenzisa imibhalo engcwele yayisetshezeniswa yizidelamhlaba ezazibizwa ngokuthi ngama-Monks. Lamhlanje iBandla likhuthaza amakholwa onke ukusebenzisa lindlela yokulalelisa iLizwi likaNkulunkulu ngendlela ejulileyo. “Ngokunjalo, ilizwi liseduze lani, lasemilonyeni yenu lenhliziyweni zenu ukuba liligcine” (Dute 30,14). Indlela le yakhelwe phezu kwamanyathelo amahlanu:

Isingeniso: Siqala ngengoma besekulandela umkhuleko wokuvula, sizibeka phambi kukaNkulunkulu sicele umoya wokulalela isifundo esithethwe eBhayibhilini.

*Inyathelo lokuqala. **Siyabala** (Read)*

Umkhokheli: Ngicela omunye wethu asibalele isifundo esisithatha ku... iSahluko... indima... (Obalayo kangasijahi lesisifundo. Imibuzo: UJesu uthini kimi ngalesisifundo na? Yiwuphi umbiko oqakathekileyo engiwufumanayo kulesisifundo na?) (Asithuleni okwesikhatshana) Ngicela njalo omunye asibalele lesisifundo.

*Inyathelo lesibili: **Siyazindla** (Meditation)*

Umkhokheli: Asicabangisiseni ngokujulileyo ngamazwi angcwele esisanda kuwabala. (Imibuzo: Ngiyawamukela yini wonke amazwi la empilweni yami na? Amazwi la alendawo yini empilweni yami na? Yiliphi icebo uNkulunkulu alalo kimi na?) (Asithuleni okwesikhatshana)

*Inyathelo lesithathu: **Siyakhuleka** (Pray)*

Umkhokheli: Njengoba sesilazi icebo likaNkulunkulu, **siyakhuleka** ngokuthula sisamukela amazwi kaNkulunkulu enhliziyweni zethu. (Lesi yisikhathi sokuba simdumise uNkulunkulu, loba simbonge, loba silethe izikhalazo zethu kuye kumbe sizisole ngezono zethu.)

*Inyathelo lesine: **Ukunakana ngokuthula***
(Contemplation)

Umkhokheli: Asinikeni uNkulunkulu ithuba lokukhuluma enhliziyweni zethu. Asithuleni okwemizuzu ethile. (Khathezi sesiqalisa ukubona ibizelo lethu ngendlela entsha kaNkulunkulu. Yisikhathi sokumvumela uNkulunkulu ukuguqula impilo yethu kube nguye osebenzayo phakathi kwayo). (Asithuleni okwesikhatshana)

*Inyathelo lesihlanu: **Ukuthunywa** (Missio)*

Umkhokheli: Emva kokuba sesilibalile iLizwi likaNkulunkulu, sazindla, sicabangisisa ngokujulileyo ngalo, sakhuleka ngalo, sanakanisisa ngalo ngokuthula, asimvumeleni uNkulunkulu ukuba asithume ukwenza lokho afuna ukuba sikwenze empilweni yethu. Mhlawumbe uyasithuma ukuba siye batshumayeza abanye ilizwi lakhe ukuze labo bamsebenzele.

Umkhuleko wokuvala:

Asivaleni umthandazo wethu walamhla ngokukhuleka sisithi: (Baba wethu.. Ekuhle Mariya.. Udumo... Ingoma.)



**INKONZO YEBANDLA NXA UMPRISTI
ENGEKHO**

ISIGABA SOKULUNGISELELA

Ingoma yokungena

Isibonakaliso sesiphambano

K. Ngebizo likaYise, + leleNdodana, lelikaMoya
oNgcwele.

B. Amen.

Ukubingelela

K. Ukuthula kweNkosi yethu uJesu Kristu akube
lani lonke.

B. Kakube lawe njalo.

Isingeniso

K. Bazalwane, kulinkonzo injongo yethu yiku...

Ukuvuma izono

K. Ngakhoke asizisoleni ngezono zethu, sicele
uNkulunkulu asithethelele.

(Siyathula kancane sizihlolisise ngezono zethu)

**B. Ngiyavuma kuNkulunkulu,
uMninimandla wonke, lakini bazalwane,
ukuthi ngonile kakhulu ngokucabanga
langokukhuluma, langokwenza langephutha
ngecala lami, ngecala lami, ngecala lami
elinzima kakhulu sibili.**

**Ngakhoke ngiyancenga uMariya
obusisiweyo, oliVirigo kokuphela,
lezithunywa zonke zasezulwini,
labangcwele bonke, lani bazalwane,
ukuba lingikhulekele eNkosini
uNkulunkulu wethu. Amen.**

Intethelelo

K. UNkulunkulu uMninimandla wonke, akasihawukele, asithethelele izono zethu, asiphe ukuphila okulaphakade. Amen.

Ukucela umusa

K. Nkosi, sihawukele; **B.** Nkosi, sihawukele.

K. Kristu, sihawukele; **B.** Kristu, sihawukele.

K. Nkosi, sihawukele; **B.** Nkosi, sihawukele.

Ukudumisa uNkulunkulu

**Udumo kalube kuNkulunkulu kweliphezulu.
Kube lokuthula emhlabeni ebantwini bakhe,
Nkosi Nkulunkulu, Nkosi yasezulwini,
Nkulunkulu Baba Somandla,
siyakubabaza, siyakwazisa, siyakuguqela,
siyakudumisa, siyakubonga
ngenxa yobukhosi bakho obukhulu.
Nkosi, Jesu Kristu, Ndodana ezelwe yodwa,
Nkosi Nkulunkulu, Mvana kaNkulunkulu,
Ndodana kaNkulunkulu uYise.
Wena osusa izono zomhlaba, sihawukele.
Wena ohlezi kwesokunene sikaYihlo,
zwana ukukhala kwethu.
Ngoba nguwe wedwa oNgcwele.
Nguwe wedwa oyiNkosi.
Nguwe wedwa onguPhezukonke,
wena Jesu Kristu;
undawonye loMoya oNgcwele,
ebukhosini bukaNkulunkulu uBaba. Amen.**

Umkhuleko wokuvula

K. Kasikhulekeni: Nkulunkulu Baba Somandla,
wena ungumkhokheli lomvikeli wabantu bakho,
akusenze sihloniphe ibizo lakho ngokupheleleyo;
usigcine sisothandweni lwakho kokuphela. Sicela
ngoKristu iNkosi yethu. B. Amen.

ISIGABA SELIZWI LIKANKULUNKULU

Ingoma

Isifundo sokuqala

K. Zwanini ilizwi likaNkulunkulu encwadini ...

K. Yiwola amazwi eNkosi.

B. Kabongwe uNkulunkulu.

IUmkhuleko weHubo...

Isifundo sesibili

K. Zwanini ilizwi likaNkulunkulu encwadini ...

K. Yiwola amazwi eNkosi.

B. Kabongwe uNkulunkulu.

Ingoma yeAleluya

IVangeli

P. INkosi kayibe lani.

B. Kayibe lawe njalo.

P. Zwanini iVangeli elingcwele likaJesu Kristu njengoba libhalwe ngu...

B. Udumo kalube kuwe Nkosi Jesu Kristu.

P. Yiwola amazwi eVangeli elingcwele.

B. Kadunyiswe uJesu Kristu.

Intshumayelo

UMvumukholo wabaphostoli

K: Asivumeni ukholo lwethu:

**Ngiyakholwa kuNkulunkulu,
uYise uMninimandla wonke,
uMdali wezulu lomhlaba,
lakuJesu Kristu, iNdodana yakhe eyodwa,
iNkosi yethu;
owemulwa ngamandla kaMoya oNgcwele,
wazalwa liVirigo uMariya;
wahlutshwa ekubuseni kukaPhonsiyo Philathu;
wabethelwa esiphambanweni,
wafa, wangcwatshwa, wehla waya kwabafileyo.
Ngelanga lesithathu wabuya wavuka ekufeni,
wenyuka waya ezulwini.
Uhlezi esandleni sokunene sikaYise,
lapho azavela khona
ezothetha amacala abaphilayo labafileyo.
Ngiyakholwa kuMoya oNgcwele,
iBandla elingcwele eliKhatholika,
ukumanyana kwabangcwele,
ukuthethelelwa kwezono,
ukuvuka komzimba ekufeni,
lokuphila okulaphakade. Amen.**

Izikhhalazo

K. Nkosi Nkulunkulu Baba,... Nkosi silalele

B. Nkosi, silalele ngomusa.

K. Lethani izikhhalazo zenu eNkosini.

K. Nkosi Jesu Kristu, wena owathi konke elikucela kuBaba ngebizo lami, kholwani ukuthi uzalipha khona. Sicela usifikisele umkhuleko wethu lo kuNkulunkulu uBaba yena ohlala ebusa kanye lawe kuze kube laphakade. Amen.

ISIGABA SOKULETHA IZIPHO

Ingoma yomnikelo

Umkhuleko wokwamukela umnikelo

- K.** Nkulunkulu Baba, siyazinikela kuwe njengeNdo-dana yakho eyanikela impilo yayo kuwe esiphambanweni. Sinikela impilo yethu, ukuthaba lokuhlupheka kwethu, abantwabethu lamasimu ethu, imizi lezifuyo zethu, lakho konke esilakho. Kwamukele Baba, ubusise umnikelo wethu lo, usikhokhelele ekuphileni okungapheliyo. Sicela kuwe, wena ophila ubusa kuze kube laphakade. Amen.

**ISIGABA SOMKHULEKO OMKHULU
WOKUBONGA**

(Singenza eyethu imikhukelo yokubonga kumbe sikhethe omunye walimikhuleko emine):

- A; ikhasi 177.
B; ikhasi 178.
C; ikhasi 179.
D; ikhasi 180.

UNgcwele

- B.** UNgcwele, uNgcwele, uNgcwele,
Nkosi Nkulunkulu wamaxuku!
Izulu lomhlaba kugcwele ubukhosi bakho.
Hosana kweliphezulu!
Ubusisiwe ozayo ebizweni leNkosi.
Hosana kweliphezulu!

- K.** Singenza umkhuleko ohambelana lenjongo
yeNkonzo yethu yalelolanga

Ingoma

(Ngalesisikhathi nxa kuleSidlo esiNgcwele esontweni siyalethwa eAlithareni)

Umkhuleko weNkosi

K. Kasikhulekeni ngokuthemba kuBaba ngamazwi
uMsindisi wethu asilaya wona sithi:

**Baba wethu osezulwini,
alidunyiswe ibizo lakho,
awuze umbuso wakho,
intando yakho kayenziwe emhlabeni
njengasezulwini.
Sipha lamhla ukudla kwethu okwansuku zonke;
usixolele izono zethu,
njengalokhu lathi sibaxolela abasonayo thina.
Ungasingenisi ekulingweni,
kodwa usisindise ekubini.**

Ukucela ukuvikelwa ebubini

K. Sisindise Nkosi ebubini bonke, usiphe ukuthula
ngalezinsuku zethu. Sise ngesihawu sakho,
usikhulule emandleni esono, usivikele enkatha-
zweni zonke lapho sisalindele ngethemba lange-
njabulo ukuza koMsindisi wethu uJesu Kristu.

**B. Ngoba umbuso ungowakho, lamandla,
lobukhosi, kuze kube lanini.**

Ukucela ukuthula

K. Nkosi Jesu Kristu wena owathi kubaPhostoli
bakho: Ngilitshiyela ukuthula ngilipha ukuthula
kwami. Ungakhangeli izono zethu, kodwa
khangela ukukholwa kweBandla lakho, usiphe
ukuthula lokumanyana kwasembusweni wakho,
lapho ohlezi khona ubusa kuze kube laphakade.
Amen.

K. Ukuthula kweNkosi kakube lani kokuphela.

B. Kakube lawe njalo.

K. Bazalwane, kasitshengiseni ukuthandana
lokuxolelana kwethu ngokuxhawulana.

Oxhawulayo: Ukuthula kakube kuwe!

Oxhawulwayo: Kakube lawe njalo.

Nxa kuleSidlo esiNgcwele, owemukelisayo ulungiselela ukwamukelisa

Mvana kaNkulunkulu, simenza nxa kuleSidlo esiNgcwele kuphela

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zomhlaba; Sihawukele.

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zomhlaba; Sihawukele.

Mvana kaNkulunkulu, wena osusa izono zomhlaba; Siphe ukuthula.

Ukwamukela

K. Khangelani, nansi iMvana kaNkulunkulu, yona esusa izono zomhlaba! Babusisiwe labo ababiziweyo eSidlweni seNkosi.

B. Nkosi kangifanele ukuba ngikwamukele, khuluma ilizwi lodwa kusile umphefumulo wami.

P. UKristu.

K. Amen.

Ngemva kokwamukela siyathula kancane sixoxe loJesu Kristu

Ingoma yeSidlo esiNgcwele

Isiphetho senkonzo

K. Kasikhulekeni. Nkulunkulu Baba, siyabonga isipho sempilo lesokholo. Qeda kithi umoya wobugwala, singesabi ukuze singathandabuzi ukufakaza ilizwi lakho emphakathini. Angathi singamelana lokweyiswa, lokusolwa, sikwazise ebantwini bonke. Sicela ngoKristu iNkosi yethu. Amen.

Imibiko

Isibusiso

K. Amandla kaNkulunkulu uBaba, lothando lweNkosi yethu uJesu Kristu, onguye owadela ukuphila kwakhe ngenxa yethu ukuze sisindiswe ezonweni zethu, lenlimi zikaMoya oNgcwele, kakube lathi kusiphelekezele endleleni zethu zonke. **Amen.**

Kusenze sitshisekele ukholo lwethu, sifanele ukubizwa kwethu njengamakholwa, labalandeli abaqotho bakaKristu. Senze intando yeNkosi yethu emisebenzini yethu, lasekukhulumeni, lasekukhulekeni kwethu, engqondweni zethu lasekwenzeni kwethu, impilo yethu yonke ibe yimpilo yobuKristu. **Amen.**

Angathi isibusiso sikaNkulunkulu olamandla wonke, esikaBaba, + leseNdodana lesikaMoya oNgcwele singehlela phezu kwethu sihlale lathi kokuphela, kuze kube laphakade. **Amen.**

Ukuvalelisa

K. Asihambeni othandweni lweNkosi, siyithande, siyisebenzele sifanele ukubizwa kwethu njengamaKristu.

B. Kabongwe uNkulunkulu.

Ingoma yokuphuma

UKUBONGA LOKUDUMISA UNKULUNKULU (A)

K. Kasibongeni uNkulunkulu, ngoba ulungile.

B. Uthando lwakhe olungapheliyo lumi kuze kube ninini.

K. Nkulunkulu Baba, siyakubonga ngalumhlaba owasipha wona. Siyakubonga ngemifula, lamasimu, lezintaba, lakho konke okukikho. Siyakubonga ngezifuyo, lezithelo zezihlahla, lamabele osipha wona. Siyakubonga ngakho konke okugcwele umhlaba okusisizayo.

B. Udumo alube kuwe Nkulunkulu kweliphezulu.

K. Wadala abantu bonke ngomfanekiso wakho. Omunye lomunye wethu ufuze wena: Siludiwo olufuz'imbiza ngenxa yokusithanda kwakho. Ngakho-ke siyakubonga sikudumisa sisithi: - **Udumo...**

K. Kawuthandi ukuba buqamama lathi. UMose wasidalulela ukusithanda kwakho, wasambulela izimangaliso zokubakhona kwakho phakathi kwethu. Ngakho-ke siyakubonga sikudumisa sisithi: - **Udumo...**

K. Kodwa ukuzimanyanisa kwakho lathi kwadalu-lwa kakhulu yikuzenza kwakho umuntu, ngeNdodana yakho. Ngayo iNdodana yakho wadla, wahamba, wahlala lathi. Ngakho-ke siyakubonga sikudumisa sisithi: - **Udumo...**

K. Ngokufa langokuvuka kweNdodana yakho wasinika impilo entsha, wasimanyanisa lawe, wasenza saphila kuwe leNdodana yakho loMoya oNgcwele. Ngakho-ke siyakubonga sikudumisa sisithi: - **Udumo...**

K. Ngakho sihlanganyela lamakholwa asemhlabeni wonke akhulekayo lamhla, labangcwele bonke abasezulwini sisithi: -

B. UNgcwele, uNgcwele, uNgcwele Nkosi...

UKUBONGA LOKUDUMISA UNKULUNKULU (B)

K. Kasibongeni uNkulunkulu, ngoba ulungile.

B. Uthando lwakhe olungapheliyo lumi kuze kube nininini.

K. Bayethe, Nkosi, Nkulunkulu wamaxuku! UyiNgo-bamakhosi, thina siyizichaka zakho. Kodwa wasidalela ukuhlala lawe entokozweni yakho engaphe-liyo, wasithumela uKristu ukuba asivulele indlela eza kuwe.

B. Siyakubabaza, siyakudumisa, siyakubonga, Nkulunkulu Baba.

K. Wasenza saba yimuli emhlabeni wonke, ngenxa yokusithanda kwakho. Siyakubonga ngabazali abasizalayo, lezinini, labangane abasenzela okuhle. Siyakubonga ngokuthandana lokuxolelana owakufaka phakathi kwethu, sisitsho ngelizwi linye sisithi: - **Siyakubabaza...**

K. Wasinika amandla okucabanga lokuzikhethela esikuthandayo, lokusekela abendlu yethu, labomakhelwana, lokusebenzisa izinto zalumhlaba ezisisizayo, lokuphisekela ukufinyelela ekuphileni okulaphakade. Ngakho-ke siyakubonga sikudumisa, Nkulunkulu Baba. - **Siyakubabaza...**

K. Nguwe owahlela ukuba sibe luhlanga lunye emhlabeni munye. Nguwe ofunzelela umoya wokuzwana lokuthandana phakathi kwabantu, lokuphathwa kwabo ngokufanayo. Ngakho-ke, siyakubonga sikudumisa Nkulunkulu Baba. - **Siyakubabaza...**

K. Nguwe owasibizela eBandleni lakho elingcwele, wasenza saba njengezandla ezigezanayo, wasambulela ukujula kothando lwakho kubantu bonke, wasenza saba ngofakazi bombuso wakho opheleleyo. Ngakho-ke, siyakubonga sikudumisa Nkulunkulu Baba. - **Siyakubabaza...**

K. Ngakho-ke sihlanganyela labangcwele abasezu-
lwini labakhokheli beBandla lakho, lamakholwa
onke, labo bonke abakukhonzayo sisithi: -

B. UNgcwele, uNgcwele, uNgcwele Nkosi...

UKUBONGA LOKUDUMISA UNKULUNKULU (C)

K. Kasibongeni uNkulunkulu, ngoba ulungile.

**B. Uthando lwakhe olungapheliyo lumi kuze
kube nininini.**

K. Simangaliswa yikho konke owakudalayo, Nkosi,
sinkema imilomo sikhumbula umusa lokulunga
kwakho. Simakade, sihube ndawonye sisithi:

**B. Siyakubonga sikudumisa, Nkosi,
siyakubonga sikudumisa!**

K. Amanzi athambisa umhlaba uthete, izikhathi
lomkhathi kuvuselela impilo yethu, ngalokhu
siyakubonga sikudumisa, Nkosi, siyakubonga
sikudumisa. - **Siyakubonga...**

K. Inhlanyelo iyahlanyelwa ife, kodwa ivuka ekufeni,
imile, ifakaze kithi sonke, ukuthi lathi sizakufa
sibuye sivuke. Ngalokhu siyakubonga sikudumisa!
- **Siyakubonga...**

K. Imisebenzi yabantu bakho bonke eyenza ukuba
umhlaba uveze ukudla lezithelo, siyinikela kuwe,
kanye loMnikelo omutsha kaKristu, sisithi: -
Siyakubonga...

K. Nguwe owasinika amandla okunqoba ubunzima
esabunqobayo; nguwe owasiphephisa ezingozini
ezazisizingelezile; nguwe owasophula ezindlaleni,
lasemikhuhlaneni, ngakho-ke, siyakubonga
sikudumisa! - **Siyakubonga...**

K. Siyakuhubela ngentokozi ihubo elitsho okudali-
weyo konke, sikanye leBandla lakho elilhubayo
lelohubo, sikhuleka ngokuthemba kuwe Baba,
sisithi: **UNgcwele, uNgcwele uNgcwele Nkosi...**

UKUBONGA LOKUDUMISA UNKULUNKULU (D)

K. Kasibongeni uNkulunkulu, ngoba ulungile.

B. Uthando lwakhe olungapheliyo lumi kuze kube nininini.

K. Siyakubonga ngenhliziyo zethu zonke, Nkulunkulu Baba, siyakubabaza, siyakwazisa, ngokuthumela uMoya oNgcwele enhliziyweni zabantu bakho.

B. Thumela uMoya wakho oNgcwele enhliziyweni zabantu bakho.

K. UMoya wakho usikhupha kwezomhlaba, usenyusela kwezaphezulu, simangaliswe yizimangaliso zakho. - **Thumela...**

K. UMoya wakho oNgcwele uyasivuselela, asenze silungisele umbuso wakho; ngaye usibonisa uthando lwakho olumangalisayo, umanyanise abantu bakho babe munye. - **Thumela...**

K. Sihlangene lapha ukuze siqiniseke, siqobe amandla obumnyama ngamandla kaKristu ovukileyo, sibe lethemba elitsha lempilo entsha kuye. - **Thumela...**

K. Ngalokhuke, sikanye leBandla lonke, eliyilona elifakaza izimangaliso zothando lwakho kubantu bonke, ndawonye labangcwele bonke, ababetshumayela iVangeli emazweni wonke, sithi:

B. UNgcwele, uNgcwele, uNgcwele Nkosi...

UKUKHULEKELA IZULU (1)



Ingcazelo: UJesu wathi: Celani lizakuphiwa; funani, lizakufumana; qoqodani, lizakuvulelwa; (Luka 11,9). Kane-nge, nxa sesiphakathi kohlupho kumbe sesilobunzima obuthile, siyamkhohlwa uNkulunkulu sidinge uncedo emandle-ni alize. Lamhla siphakathi kobunzima obukhulu, umhlaba womile, izifuyo ziyafa ziswela amanzi. Nxa sikhangela isibhakabhaka sisibona siluhlaza tshoko, asilangitsho lechatha leyezi. Ngakho-ke, kasibekeni ithemba lethu kuNkulunkulu uSomandla simcele asiphe izulu ukuba lisiphilise thina lezidalwa zakhe.

B. Ingoma yokungena

K. Isibonakaliso sesiphambano

K. Ukubingelela

K. Isingeniso

B. Ukuzisola ngezono

B. Nkosi sihawukele

Umkhuleko wokucela izulu

Awu, Mdali, Baba, Nkulunkulu, Menzi wethu lowezinto zonke akukhangele ukuhawula kwemuli yakho ngenxa yokuswela kwayo izulu! Khangela ukuhawula kwezifuyo lezinyamazana zasendle!

Khangela ukoma kwamasimu lemithombo lamachibi le-mifula yethu! Sithembele kuwe, Baba, sithembele kuwe. Kakho omunye esimthembileyo ngaphandle kwakho. Sisize Baba olomusa; sisize Nkulunkulu wesihawu, usithumele izulu elaneleyo, zithokoze ngawe inhliziyo zethu, ihube indumiso yakho ngemilomo yethu, zijabule izifuyo lezinyamazana, zihlume izihlahla lotshani,

IZINKONZO

ubukeke umhlaba, athele amasimu ethu, sibone amandla akho lokulunga kwakho okungelamkhawulo. Sicela ngoKristu iNkosi yethu. Amen.

Izifundo: Levi 26,31-32; 1 Kho 18,30-46; Mat 5,43-48.

Intshumayelo

Izikhhalazo ezokucela izulu

Nkulunkulu Somandla, Nkosi yezulu lomhlaba, zonke izinto zingaphansi kwamandla akho. Ilanga, lenyanga lezinkanyezi, konke kulandela intando yakho. Umoya lamayezi kulalela ilizwi lakho. Thumela izulu lakho ukuze izilimo zethu zikhule zisiphe ukudla. Siyakuncenga ukuba usitshengise kokuphela ukulunga kwakho lozwelo lwakho. - **Nkosi, silalele.**

Akusibusise, thina zikhonzi zakho, ubusise lakho konke esilakho. - **Nkosi, silalele.**

Ake ubusise amasimu ethu lenhlanyelo yethu kanye lezifuyo zethu. - **Nkosi, silalele.**

Kasikhulekeni: Nkulunkulu Somandla Simakade, akulondoloze, ubusise amasimu ethu, usithumele izulu elaneleyo, likhulise izilimo emasimini ethu, sikubonge ngezibusiso zakho. Yembesa iphezulu ngamayezi ezulu, wehlisele umhlaba izulu elaneleyo, usivikele ezingozini zonke. Sicela ngoKristu iNkosi yethu. **Amen.**

Ukubusisa inhlanyelo:

K. Usizo lwethu lusebizweni lweNkosi.

B. Eyenza izulu lomhlaba.

K. INkosi kayibe lani.

B. Kayibe lawe njalo.

Kasikhulekeni: Nkulunkulu Baba Somandla, Menzi wezulu lomhlaba, siyakuncenga sikunxusa ukuba ubusise inhlanyelo yalokhu kudla. Ake uyilondoloze

ngokuyithumela umoya omnandi ukuze uyiphephethe, njalo uyithumele amazolo ezulu, khona izavuthwa kuhle, ingoniwa yilutho. Akusitholise ngayo uncedo lwemiphefumulo yethu. Sicela ngoKristu iNkosi yethu. **Amen.**

Umkhuleko wokubonga

Bayethe, Nkulunkulu wamaxuku, Mvelinqangi wamabandla, Somandla, Simakade, Mninimusa lokulunga konke! Siyakubonga Baba; sibonga umusa lokulunga kwakho, ngezulu elihle osinika lona iminyaka ngeminyaka. Ziyamangalisa izenzo zakho, lomusa wakho lobungcwele lokulunga kwakho kungelinganiswe. UNgcwele, uNgcwele, uNgcwele, Nkosi ...

(Baba wethu... Ekuhle Mariya... Udumo alube...)

K. Isibusiso

B. Ingoma

UKUKHULEKELA IZULU (2)

Indawo: *Kungaba sedamu kumbe emfuleni.*

B. Ingoma yokungena.

K. Isibonakaliso sesiphambano.

K. Ukubingelela.

K. Isingeniso:

Bazalwane abathandekayo, sibuthene lapha ngoba sonke silephango esilaziyo ukuthi lingasuthiswa kuphela nguMdali wethu. Thina sonke lapha sesikhangelane lamasimu lamadlelo ethu lokungenzakala uma singaswela amazolo. Yenake uNkulunkulu esewudalile umhlaba wathi: Umhlaba kawuzeze utshani, lemibhida ethela inhlanyelo, lezihlahla ezithela izithelo ezilenzhlanyelo yazo, ngezinhlobo zazo; (Gen 1,11). Wasinika wonalo umhlaba ukuze siwulime njalo siwuphathe ngonanzelelo; (Gen 2,15). INkosi uNkulunkulu yasimthatha umuntu yambeka ensimini yaseEdeni ukuba ayilime, ayilo-

IZINKONZO

ndoloze. INkosi yasinika umhlaba ukuze sithole ukudla, yathi: Khangelani, ngilinika yonke imibhida ethela inhla-nyelo esemhlabeni wonke, lezihlahla zonke ezilezithelo eziveza inhlangano, ukuba kube yikudla kwenu; (Gen 1,29). Kambe lina likubona njani bathandekayo? Kakukuhle yini? Uma kunjalo, pho! akufanelanga yini ukuthi simbo-nge yena yedwa nje zwi uMdali wethu, owahle wakupha-wula kusukela ekuqaleni ukuthi konke lokhu ukulima, lokuvuna kuzahlala kukhona. Lapho umhlaba usekhona kakuyikuphela ukuhlanyela lokuvuna, amakhaza lokufu-dumala, ihlobo lobusika, imini lobusuku; (Gen 8,22).

Ukuze uNkulunkulu ezwe imikhuleko yethu asizisoleni ngezono zethu. (Siyathula okwesikhatshana)

B. Ngiyavuma kuNkulunkulu...

K. UNkulunkulu uMninimandla wonke, akasihawukele, asithethelele izono zethu, asiphe ukuphila okulaphakade. **Amen.**

B. Nkosi, sihawukele...

Kasikhulekeni: Nkulunkulu Baba, uhlala ulathi kokuphela, ekuphileni lasekuhambeni kwethu, lakukho konke esikwenzayo. Konke esilakho kuvela kuwe. Akusiphe izulu elaneleyo lonyaka, sithole ukusila kwalapha emhlabeni, sidinge ngethemba elikhulu ukuphila okulaphakade. Nkulunkulu Mninimandla wonke, siyakuncenga ukuba usivikele kukho konke okubi, usilondoloze thina esithembele emuseni wakho kizo zonke izinswelo zethu. Siyacela, Nkosi ukuba usiphe izulu eliphilisayo, uvume ukuthumela umhlaba amazolo ezulu. Sicela ngoKristu iNkosi yethu. **Amen.**

Izifundo: Levi 26,31-32; 1 Kho 18,30-46; Mat 5,43-48.

Intshumayelo.

Izikhhalazo.

Ingoma zokucela izulu.

Umnikelo: Abantu baletha izindiwo zamanzi lenkezo.

K. Siyakudumisa Nkosi Nkulunkulu Menzi wezinto zonke, sinikela kuwe amanzi la esiwathela emhlabathini owomileyo siwahlanganisa lalumhlabiso wesinkwa lewayini, ngakho sicela ukuthola izulu elaneleyo ngalezinsuku zokuphila kwethu. *(Amanzi ayathelwa phansi ngenkezo kutshiywe amanye)*. Sicela ngoKristu iNkosi yethu. **Amen.**

Ukuchelwa kwabantu lamagumbi amane omhlaba ngamanzi angcwele.

Umphathinkonzo uchela abantu ngamanzi angcwele, abesechela inhlangothi zonke zomhlaba, eqalisela empumalanga. Kungaba kuhle ukuba kukhethwe amakholwa amane ukuba achele inhlangothi zomhlaba, omunye esiya entshonalanga, omunye enyakatho, omunye eningizimu.

Ingoma yokucela izulu ingahlatshelwa ngalesisikhathi sokuchela.

Kasikhulekeni: Awu, Mdali, Baba, Nkulunkulu, Menzi wethu, khangela ukuhawula kwemuli yakho ngenxa yokuswela kwayo izulu! Khangela ukuhawulisa kwezifuyo lenyamazana zasendle! Khangela ukoma kwamasimu, lemithombo, lamachibi, lemifula yethu! Sithembele kuwe Baba, sithembele kuwe, kakho omunye esimthembileyo. Sisize, Baba olomusa; sisize, Nkulunkulu wesihawu, usithumele izulu elaneleyo: zithokoze ngawe inhliziyo zethu, lemilomo yethu ihube udumo lwakho, zijabule izifuyo lezinyamazana, zihlume izihlahla lotshani, ubukeke umhlaba, athele amasimu ethu, sibone amandla akho lokulunga kwakho. Sicela ngoKristu iNkosi yethu. Amen.

(Baba wethu... Ekuhle Mariya... Udumo...)

K. Isibusiso

INKONZO YOKUBONGA IZULU LESIVUNO ESIHLE

B. Ingoma yokungena:

K. Isibonakaliso sesiphambano.

K. Ukubingelela.

K. Isingeniso:

Bazalwane abathandekayo, lamhla sibuthene lapha ukuza-bonga uNkulunkulu ngesivuno esihle, asiphe sona kulumnyaka. Nguye obesithumela izulu elisize amasimu ethu ukuba athele izithelo esizilethe kuye lamuhla ukuba simbonge ngazo. Endulo kwakulomkhosi weNxwala, owawungowokubonga uMdali ngamabele amatsha. Le yiyo inxwala yethu, ngakho-ke kasibongeni uMdali wethu, sijabule. Okokuqala, kasihlolisiseni inhliziyo zethu, sibone ukuthi kukhona yini esamona ngakho, sizisole ngezono zethu, simcele ukuba asithethelele.

B. Ngiyavuma kuNkulunkulu...

K. UNkulunkulu uMninimandla wonke akasihawukele, asithethelele izono zethu, asiphe ukuphila okulaphakade.

B. Amen.

K. Nkosi, sihawukele...

Kasikhulekeni: Bayethe, Nkulunkulu wamaxuku, Mvelinqangi wamabandla, Somandla, Simakade, Mninimusa lokulunga konke! Siyabonga, Baba, sibonga umusa lokulunga kwakho, ngezulu osinike lona lonyaka. Ziyamangalisa izenzo zakho, lomusa, lobungcwele, lokulunga kwakho kungelinganiswe. **UNgcwele, uNgcwele, uNgcwele Nkosi...**

Silondoloze kokuphela, usibusise lezimuli zethu, usinike izulu elaneleyo lakulumnyaka. Sicela ngoKristu iNkosi yethu. **Amen.**

Izifundo: Dute 8,7-18; Jer 14,1-9; Marko 5,18-20.

Intshumayelo.

B. Udwendwe lokunikela izipho.

Umphathinkonzo utshela abantu ukuthi sekuzakwenziwa udwendwe lokuyanikela izipho lezithelo ezintsha kuNkulunkulu, phambi kweAlithare lakhe, njengesibonakaliso soku-mbonga. Izithelo ezintsha zizanikwa abayanga labahluphekayo, umnikelo ngoweBandla lika Jesu Kristu.

Ingoma yomnikelo: Ukubonga lokudumisa uNkulunkulu; kungathathwa u(C), kukhasi 179.

Kasikhulekeni: Siyabonga, Nkulunkulu Baba, siyabonga Mvelingqangi, Mdali wezulu lomhlaba lezinto zonke siyabonga, Somandla, Simakade, sibonga izulu lembewu lezithelo osiphe zona kulumnyaka. Wena Thulasizwe wemibani lemidumo yezulu! Wena Mlawuli weziphepho lezivunguzane leziqhotho! Wena Mgiqi wezivimbezelo zamachibi aphezulu! Siyabonga ngezithelo zalonyaka langakho konke osenzela khona. Siyacela ukuba ungasusi umusa lothando lwakho kithi. Sicela ngoKristu iNkosi yethu. Amen.

(Baba wethu... Ekuhle Mariya... Udumo...)

Isibusiso lokuvalelisana.

Ingoma

IZIBUSISO EZITSHIYENEYO

Ukubusiswa kwetswayi

Baba olomusa wonke, siyakuncenga ukuba ubusise + itswayi leli owalidalayo; okwathi ngokulaya kwakho uElisha umprofethi walihlanganisa lamanzi, ukuwahlambulula lokuxotsha ububi kiwo. Akuxotshe wonke amandla obubi lapho amanzi la ahlanganiswe lalelitswayi azachelwa khona, usilondoloze ngokuba khona kukaMoya wakho oNgcwele phakathi kwethu. Sicela ngoKristu iNkosi yethu. Amen.

Ukubusiswa kwamanzi (1)

Nkulunkulu Baba Somandla, Wena ungumthombo wempilo yonke. Siyakuncenga ukuba ubusise + amanzi la esiwasebenzisa ngokukholwa, sikucela ukuba usixolelele izono zethu, usivikele emikhuhlaneni lasemandleni wonke esitha.

Nkosi, ngomusa wakho akuvume ukuba amanzi la asilethele impilo losindiso.

Sengathi angasenza sisondele kuwe silenhliziyi ezihlanjululiweyo ezonweni, siphephe lasezingozini zonke zokomoya lezomzimba. Sicela ngoKristu iNkosi yethu. Amen.

Ukubusiswa kwamanzi (2)

Nkulunkulu Baba Somandla, Mthombo wempilo, ake ubusise amanzi la, uwaphe amandla ukuze asilethele izibusiso asivikele njalo, asisilise emikhuhlaneni, axotshe amandla kaSathane lemimoya emibi lamathunzi amabi. Yenza amanzi la avikele imizi yethu, alethe izibusiso emasimini ethu andise izifuyo zethu. Busisa amanzi la ngebizo likaYise, + leleNdodana, lelikaMoya oNgcwele. Amen.

Umkhuleko wokuxotsha uSathane lemimoya emibi.

(Indlela yokumlaya ukuphuma emuntwini)

Ngiyakulaya wena Sathane, sitha sabantu bonke lenhlalakahle yabo ukuba ulalele ukuphelela lokulunga kukaNkulunkulu uBaba, yena owahlulela ngobuqotho osekulahlile ngokuziphakamisa lomhawu wakho.

Suka kule inceku kaNkulunkulu u... owadalwa yiNkosi ngomfanekiso wayo, wamupha izipho zakhe, njalo ngomusa wakhe wamenza umntanakhe. Ngiyakulaya wena Sathane, nkosana yobumnyama, nanzelela amandla lesithunzi sikaJesu Kristu owakunqobayo

enkangala, wakukhulela ensimini yaseGetsemani, wakwehlula esiphambanweni, kwathi ngokuvuka ekufeni wanqoba ubumnyama ngokukhanya.

Suka kulesisidalwa sikaNkulunkulu u ... uKristu amenza umzalwane wakhe ngoMbhhabhathizo, wamsindisa ngegazi lakhe.

Ngiyakulaya Sathane, wena oyenga uluntu lonke ukuba uthobele uMoya weqiniso lomusa olwisa ubuqili bakho njalo echitha amanga akho, phuma kulesisidalwa sikaNkulunkulu u ... amphawulayo ngophawu lwakhe lwaphezulu, unyamalale kulo umuntu uNkulunkulu amenza ithempeli lakhe elingcwele ngomgcobo wokoMoya. Suka ngamandla okholo lomthandazo weBandla.

Nyamalala ngamandla esibonakaliso sesiphambano sikaJesu Kristu iNkosi yethu.

(Zibani) ... ngiyakubusisa ngesiphambano esingcwele: Ngebizo likaYise, + leleNdodana, lelukaMoya oNgcwele. Amen.

(Abesemchela ngamanzi angcwele, abesemthunqisele ngempepha).

Umkhuleko wokuxotsha uSathane

(indlela yokulabhela)

Nkulunkulu Somandla, Mdali lomvikeli woluntu lonke, ake ukhangele ngomusa inceku yakho le u ... owamdala ngomfanekiso wakho wambizela ukwabelwa ubukhosi bakho: Isitha esidala siyamhlukuluza kabuhlungu, siyamncindezela ngodlakela olukhulu, siyamphazamisa ngesihluku esesabekayo. Siyakucela wehlisele phezu kwale inceku yakho uMoya oNgcwele ukuze amuphe amandla, kule impi, amfundise ukuba acele kuye ngesikhathi sohlupho njalo amvikele ngamandla akhe amakhulu.

Ake uzwe Nkulunkulu Baba, wokulunga ukububula kweBandla elicelayo, ungavumi ukuba umntanakho lo, owasindiswa nguJesu Kristu ngegazi lakhe abotshwe nguSathane. Ulithempeli likaMoya oNgcwele, ngakho-ke, ungavumi ukuba umoya omubi ongcolileyo ahlale kuye.

Ake uzwe Nkulunkulu Mninimusa imikhuleko yeVirigo elibusisiweyo uMariya, iNdodana yakhe eyafa esiphambanweni, yachoboza ikhanda lenyoka, yasinikela abantu bonke ezandleni zikaNina.

Angathi ukukhanya kweqiniso kungakhanya phezu kwenceku yakho le, ukuze ukuthokoza lokuthula kuhla-le kuye, loMoya oNgcwele amenze acoleke ahlambuluke. Siyacela uzwe Nkosi umkhuleko wesithunywa esikhulu uMikhayeli, lomkhuleko wezithunywa ezikhonzayo imihla ngemihla. Nkulunkulu Mninimandla wonke xotsha amandla kaSathane.

2. Emsebenzini wakho, Ebunzimeni bonke.
3. Ekulingweni kwami, Ekuhambeni kwami.
4. Ekukholweni kwami, Ekukuthembeni kwami.
5. Ekukhulekeni kwami, Emicabangweni yami.
6. Ekutshumayeleni kwami, ekukhulekeni kwami.

C. Nyoni.

172. Jesu nampa thin'abakho (100)

1. Jesu nampa thin'abakho, size eMiseni,
laph'uphinda umhlabiso, wasesiphambanweni.
2. Siyavuma phambi kwakho, amacala ethu,
sesidabukil'impela, ngoba sikonile.

3. Sihawukele Jes'omuhle, akusixolele,
ugezis'izono zethu, eGazini lakho.
4. Senze Nkosi sibe mhlophe, emehlweni akho,
usivuse sikukhonze, ngezikhathi zonke.

173. Lonke zizwe zonke (101)

Chorus: Lonke zizwe zonke, mdumisen'uNkulunkulu.
Lonke zizwe zonke, thembanin'uNkulunkulu.
Lonke zizwe zonke, thandanin'uNkulunkulu.

1. Abakuthandayo Nkosi, bazakuza bakhonze kuwe,
abakuhloniphayo wena, babusise ngesandla sakho,
babusise...
2. Ubakhokhel'ekukhanyeni, ubadonse ngesandla sakho
ubakhuphe ebumnyameni, babusise...
3. Ubakhulul'ebunzimeni, bathandane ngebizo lakho,
balihloniphe kokuphela, babusise...
4. Udumo alube kuYise, leNdodana to Moy'oNgcwele,
abanguNkulunkulu munye, babusise...

P. Hlabano

174. Makesukumeni (513)

1. Makesukumeni semukeli iNkosi.
Esihlangene ngayo khona laph'endlini.

Chorus: Sithi: Bayethe weZulu, Nkosi yamakhosi.
Sithi Bayethe wena Zul'eliphezulu. (2x).

2. Siyakhuleka sithi, bayethe weZulu.
Sithi bayethe wena, Zul'eliphezulu.
3. Singamabutho akho, wena Ndabezitha
Siyakhuleka kuwe, sitemelezela.

(Zulu song)

175. Ngegama lami (102)

1. Laph'okuhlangene khona, ababili,
ababili labathathu, ngegama lami.
Chorus: Ngegama lam', ngegama lami, lami
ngoba khona lami.
2. Ngizolinika konke okuhle, konk'okuhle,
ngizolinik'elikucelayo, kucelayo.
3. Landelanini yonk'imilayo, imilayo,
landelan'imilayo kaBaba, ekaBaba.
4. Ngizalinik'uMoya oNgcwele, Moy'oNgcwele,
ngizalinik'alikhanyisele, khanyisele.
5. Lizafik'ekhaya likaBaba, likaBaba,
lijabule kanye labangcwele, labangcwele.

W. Hlabano

176. Ngenani ngendumiso (103)

1. Ngenani, ngenani ngendumiso,
ngendumiso, emnyango kaNkulunkulu,
Nkulunkulu, sondelani ngenjabulo,
emthunzini wendlu yakhe.
2. Sondelani, sondelani Bantu lonke,
Bantu lonke, kulinkonzo ezothileyo,
zothileyo, sondelani ngendumiso,
sondelani ngokuthaba.
3. Usekade, usekade laph'uKristu,
laph'uKristu, ongumnini wayo lindlu,
wayo lindlu, sinikezwa kuye manje,
ngalinkonzw'esiyezenzayo.
4. Amakholwa, amakholwa amanengi,
amanengi, kawazalwe kuyo lindlu,
kuyo lindlu, ngokutshunyayelwa kwezwi,
elimnandi losindiso.

5. Nxa sehlelwa, nxa sehlelwa zinhlopheko,
zinhlopheko, kuvaleke lezulu, lezulu,
kasikhulekeni kul'indlu,
umenzi uyosiphendula.

C. Zikhali

177. Ngizakuya eAl'thareni

Chorus: Ngizakuya eAl'thareni likaNkulunkulu,
kuNkulunkulu, ongithabisa ebutsheeni bami.

1. Kwangithokozisa nxa kuthiwa kimi,
asihambe siye endlini yeNkosi.
Izinyawo zethu sezimi kuwe,
Wena'ndlu engcwele kaNkulunkulu.
2. Zinhle kangamani izindlu zakho
wena Nkulunkulu wamaxuku.
Vulekani lina masango amahle,
kungene iNkosi yobukhosi.
3. Ngubani l'iNkosi yobukhosi na!
YiNkosi enkulu elamandla onke.
Ngubani l'iNkosi elamandla onke!
NguJesu iNkosi elamandla onke.

(Hubo 122) B. Ndlovu

178. Nkosi sivulele (551)

Chorus: Nkosi sivulele, sivulele singene wena, Nkosi
Sizithoba sizekhuluma lawe. (2x)

1. Sesiqoqoda phela emnyango, akusizwe - akusizwe,
sivuleleke singene, sikukhonze sikudumise.
2. Siqalisa inkonzo yosuku lwalamuhla silalele,
siphamandla sizithobe, uyiNkosi Somandla onke.
3. Wena Nkosi yezulu lomhlaba, Nkanyezi ekhanyayo,
sikhanyisela-ke singene, Nkulunkulu wezizwe zonke.

W. D. Hlabano

179. Siyacela kuwe Jesu (104)

1. Siyacela kuwe Jesu, siyacela kuwe Jesu,
ngena lathi kul'indawo, Aleluya, ngena lathi kul'indawo.
2. Bona sisendlini yakho, bona sisendlini yakho, ngena
lathi Nkosi yethu, aleluya, ngena lathi Nkosi yethu.
3. Sibuthene sikhuleka, sibuthene sikhuleka,
sifun'ilizwi lakho, aleluya, sifun'ilizwi lakho.
4. Ngoba lona liyikudla, ngoba lona liyikudla,
kwemiphefumulo yethu, aleluya, kwemiphefumulo
yethu.
5. Sidumisa siqakeza, sidumisa siqakeza,
sithi a, sithi aleluya. Aleluya, sithi a Aleluya.

C. Zikhali

180. UJesu uthi khangela ngimi (105)

Chorus: UJesu uthi: khangela ngimi, ngasemnyango,
Ngiqoqoda,
Ngimi ngasemnyango ngiqoqoda.
Ngimi...

1. Uba umuntu, ezwa izwi lam'avule umnyango,
ngizangena, ngidle, laye laye adle lami.
2. Onqobayo, uzakuhlala lami,
esihlalweni, esihlalweni sami sobukhosi.
3. Njengalokhu lami, nganqoba,
ngihlezi, ngihlezi loBab'esihlalweni sobukhosi.
4. Olendlebe kezwe, lokho umoya akutshoyo,
emabandleni, lokho umoya akutshoyo. (2x)

(1 Sam 3,20-22) M. Chifana

EZOKUZISOLA

181. Baba ngincedisa (593)

Chorus: Baba ngincedisa,
Kangingaphambuki elizwini lakho Nkosi
Isi, isihawu sakho Baba kasihlale kimi
Ukuze, ngikukhonze Nkosi ngenhliziyo eqotho.

1. Nkosi ilizwi lakho,
Nkos'ilizwi lakho kalibuse, kalibuse enhliziyweni yami.
Qondisa inyawo zami,
Qondis'inyawo zami Baba zingasuki, zingasuki
endleleni yakho.
2. Baba ngiphathisa,
Baba ngiphathisa ngigcine izimiso zakho zonke.
Vula amehlo ami,
Vul'amehlo ami Nkosi, ngibone ubukhulu bakho.
3. Baba uthando lwakho,
Bab'uthando lwakho kaluhlale, luzinze emoyeni wami.
Nkosi iqiniso lakho,
Nkosi iqiniso lakho kalingasuki, emlonyeni wami.
4. Baba, omubi ungithiyile,
Omub'ungithiyile, Baba ngivikela, ukuze ngisile.
Baba isandla sakho,
Bab'isandla sakh'asibe phezu kwami, ngisize njalonjalo.

M. Chifana

182. Baba siyakuncenga (584)

Chorus: Baba siyakuncenga,
Hlambulula imizimba yethu

Bass: Ibengcwele, Ngoba ilithempeli lakho. (2x)

1. Ezonweni zethu, Nkosi,
Sihlambulule, Sihlambulule Sibe ngcwele.
Oh siyakuncenga, Baba,
Sihlambulule, Sihlambulule, Sibe ngcwele.
Us'khulul'ezonweni zethu,
Sihlambulule, Sihlambulule, Sibe ngcwele.
2. Ebubini bethu Nkosi...
3. Enhliziyweni zethu Nkosi...

C. Nyoni

183. Buya ndodana (106)

Chorus: Buya, buya ndodana buya buyele khaya,
buya, ulahlekile kude, woz' ekhaya!

1. Ezweni lezihambi laph'oyakhona,
izwa izwi lithi, ndodana yami!
2. Ezweni lendlala uphel' amandla,
woz'uzojabula, ndodana yami!
3. Woza ekudleni, haw' ukhohliwe,
woza edilini, ndodana yami!
4. Uzulele kude, woqhubeka na?
ngikuthethelele, ndodana yami!
5. Awula zihlobo, awulakhaya,
ngikuthand'unjalo, ndodana yami!

(c/f Luka 15,11-32) C. Zikhali

184. E! Nkosi, Menzi wethu (107)

1. E! Nkosi, Menzi wethu, sibone thin'abakho,
siguqa phansi lapha, eAlithareni lakho,
sivuma phambi kwakho, izono zethu zonke;
sesizisola ngazo, sidabukil'impela.
O! Menzi wethu, usixolele Baba.
2. O! sasilahlekile, sachith'izipho zakho,
sesibuyela kuwe: O! Menzi wethu, Baba.
Akusivume futhi, sibe ngabantwabakho,
singabe sisaphinda, sikwone futhi Baba.
O! Menzi wethu, usixolele, Baba.
3. E! Baba olomusa, ubone umthethelo,
akunikela wona, uJes'es'phambanweni.
Nguye owahlawulela, onk'amacala ethu,
sesilethemb'elihle ngeGazi loMsindisi.
O! Menzi wethu, usixolele, Baba.

185. Kwafika uJohane umBhabhathizi (108)

1. Kwafika uJohane uMbhabhathizi enkangala,
etshumayela uMbhabhathizo wokuphenduka:
Chorus: Kube yikuthethelelwa, yikuthethelelwa
kwezono. (2x)
2. Kwaphum'abeJudiya leJesuralema, enkangala,
bezofun'ukubhabhathizwa, lokuphenduka.
3. Baqonda iJordani, umfula omkhulu, belezono,
bezobhabhathizwa nguJohane, bevum'izono.
4. Wayembeth'ingubo yoboya bekamela,
elozwezwe okhalweni lwakhe, esidl'intethe.
5. Wathi: Mina angifanele, angifanele, phambi kwakhe,
ukuthukulula imichilo yamanyathelo akhe.

W. Hlabano

186. Ngangibotshiwe

Ngangibotshiwe, yizono zami,
ningingakhululwa ngubani na?
Wehla uJesu lenkululeko, ngikhululiwe nguy'uJesu,
yek'ubumnandi benkululeko,
ngikhululiwe, ebugqilin'nguJesu,
wayenza inkululeko ngikhululiwe nguy'uJesu.

187. Ngenze ngibe mhlophe (566)

Chorus: Ngenze ngibe mhlophe
Nkosi ngenze ngibe mhlophe.

B: Ngibe mhlophe, hlophe, ngibe mhlophe
ngibe mhlophe, ngibe mhlophe emoyeni.

1. Akuxole Nkosi ug cwalis'inhliziy o yami ngegrasiya lakho ngibemhlophe.
2. Wena kukhanya okukhanyisela wonke umuntu Nkulunkulu wami.
3. Ngithokozela ukuhlala kuwe insuku ngensuku ngikudumisa. Ngenze ngibe mhlophe.
4. Ngisesandleni sakho, ngiyisikhonzi sakho.
5. Kawubongwe wena ngeGrasiya lakho, Nkulunkulu wami.
6. Ukuze ingqondo yami igxile ngithembele kuwe.
7. Ngithokozela ukuhlala kuwe insuku ngensuku, ngikudumisa, ngisesandleni sakho, ngiyisikhonzi sakho.

S. Moyo

188. Ngihawukela (615)

Ngihawukela, Ngihawukela, Nkulunkulu
ngothando lwakho olungapheliyo. (2x)

1. Yesula iziphambeko zami
ngobubele bakho obukhulu.

IZINGOMA

Chorus: Khangela, ngazalelwa ebubini
lomama wangomulela esonweni (2x)
Ngonile kuwe wena wedwa, Nkosi
ngenza okubi emehlweni akho.

2. Ngigezisa ebubini bami,
ngihlambulula esonweni sami.
3. Ngiyazazi iziphambeko zami,
lezenzo zami zihlala ziphambi kwami.
4. Ngigezise ngehisophe, ngigezise,
ngizakuhlambuluka, Ngigezise ngibemhlophe,
ngibemhlophe njengongqoqwane.
5. Ngigcwalise ngentokozo yakho Nkosi,
athabe amathambo owaphulileyo.

(c/f Hubo 51) M. Majahana

189. Ngiphathisa Baba (514)

Chorus: Ngiphathisa Baba,
Ungangixotshi, ungangitshiyi, ungangifihleli,
Nkosi yam' ubuso bakho.
Ngikhokhela Baba. Ungangixotshi
ungangitshiyi...

1. Ngizwa Nkosi lapho ngikubiza,
Baba ungangitshiyi, Nkosi yami ngiphathisa.
Wena Nkosi ulusizo lwami, Baba ungangitshiyi...
2. Laph'umama loBaba bengitshiya, Baba ...
Wena Nkosi uzangilondoloza, Baba...
3. Unganginikeli ezitheni zami, Baba...
Ngifundis'indlela yakho Nkosi, Baba...
4. Ungihole endleleni yakho, Baba...
Ngithembe wena Nkosi Mhlengi wami, Baba..

M Chifana

190. Ngixakulula (109)

1. Ngixakulula,
 Mdali Mvelingqangi, Nkulunkulu.
 Ebubini bonke,
 O! Nkulunkulu Wena Somandla!
 Ngikhulula Baba,
 Mdali Mvelingqangi, Somandla,
 Ezonweni zonke,
 O! Nkulunkulu Simakade!
 Ngihlambulula,
 Mdali Mvelingqangi, wamaxuku,
 Ekungcoleni,
 O! Nkulunkulu, Baba Somandla!
- Chorus:* Ngihaw'kela Baba / Ngihaw'kela Baba.
 Ngomusa wakho, / E! - - - E!
 Ngihaw'kela, / Ngihawukela, Nkulunkulu,
 Ngithethelele / Ngithethelele
 Ngesihawu sakho. / E! - - - E!
 Esikhulu! / O! Nkulunkulu, Baba Somandla.
2. Ngiqinisa Baba, Mdali Mvelingqangi,
 Nkulunkulu! ngamandla akho,
 O! Nkulunkulu, Wena Somandla!
 Ngilondoloza, Mdali Mvelingqangi, Somandla!
 Ngihlale kuwe, O! Nkulunkulu, Simakade!
 Ngivikela Baba, Mdali Mvelingqangi, wamaxuku!
 Engozini zonke, O! Nkulunkulu, Wena Somandla.
3. Ngilungisisa, Mdali Mvelingqangi,
 Nkulunkulu, ngoMoya wakho,
 O! - Nkulunkulu, Wena Somandla!
 Ngiyacela Baba, Mdali Mvelingqangi, Somandla,
 Amandla akho, O! - Nkulunkulu Simakade!
 Ngikhokhelela, Mdali Mvelingqangi, wamaxuku!
 Endleleni zakho, O! -Nkulunkulu, Baba Somandla!
 Ekufeni kwa-mi, Mdali Mvelingqangi, Nkulunkulu,
 ngifik'ezulwini, O! Nkulunkulu Wena Somandla.

B. Ndlovu

191. Ngiyavuma Nkosi mina ngiyisoni (552)

Chorus: Ngiyavuma, Nkosi mina ngiyisoni
Ngiyavuma, yebo phambi kobuso bakho. (2x)

1. Emicabangweni yami Nkosi
ngikhumbulela abanye okubi.

Bass: Nkosi yami Ngithethelela, Nkosi yami (2x)

Tenor: Ngithethelela, Nkosi,
Ngithethelela Nkosi yami, Ngithethelela
Ngomusa wakho.

Tenor: Ngithethelela Nkosi, Ngithethelela
Nkosi, Ngithethelela Nkosi, Nkosi, Nkosi yami.

2. Ukholo lwami Nkosi,
kaluqinanga ngoba ngidelela ilizwi lakho.

3. Ithemba lami Nkosi,
kalijulanga ngoba ngindlela mbili.

4. Uthando lwami Nkosi
luyaxega ngenxa yobuthakathaka bami.

C. Nyoni

192. Ngiyavuma ngecala lami

Chorus: Ngiyavuma, ngiyavuma, ngiyavuma, ngecala
lami (2x)

1. Ngiyavuma - kuNkulunkulu, uMninimandla wonke,
ngiyavuma ngecala lami.

2. Ukuthi ngonile, ngokucabanga, langokukhuluma,
langokwenza, langephutha, ngiyavuma...

3. Ngecala lami, ngecala lami, ngecala lami elinzima
kakhulu sibili (2x), ngiyavuma...

Chorus: Ngiyavuma, ngiyavuma, ngiyavuma, ngecala
lami (2x)

4. Ngakho ngiyancenga, uMariya, obusisiweyo,
oliVirigo kokuphela, ngiyavuma...
5. Lezithunywa, zasezulwini, labangcwele bonke lani
bazalwane, ngiyavuma...
6. Lingikhulekele eNkosini, uNkulunkulu wethu (2x),
ngiyavuma...

D. Moyo

193. Nkulunkulu ngecala lami

Nkulu, Nkulunkulu ngecala lami. (2x)

1. Ngiyavuma kuNkulunkulu uMninimandla wonke,
Nkulu...

Lakini bazalwan'ukuthi ngonile kakhulu, Nkulu...
Ngokucabanga, langokukhuluma, langokwenza,
langephutha, Nkulu...

Chorus: Cala lami, ngecala lam'; ngecala lam',
lami, ngecala lam' elinzima sibili. (2x)
Nkulu, Nkulunkulu ngecala lami (2x)

2. Ngakho-ke ngiyanceng'uMariya obusisiweyo, Nkulu...
OliVirigo kokuphela lezithunywa zezulwini, Nkulu...
Labangcwele bonke, lani bazalwane, Nkulu...
Lingikhulekele eNkosini uNkulunkulu wethu, Nkulu...

W. Hlabano

194. Ngiyavuma lakini bazalwane

Chorus: Ngiyavuma, ngiyavuma, ngiyavuma,
ngiyavuma, ngiyavuma, ngiyavuma lakini
bazalwane.

1. Ngiyavuma kuNkulunkulu uMninimandla onke...
2. Ukuthi ngonile kakhulu ngokucabanga
langokukhuluma langokwenza langephutha.
3. Ngecala lami, ngecala lami, ngecala lami elinzima
kakhulu sibili.

4. Ngakho-ke ngiyancenga uMariya obusisiweyo
oliVirigo kokuphela lezithunywa zonke zasezulwini...
5. Labangcwele bonke, lani bazalwane
ukuba lingikhulekele eNkosini uNkulunkulu wethu.
(ekucineni) Ngiyavuma, ngiyavuma, ngiyavuma
lakini bazalwane.

195. Ngiyavuma

Chorus: Ngiyavuma, ngiyavuma,
ngiyavuma ngecala lami (2x)

1. Ngiyavuma kuNkulunkulu uMninimandla onke,
ngiyavuma ngecala lami.
2. Lakini bazalwane ukuthi ngonile kakhulu
ngokucabanga...
3. Langokukhuluma langokwenza langephutha...
4. Ngecala lami, ngecala lami, ngecala lami elinzima
kakhulu sibili....

Chorus:

5. Ngakho-ke ngiyancenga uMariya obusisiweyo
oliVirigo kokuphela...
6. Lezithunywa zonke zasezulwini... labangcwele bonke...
7. Lani bazalwane ukuba lingikhulekele eNkosini
uNkulunkulu wethu...

Chorus:

196. Ngiyazisola (110)

1. Ngiyazisola, ngicel'amandla Nkosi,
ngezono zami, ngihawukele Baba,
Nkosi yami, ngicel'amandla Nkosi yami,
ngehlukane lezono zami.
2. Angisilutho... ngaphandle kwakho... Nkosi yami...
3. Ngithethelela... ngomusa wakho... ungiquinise...
4. Ngiphakamisa... ngesandla sakho... ungivikele...
5. Lamhla ngifayo... ngihlangabeza... ngizekhaya...

B. Ncube

197 Nkosi yiba lesihawu kithi (111)

1. Nkosi yiba lesihawu kithi

Chorus: Sonile Baba siyacela,
sithethelele Nkulunkulu Nkosi,
sithethelela sesizisola.

Bass: Khanyis' umusa wakho kithi

Bass: Usiphe usindiso lwakho.

A. Gwenelo

198. Nkulunkulu ngangiduka (112)

1. Nkulunkulu ngangiduka, ngakushiya wena Nkosi,
sengibuya ngiyivuma, intando yakho.

2. Noma bengingathobeli, imiyalo yakho Nkosi,
manje ngithi: Mayenziwe, intando yakho.

3. Noma uthi angieyeke, okufiswa yinhliziyiyo,
ngenjabulo ngiyavuma intando yakho.

4. Kothi noma ngihlupheka, ngilosizi lobuhlungu
ngenamele loko njalo, intando yakho.

5. Yilungis'intando yami, iz'iyek'inkani yayo,
ithobele njalo njalo, intando yakho.

Zulu song

199. Nkulunkulu ngothando lwakho

Chorus: Ngihawukele, Ngihawukele
ngihawukele, ngihawukele (2x)

1. Nkulunkulu ngothando lwakho, olungaqamukiyo
yesula iziphambeko zami, ngobubele bakho obukhulu,
Ungigezise ebubini bami, ungihlambulule,
esonweni sami.

2. Ngoba ngiyazazi, iziphambeko zami, lesono sami,
sihlala siphambi kwami.

3. Ngigezisa ngibe mhlophe, kulongqoqwane
ngigcwalisa ngentokozo, langokujabula,
ukuze athabe amathambo, owaphulileyo.

200. Siyizidalwa zakho (113)

1. Siyizidalwa zakho, Nkosi,
khonapha emhlabeni, Nkosi,
xolel'ububi bethu, Nkosi,
woza Nkosi, sithethelele Baba.

Bass: Nkosi -
woza Nkosi, Nkosi,
Siphumuze Nkosi
sithethelele Baba!

2. Lolusuku lwalamhla, ... silunikela kuwe, ...
ake ulubusise, ...
3. Sicela ukutshona,... sisemuseni wakho,...
sikukhonze ngothando,...
4. Sicela ukulala,... sikel'ukuphumula,...
ubuthongo obuhle,...
5. Silondoloze sonke,... sivikel'engozini,...
zomoya lezomzimba,...
6. Thina zidalwa zakho,... sikhothamela kuwe,...
ukuba usisize,....
7. Yelul'ingalo zakho.... wemukel'izicelo,...
lezikhalazo zethu,...

W. Hlabano

201. Vuka ekufeni (114)

Chorus: Vuka , ekufeni vuka, ekufeni,
uKristu uzakukhanyisela, Kristu,
uKristu uzakukhanyisela.

1. Phaphama wena oleleyo, uvuke kwabafileyo.
2. Wena osemnyameni, wozake eNkosini.
3. Nxa ufuna ukukhanya, iNkosi iyakubiza.

D. Moyo

202. Jesu Mthethi wamacala

1. Jesu Mthethi, wamacala,
ngixolela izono zam’.
2. Ngembesa Nkosi, ngothando lwakho,
olungapheliyo wena Jesu wam.’
3. Ngiyathaba mina,
ngaxolelwa izono zami zonke ngoJesu wami.

Chorus: Ngihawukele, ngixolela, ngisindise Nkosi yami.

D. Mungofa

203. Woza Nkosi yokuthula (515)

1. Woza, Woza, woza, Nkosi yokuthula,
yokuthula, usiphe ukuthula kwakho.
Woza, Woza, woza, Nkosi yokuchuma,
yokuchuma usiphe ukuchuma kwakho.
Siyazisola ngezono, izono zamaphutha,
Siyehluleka, (2x) ukuba lokuthula kwakho.
Siyehluleka, (2x) ukuba lokuchuma kwakho.
2. Woza, Woza, Woza, Nkosi, yobumnene,
yobumnene, usiphe ubumnene bakho.
Woza, Woza, Woza, Nkosi yokulunga,
yokulunga, usiphe ukulunga kwakho.
Siyazisola ngezono, izono zamaphutha,
Siyehluleka... ukuba lobumnene bakho.
Siyehluleka... ukuba lokulunga kwakho.
3. Woza, Woza, Woza, Nkosi, Nkosi yothando,
yothando, usiphe lon’uthando lwakho.
Woza, Woza, Woza, Nkosi, Nkosi yoxolo,
yoxolo, usiphe lon’uxolo lwakho.
Siyazisola ngezono, izono phambi kwakho
Siyehluleka... ukuba lothando njengawe.
Siyehluleka... ukuba loxolo njengawe.

4. Woza, Woza, Woza Nkosi, Nkosi yomusa,
yomusa, usiphe won'umusa wakho.
Woza, Woza, Woza, Nkosi, Nkosi eNgcwele,
eNgcwele, usiphe ubuNgcwele bakho.
Siyazisola ngezono, izono phambi kwakho
Siyehluleka... ukuba lomusa njengawe.
Siyehluleka... ukuba Ngcwele sinjengawe
5. Woza, Woza, Woza, Nkosi, Nkosi yamakhosi,
yamakhosi, ubuse ukuphila kwethu.
Woza, Woza, Woza, Nkosi, Nkosi yaphakade,
yaphakade, usise kwelilaphakade.
Siyazisola ngezono, izono zesibomo
Siyehluleka... ukukukhonza singakoni.
Siyehluleka... ukulunga njengabaNgcwele
6. Woza, Woza, Woza, Nkosi, Nkosi yobumhlophe,
yobumhlophe, usiphe ubumhlophe bakho.
Woza, Woza, Woza, Nkosi, Nkosi yokucweba,
yokucweba, usiphe ukucweba kwakho.
Siyazisola ngezono, izono zokungcola,
Siyehluleka... ukuba mhlophe kokuphela.
Siyehluleka... ukuphila njengezithunywa.
Akusisize, akusisize, sifik'ekhaya laphezulu.
Akusisize, akusisize, sihlale lawe laphakade.

B. Ndlovu

204. Xola Jesu O! sonile (115)

1. Xola Jesu, O! sonile! sadelel'ilizwi lakho,
Asisafanel'ukuba, size ebusweni bakho.
2. Xola Jesu, siyakhala inyembezi phambi kwakho,
ngoba sesilamacala, thin'esithi singabakho.
3. Xola Jesu, sesibuya, samukele ngomsa wakho,
Akusixolel'izono, esazenza phambi kwakho.
4. Xola Jesu, Nkosi yethu, ngenxa yomsa wakh'omkhulu.
Siqinise singaphindi silukhohl'uthando lwakho.

205. Yebo ngizasuka (116)

Chorus: Yebo ngizasuka, ngibuyele kuBaba!

1. Yayikhona enye indoda, eyayila madodan'amabili.
Wathi omncinyane kuyise:
Baba ngipha isabelo sami.'
2. Wasuka waya elizweni elikhatshana,
wachitha khona yonk'inotho yakhe.
Kwabakhona enkulu indlala, waseqalisa ukuswela.
3. Watholwa ngomunye umninipulazi,
wamelusis'ingulube zakhe. Wayefisa ukuthola ukudla,
kodwa kaphiwanga lokwengulube.
4. Wathi: ngizasuka ngibuyele kuBaba,
ngithi: baba ngonile ezulwini laphambi kwakho.
Angisafanel'ukuba yindodana yakho:
ngenze ngibe ngomunye wenceku zakho.
5. Ngihawukele, Nkulunkulu ngesihawu sakho,
ngobukhulu bobubele bakho. Ake ufihle ubuso bakho,
ungakhangeli amacala ami.
6. Nkosi, uzwe umkhuleko wami,
lokukhala kwami akufike kuwe.
7. Ungangixotshi ebusweni bakho,
lomoya wakho ungangemuki wona.
8. Nkosi, vula ezami indlebe,
lomlomo wami ubabaze udumo lwakho.
9. INkosi izwile ukucela kwami;
iNkosi yamukele umkhuleko wami.

(c/f Luka 15,11-19; Hubo 51;102;51;6) B. Ndlovu

NKOSI SIHAWUKELE

206. Awu, Nkosi sihawukele (581)

Awu, Nkosi sihawukele (2x)
Awu, Nkosi sihawukele thina zoni.
Awu, Kristu sihawukele (2x)
Awu, Kristu sihawukele thina zoni.
Awu, Nkosi sihawukele (2x)
Awu, Nkosi sihawukele thina zoni.

C. Nyoni

207. Nkosi sihawukele, Nkosi (553)

Nkosi sihawukele, Nkosi,
Nkosi, Nkosi sihawukele (2x)
Kristu, Kristu, Kristu
Kristu, Kristu sihawukele. (2x)
Nkosi sihawukele, Nkosi
Nkosi, Nkosi sihawukele. (2x)

208. Nkosi, Awu Nkosi

Nkosi, Awu - Awu Nkosi
Nkosi, Nkosi sihawukele. (2x)
Kristu, Awu - Awu Kristu
Kristu, Kristu sihawukele. (2x)
Nkosi, Awu - Awu Nkosi
Nkosi, Nkosi sihawukele. (2x)

N. Lunga

UDUMO

209. Udum'alube kuNkulunkulu (117)

Chorus: Udum'alube, kuNkulunkulu,
udum'alube, kweliphezulu,
kube lokuthula, emhlabeni,
kube lokuthula, ebantwini bakhe. (2x)

Nkosi Nkulunkulu, Nkosi yasezulwini,
Nkulunkul'uBaba, Baba Somandla.
Siyakubabaza, siyakwazisa,
siyakuguqela, siyakudumisa,
siyakubonga, ngenxa yobukhosi
yobukhosi, bakh'obukhulu. *Udum'alube...*
Nkosi Jesu Kristu, Ndodan'ezelwe yodwa,
Nkosi Nkulunkulu, Mvana kaNkulunkulu.
Ndodana kaNkulu, kaNkulunkulu uYise,
wena osusa, izono zomhlaba.
Sihawukele, sihawukele, sihawukele, sihawukele (2x)
Wena ohlezi, kwesokunene sikaYihlo,
zwan'ukukhala, ukukhala kwethu.
Ngoba nguwe wedwa, wedwa oNgcwele
nguwe wedwa, wedwa oyinkosi,
nguwe wedwa, onguPhezukonke,
wena Jesu, wena Jesu Kristu.
Undawonye, loMoy'oNgcwele ebukhosini,
bukaNkulunkulu uBaba.
Amen, Amen, Amen, A-men, Amen, Amen-men. (2x)

B. Ndlovu

210. Nkosi siyakubabaza (118)

Chorus: Nkosi, siyakubabaza, Nkosi, siyakwazisa,
Nkosi, siyakuguqela, siyakudumisa.

1. Udumo alube kuNkulunkulu kweliphezulu,
kube lokuthula emhlabeni ebantwini bakhe, *Nkosi...*
2. Nkosi Nkulunkulu Nkosi yasezulwini,
Nkulunkulu Baba Somandla, *Nkosi...*
3. Siyakubonga ngenxa yobukhosi bakho obukhulu,
Nkosi Jesu Kristu Ndodana ezelwe yodwa,
Nkosi Nkulunkulu. *Nkosi...*
4. Mvana kaNkulunkulu, Ndodana kaNkulunkulu uYise
Wena osusa izono zomhlaba, sihawukele.
Ngoba, Nguwe wedwa oNgcwele
ngoba, nguwe wedwa oyiNkosi
ngoba, nguwe wedwa onguPhezukonke,
wena Jesu Kristu.
5. Wena ohlezi kwesokunene sikaYihlo,
zwana ukukhala kwethu, *Ngoba...*
6. Undawonye loMoya oNgcwele,
ebukhosini bukaNkulunkulu uBaba. Amen. *Ngoba...*

C. Baleni

211. Udumo (119)

Chorus: Udumo, udum'alube Nkulunkulu
udumo, udum'alube kweliphezulu. (2x)

Kube lokuthula, emhlabeni wonke.

Ebantwini bakhe, abalentando enhle.

Nkosi Nkulunkulu, Nkosi yasezulwini.

Nkulunkul'uBaba, wen'odumisekayo.

Siyakubabaza, siyakwazisa, siyakuguqela.

Siyakudumisa, siyakubonga, ngenxa yobukhosi.

Bakh'obukhulu, Nkosi Jesu Kristu,
Ndodan'ezelwe yodwa.
Nkosi Nkulunkulu, Mvana kaNkulunkulu.
Ndodana kaNkulunkulu, uNkulunkulu uYise.
Wen'osus'izono, izono zomhlaba.

Sihawukele, sihawukele. (2x)

Wen'ohlezi kwesokunene, sikaNkulunkul'uYihlo.
Zwana ukukhala, ukukhala kwethu.
Ngoba nguwe wedwa, nguwe wedwa oNgcwele,
nguwe wedw'oyiNkosi.
UngoPhezu konke, Wena Jesu Kristu
loMoya oyiNgcwele.
Ebukhosini, bukaNkulunkulu, uBaba. Amen. (2x)

W. Hlabano

212. Kalube, kalube kuNkulunkulu (120)

Udumo, kalube, kalube kuNkulunkulu,
kalube, kalube kweliphezulu
kalube kuNkulunkulu, kweliphezulu.

1. Kube lokuthula emhlabeni,
emhlabeni ebantwini bakhe.
Nkosi Nkulunkulu Nkosi yasezulwini,
Nkulunkul'uBaba Somandla. *Udumo...*
2. Siyakubabaza, siyakwazisa,
siyakuguqela Baba.
Siyakudumisa, siyakubonga,
ngexa yobukhosi bakho. *Udumo...*
3. Nkosi Jesu Kristu Ndodan'ezelwe yodwa,
Nkosi Nkulunkulu.
Mvana kaNkulunkulu Ndodana kaNkulunkulu,
kaNkulunkulu uYise. *Udumo...*
4. Wen'osus'izono, izono zomhlaba,
usihawukele.
Wen'ohlezi kwesokunene sikaYihlo,
zwana ukukhala kwethu. *Udumo...*

5. Nguwe wedw'oNgcwele, nguwe wedw'oyiNkosi,
nguwe onguPhezukonke.
Wena Jesu Kristu undawonye,
loMoya oNgcwele. Udumo...
6. Ebukhosini bukaNkulunkulu,
bukaNkulunkul'uBaba. Amen. Udumo...

J. Masotsha

213. S'yakubabaza s'yakwazisa (121)

Chorus: S'yakubabaza s'yakwazisa
s'yakuguqela s'yakudumisa.

1. Udumo kalube kuNkulunkulu,
kuNkulunkulu kweliphezulu.
2. Kube lokuthula emhlabeni,
ebantwini bakhe.
3. Nkosi Nkulunkulu,
Nkosi yasezulwini.
4. Nkulunkulu Baba Somandla (2x)
5. Siyakubonga ngenxa yobukhosi
bakh'obukhulu.
6. Nkosi Jesu Kristu,
Ndodana ezelwe yodwa.
7. Nkosi Nkulunkulu,
Mvana kaNkulunkulu.
8. Ndodana kaNkulunkulu uYise,
wen'osus'izono zomhlaba.
9. Sihawukele (8x)
10. Wen'ohlezi kwesokunene,
kwesokunene sikaYihlo.
11. Zwana ukukhala kwethu,
ngoba nguwe wedw'oNgcwele.
Nkosi yasezulwini.

12. Nguwe wedwa oyiNkosi,
nguwe wedw'onguPhezukonke.
13. Ebukhosini bukaNkulunkulu,
bukaNkulunkul'uBaba. Amen.

L. Sidambe

214. Udumo kalube kuNkulunkulu kweliphezulu

Chorus: Udumo kalube kuNkulunkulu, kweliphezulu.

1. Nkosi Nkulunkulu Nkosi yasezulwini,
Nkulunkulu Baba Baba Somandla siyakubabaza,
siyakwazisa.
2. Siyakuguqela, siyakudumisa,
siyakubonga ngenxa yobukhosi, yobukhosi.
3. Nkosi Jesu Kristu Ndodana ezelwe yodwa,
Nkosi Nkulunkulu Mvana kaNkulunkulu.
Ndodana kaNkulu, kaNkulunkulu uYise.
4. Wena osusa izono zomhlaba,
sihawukele, Wena ohlezi kwesokunene sikaYihlo
zwana ukukhala kwethu.
5. Ngoba nguwe, wedwa oNgcwele,
nguwe wedwa oyiNkosi,
nguwe wedwa onguPhezukonke, wena Jesu Kristu.
6. Undawonye loMoya oNgcwele,
ebukhosini bukaNkulunkulu uBaba. Amen.

215. Udum'alube kuNkulunkulu (554)

Chorus: Udum'alube kuNkulunkulu,
Udum'alube kweliphezulu;
kube, lokuthula emhlabeni;
eba, ebantwi-ni bakhe. (2x)

1. Nkosi Nkulunkulu, Nkosi yasezulwini;
Nkulunkulu Baba Somandla.
Siyakubabaza, Siyakwazisa;
Siyakuguqela, Siyakudumisa.
Siyakubonga ngenxa yobukhosi bakho;
Obukhulu Nkosi Jesu Kristu. *Udumo alube...*
2. Ndodana ezelwe yodwa, ezelwe yodwa,
Nkosi Nkulunkulu.
Mvana kaNkulunkulu, Ndodana kaYise;
Nkulunkulu Baba Somandla.
Wen'osus'izono, izono zomhlaba;
Sihawukele; Sihawukele Nkosi. *Udumo alube...*
3. Wen'ohlezi kwesokunene sikaYihlo
Zwana ukukhala kwethu.
Nguwe wedw'oNgcwele, nguwed'oyiNkosi;
Nkulunkulu Baba Somandla. *Udumo alube...*
4. UngoPhezukonke, Wena Jesu Kristu:
Undawonye loMoya oNgcwele.
Ebukhosini buka, Nkulunkulu Baba:
Nkulunkulu Baba Amen. *Udumo alube...*

W. D. Hlabano

216. Udumo kalube (634)

1. Uduma lu-be kuNkulunkulu,
Udumo kalube kuNkulunkulu
Uduma lu-be kweliphezulu,
Udumo kalube kweliphezulu.

2. Kube lokuthula laph'emhlabeni,
Kube laph'emhlabeni
Kube lokuthula ebantwini bakhe. (2x)
3. Nkosi Nkulunkulu,
Nkulunkulu, Nkulunkulu,
Nkulunkulu, Nkulunkulu,
Nkosi yasezulwini.
4. Nkulunkulu Baba, Baba Somandla,
Nkulunkulu Baba Somandla
Siyakubabaza siyakwazisa. (2x)
5. Siyakuguqela, siyakudumisa, (2x)
Siyakubonga ngenxa yobukhosi. (2x)
6. Ngenxa yobukhosi bakh'obukhulu, (2x)
Siyakubonga Nkosi Jesu Kristu. (2x)
7. Ndodana ezelwe yodwa, ezelwe yodwa. (2x)
Nkosi Nkulunkulu, Mvana kaNkulunkulu. (2x)
8. Ndodana kaNkulunkulu uYise, (2x)
wena osusa izono zomhlaba. (2x)
9. Sihawukele, Sihawukele, Sihawukele, Sihawukele,
Sihawukele, Sihawukele, Sihawukele, Sihawukele.
10. Wena ohlezi kwesokunene, (2x)
kwesokunene esikaYihlo. (2x)
11. Zwana ukukhala, ukukhala kwethu. (2x)
Ngoba nguwe wedwa, wedwa ongcwele. (2x)
12. Nguwe wena wedwa, wedwa oyiNkosi. (2x)
Nguwe wena wedwa onguPhezu konke. (2x)
13. Wena Jesu Kristu, wena undawonye, (2x)
loMoya oNgcwele ebukhosini (2x)
14. Ebukhosini bukaNkulunkulu, (2x)
bukaNkulunkulu uBaba. Amen. (2x)

EZEZIFUNDO

217. Abrahama (631)

Chorus: Abrahama, Ngilapha Nkosi.

Abrahama,

Thath'indodana yakh'eyodwanje

uyenikela ngayo. (2x)

1. Wathath'ubabhemi lenceku zakhe kunye lay'uIsaka
2. Waqond'intaba, besahamba
watshiyi nceku zakhe waqhubeka lay'uIsaka
3. Baba, Baba, B: Watshu Isaka
Nanzi nkuni: B: Umlilo
kodwa lingaphi, iwundlu lokutshiswa.
4. UNkulunkulu, mntanami, uzakuzibonela.

(Gen 22,1-19) S. Magonya

218. Akulalele Israyeli (122)

1. Akulalele Israyeli, akuzwe ndlu kaJuda.

Chorus: INkosi ithi, lanxa izintaba zingasuka,
kodw'uthando lwam' kaluyikususwa kuwe.

2. Lalelanini makholwa, ilizwi leNkosi.
3. Lawe soni akulizwe, ilizwi lothando.
4. Lelo lizwi lothando lagcwaliswa nguJesu.
5. Lapho wayekhuleka, elenges'phambanweni.

(c/f Is 54,10) P. Mthombeni

219. Aleluya (516)

Chorus: Bass: Aleluya luya, aleluya, aleluya - luya,
aleluya.

Soprano: Aleluya, aleluya, aleluya, aleluya (2x)

1. Khuluma Nkos'inceku yakho iyezwa. (2x)
2. Silalele sonke Nkosi njengoSamuyeli. (2x)
3. Thumela Nkosi, Moya wakho oNgcwele. (2x)

(Isam 3,10; Joha 14,26) B. Ndlovu

220. Aleluya, hlabelelani (608)

Chorus: Aleluya, hlabelelani, hlabelelani (2x)

1. Hlabelelani eNkosini ihubo elitsha.
Hlabelela eNkosini lina mhlaba wonke.
2. Hlabelelani eNkosini, lidumise ibizo layo
Litshumayeke ukukhulula kwayo insuku ngensuku.
3. Landisani udumo lwayo phakathi kwezizwe
lemisebenzi yayo emangalisayo phakathi kwabantu bonke.

(c/f Hubo 33,3;66,2-4) S. Moyo

221. Baba yenza umlomo wami (123)

Baba yenza umlomo wami
Baba, yenza umlomo wami ube lichacho lakho.
Nkosi, utsho ilizwi lakho lona elimnandi.
Ngifis'ukuba ngumalusi wakho.
Baba, yenza...
Nginik'amandla ngibambelele kuwe.
Nkosi, utsho...

222. Babusisiwe (192)

Chorus: Babusisiwe; (8x)

1. Babusisiwe abangabayanga emoyeni,
ngoba umbuso wezulu ungowabo.
2. Babusisiwe abamnene,
ngoba bazakulidla ilifa, ilifa lomhlaba.
3. Babusisiwe abakhalayo,
ngoba bazakududuzwa bazakududuzwa.
4. Babusisiwe abalambela,
besomela ukulunga ngoba bazakusuthiswa.
5. Babusisiwe abalesihawu,
ngoba bazakuhawukelwa bazakuhawukelwa.

6. Babusisiwe abalenhliziyi ezimhlophe,
ngoba bazakubona uNkulunkulu.
7. Babusisiwe abazingelwa ngenxa yokulunga,
ngoba umbuso wezulu ungowabo.
8. Babusisiwe abalamulayo,
ngoba bazakuthiwa abantwana bakaNkulunkulu.

(c/f Mat 5,1-12) L. Sidambe

223. Babusisiwe abalenhliziyi ezimhlophe (605)

Chorus: Babusisiwe - abalenhliziyi
Babusisiwe - ezihlambulukileyo
abalenhliziyi - bazakubona
ezimhlophe - uNkulunkulu.

1. Babusisiwe abahlala endlini yakho Nkosi,
bazahlala bekudumisa.
2. Abahlanyela bekhala, bazavuna
ngokuthokoza Nkosi.
3. Bayakhula emandleni,
babonakale phambi kukaNkulunkulu weZiyoni.
4. Kungcono ukuba ngihlale emnyango,
wendlu kaNkulunkulu wami.
5. Umphefumulo wami uyalangatha womel'amagama
endlu yakho Nkosi.
6. Udumo kalube kuYise,
lakuNdodana loMoy' oNgcwele. Amen.

(Mat 5,8; Hubo 84 & 126) N. Lunga

224. Bazakudla ilifa (196)

1. Babusisiwe, Bazakudla ilifa,
abayanga, bazakudla ilifa,
emoyeni, bazakudla ilifa.

Chorus: Ngoba umbuso wezul'ungowabo.

2. Babusisiwe; abakhalayo; bazaduduzwa;
3. Babusisiwe; abamnene; bomelukulunga;
4. Babusisiwe; abalambela; bomelukulunga;
5. Babusisiwe; abalesihawu; bazahawukelwa.

(c / f Mat 5,1-12; Luka 6,20- 23) M. Majahana

225. Bongani iNkosi (197)

Chorus: Bongani'iNkosi, Bongani'iNkosi,
Bongani'iNkosi, ngob'ilungile.

1. Bongani'uNkulunkulu wabo nkulunkulu,
ngoba uthando lwakhe olungapheliyo
lumi kuze kube nininini.
2. Bongani'iNkosi yamakhosi,
yona yodwa eyenza izimangaliso ezinkulu.
3. Eyenza izulu ngokuhlakanipha,
eyenza umhlaba phezu kwamanzi.

(c/f Hubo 118.1.29)A. Nkomazana

226. Dumisani, iNkosi (199)

1. Dumisani, dumisani, dumisani,
dumisani, dumisani iNkosi. (2x)
Dumisani iNkosi ezulwini,
idumisen'iNkosi kweliphezulu! (2x)
Lina zithunywa zayo zonke: lina maBandla ayo onke.

Chorus: Dumisani, dumisani, dumisani, iNkosi
emhlabeni, emhlabeni lasezulwini. (2x)

2. Amakhosi, amakhosi, lababusi, lababusi,
lezinsizwa lezintombi. (2x)
Dumisani iNkosi ezulwini,
idumisen'iNkosi kweliphezulu. (2x)
Wena langa lawe nyanga lina nkanyezi zezulu.

3. Amaxhegu, amaxhegu, labantwana,
labantwana dumisani iNkosi. (2x)
Dumisani iNkosi ezulwini,
idumisen'iNkosi kweliphezulu. (2x)
Lina mazulu, aphezulu, lina manzi ezulu.

(c/f Hubo 103,20-21) L. Sidambe

227. Dumisani iNkosi endlini eNgcwele

Chorus: Dumisani iNkosi
Dumisani uNkulunkulu
endlini yakhe eNgcwele
mdumiseni emazulwini akhe amandla.

1. Mdumiseni ngenxa yezenzo zakhe zamandla,
limdumise ngenxa yobukhulu bakhe obungelinganiswe.
2. Mdumiseni ngokukhalisa uphondo,
limdumise ngomhube lechacho.
3. Limdumise ngokutshaya isigubhu langokusina,
limdumise ngechacho langomhlanga.
4. Limdumise ngokutshaya izigubhu,
limdumise ngezigubhu ezikhala kakhulu.
5. Konke okuphefumulayo kakudumise iNkosi.
Dumisani iNkosi.

(c/f Hubo 150) D. Moyo

228. Esokunene seNkosi siyanqoba (594)

Chorus: Esokunene, seNkosi-siyanqoba
Esokunene seNkosi, siphakanyisiwe (2x)

1. INkosi ingakimi, ukungisiza
Ngizakubona, engikufisayo
Ngalabo, abangizondayo.
2. Kuhle ukuphephela eNkosini, kulokuthemba umuntu.
Kuhle ukuphephela eNkosini kulokuthemba izikhulu.

3. Zonke izizwe zangihanqa, ebizweni leNkosi ngazichitha
Zangihanqa inxa zonke, ebizweni leNkosi ngazichitha.
4. Zangihanqa njengenyosi, ebizweni leNkosi ngazichitha
Zavutha njengomlilo wameva, ebizweni leNkosi
ngazichitha.
5. Zangihlasela ngamandla, ebizweni leNkosi ngazichitha.
Zangihlasela ngaze ngaphos'ukuwa, ebizweni
leNkosi ngazichitha.

(c/f Hubo 118,15-16) R. Ndlovu

229. Hlabelelani, iNkosi ngokuthaba (202)

Chorus: Hlabelelani, iNkosi ngokuthaba,
hlabelelani, lina Bantu bomhlaba wonke. (2x)

1. Ikhonzeni iNkosi, ngokujabula,
lize phambi kwayo, ngokuhlabela.
2. Yazini ukuthi'iNkosi, nguNkulunkulu,
yiyo eyasenzayo, singabayo.
3. Ngenani emasangweni, ethempeli lakhe,
lasemagumeni, alo ngokudumisa.
4. Bongani lidumise, ibizo layo,
ibongeni iNkosi, ngob'ilungile.
5. Uthando lwayo, alulakuphela,
lobuqotho bayo, kuzizukulwane.
6. Udumo alube kuYise, beleNdodana.
Udumo alube kuMoya oyiNgcwele.
7. Njengoba kwakunjalo, ekuqaleni, kusenjalo
lakhathesi, kuzakuba njalo laphakade.

(Hubo 100) A. Gwenelo

230. Hlabelelani iNkosi mhlaba wonke

Chorus: Hlabelelani iNkosi,
Hlabelelan'iNkosi mhlaba wonke
Ikhonzeni iNkosi,
ikhonzen'iNkosi ngokujabula.

1. Ngoba yiyo, Eyasenzayo singabantu bayo,
singabayo lezimvu zedlelo layo.
2. INkosi iyabusa, iphakeme phezu kwezizwe zonke,
Zidumis'ibizo layo, zidumis'ibizo lay'elingcwele.
3. Zonke zithi, ingcwele ingcwele iNkosi yamabandla,
izulu lomhlaba kugcwele inkazimulo yayo.
4. UMose loSamuyeli, babe phakathi kwabakhulekayo.
Ebizweni leNkosi. Bakhulek'eNkosini yabaphendula.
5. Yakhuluma yakhuluma labo iphakathi kwelifu,
Nkosi khumbul'endulo uthele umusa wakho.

(Hubo 100) C. Zikhali

231. Ilizwi lakho, Nkosi (555)

1. ILizwi lakho, Nkosi,
yisibane esilaphakade. (2x)
2. ILizwi lakho, Nkosi,
yikukhanya okulaphakade. (2x)
3. Ilizwi lakho, Nkosi,
yikuphila okulaphakade. (2x)
4. ILizwi lakho, Nkosi,
liqiniso elilaphakade. (2x)
5. Aleluya, Aleluya, Amen (3x)
Aleluya, laphakade.

B. Ndlovu (South African Tune)

232. INdodana yoMuntu (512)

Chorus: INdodana, iNdodana yoMuntu
izahlala esihlalweni sayo
esobukhosi, esobukhosi bayo,
yahlukanise ababi kwabalungileyo.

1. Njengomalusi, esehlukanise izimvu lembuzi,
abeke izimvu ngakwesokunene, imbuzi ngakwesokhohlo.
2. INkosi izakuthi kwabangakwesokunene,
wozani kimi lina elibusisiweyo,
lidle ilifa elililungiselwe nguBaba.
3. Ngoba ngangilambile, langinika ukudla
ngangomile langinathisa,
ngangingowemzini langingenisa endlini.
4. INkosi izakuthi kwabangakwesokhohlo,
sukani kimi lina eliqalekisiweyo,
liye emlilweni kaSathane lezithunywa zakhe.
5. Ngoba ngangilambile, alinginikanga ukudla
ngangomile alinginathisanga,
ngangingowemzini alingingenisanga endlini.

S. Dube

233. Kangiyikuswela lutho

Chorus: INkosi ingumalusi, malusi wami, malusi wami

Bass: Angiyikuswela (2x)
Angiyikuswela lutho,
zonk'insuku zok'hamba kwami. (2x)

1. Ingalusela emadlelweni aluhlaza,
emadlelweni amahle!
2. Ingisa endaweni elamanzi,
elamanzi amahle!
3. Ingiholela endleleni zokulunga,
ngenxa yebizo layo.

IZINGOMA

4. Ivuselela umphefumulo wami,
iwuvuselela ngokholo.
5. Noma ngidabula esihotsheni,
esihotsheni esimnyama.
6. Angiyikwesaba okubi, ngoba wena ulami,
ngoba wena ulami.
7. Intonga yakho lodondolo lwakho
kuyangivikela Nkosi.
8. Uyalungisa itafula phambi kwami
laphansi kwezitha zami.
9. Ugcoba ikhanda lami ngamagcobo,
alephung'elimnandi.
10. Umganu wami ugcwele uyaphuphuma,
uphuphum'okumnandi.
11. Impela okuhle lesihawu sakho,
kuyangilandela, zonk'insuku.
12. Insuku zonke zokuhamba kwami,
ngithembel'eNkosini.
13. Ngiyakuhlala endlini yeNkosi,
kuze kube nininini.

(Hubo 23) A. Gwenelo

234. INkosi ingithumile (585)

Chorus: INkosi ingithumile,
ukuba ngitshumayel'iVangeli,

Bass: Ithi yona.

Bonke: Kakusini elingikhethileyo,

Bass: Kodwa, ngomusa wami.

Bonke: Yimi engilikhethileyo.

1. *Okhalelayo:* Wabalaya ukuba bangaphathi lutho
lwendlela

Bonke: Kodwa - ilizwi lodwa.

Okhalelayo: Lapho lingena endlini hlalani kiyo

Bonke: Lize - lisuke khona.

2. *Okhalelayo:* Hambani liyo tshumayel'iVangeli
Bonke: Emhla - beni.
- Okhalelayo:* Bakhupha omoya ababi kwabanengi
Bonke: Bahlanjuluwa.
3. *Okhalelayo:* Basilisa abanengi abagulayo,
Bonke: Basi - liswa.
4. *Okhalelayo:* Basiliswa ngamandla kaMoya oNgcwele
Bonke: Aba - kholwayo.

(c/f Joha 15,16; Isa 61,1) C. Nyoni

235. INkos'uNkulunkulu inginikile (583)

Chorus: Aleluya, iNkos'uNkulunkul'inginikile
Aleluya, ulimi lofundisayo,
Aleluya, lokwaz'ukuba ngiduduze,
abakhatheleyo. (2x)

1. INkosi ingivus'ekuseni nsuku zonke.
Ukuba ngeze njengofundisiweyo.
2. UNkulunkul'uvul'indlebe yami,
Lami angihlamukanga.
3. Lowo ophakathi kwenu owesab'iNkosi,
kalalele ilizwi lenceku yayo.
4. Ohamb'emnyamen'ongelakukhanya,
kathembele ebizweni leNkosi.

(Mat 13,55) C. Gumbo.

236. INkosi inguMalusi wami.

1. INkosi inguMalusi wami, angiyikuswela lutho, ingihlalise endaweni elamadlelo.
2. Ingisa emanzini akholisayo, iqinisa umphefumulo wami.
3. Ingihambisa ezindleleni zokulunga, ngenxa yebizo layo.

4. Loba ngingaze ngihambe ethunzini lokufa,
angiyikwesaba okubi ngoba wena ulami.
5. Okuhle lesihawu, kuzakungilandela,
zonk'izinsuku zokuphila kwami.
6. Ngize ngihlale endlini yeNkosi,
insuku ngensuku.
7. Udumo alube kuYise beleNdodana,
loMoya oNgcwele.
8. Njengoba kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo khathesi,
kuzakuba njalo kuze kube laphakade. Amen.

237. INkosi ingumalusi wami (124)

Chorus: INkosi ingumalusi wami,
kangiyikuswela lutho.

1. INkosi iyangelusela emadlelweni aluhlaza,
ingise endaweni elamanzi amahle.
2. Ivuselela umphefumulo wami,
ingihole endleleni zokulunga ngenxa yebizo layo.
3. Loba ngidabula esihotsheni esimnyama,
kangesabi okubi, ngoba wena ulami.
4. Uyalungisa itafula phambi kwami,
laphambi kwezitha zami.
5. Ugcoba ikhanda lami ngamagcobo,
umganu wami ugcwele uyaphuphuma.
6. Impela okuhle lesihawu kuzangilandela,
insuku zonke zokuphila kwami.
7. Ngizahlala endlini yeNkosi,
kuze kube nininini.

(Hubo 23)

238. INkosi ithi memeza (556)

Chorus: INkosi ithi: Memeza ngelizwi,
elikhulu ungathuli (2x)

Bass: Memeza (2x) elikhulu ungathuli.

1. Utshel'abantu bami, iziphambeko zabo,
lendlu kaJakobe izono zayo.
2. Bayangiding'insuku zonke,
Bathand'ukwazi indlela zami.
3. Bebuza kimi izahlulelo zokulunga,
Bethand'ukusondela, kuNkulunkulu.
4. Kuthi ukulunga kwakho kuhambe phambi kwakho,
Lenkazimulo yeNkosi ihambe, ngemva kwakho.
5. Kuthi lapho ukhuleka iNkosi ikuphendule.
Lalapho umemeza, izakuthi ngilapha.

(Isa 40,6) T.Mlilo

239. INkosi yangiphakamisa

Chorus: Woba ngoNgcwele - woba ngoNgcwele -
njengoMose (2x)

1. Ngizakuhlabela... ngothando lwakho olungapheliyo,
Nkosi kuze kube nininini.
2. Ngomlomo... ngizakwazisa,
ubuqotho bakho kuzozonk'izizukulwane.
3. Ngoba uthando lwakho... olungapheliyo,
lumi kuze kube nini lanini.
4. Izimangaliso - zakho, Nkosi, zidunyiswa ngamazulu.
5. Kayibongwe iNkosi - kuze kube, nini lanini Amen.

240. Izulu lomhlaba kuzaphela (125)

Chorus: Izulu, Izulu lomhlaba kuzaphela, kuzaphela,
kodw'amazwi akho kawapheli.

1. Ilizwi lakho lilunge kakhulu,
yakho isikhonzi sakho silifuna.
2. Imilayo yakho ilunge laphakade,
ingifundis'ukuthi ngisindiswe.
3. Inhliziyo yami iqalis'ebusuku,
ukucabanga amazwi akho.

(c/f Luka 21,33)

241. Kabakubonge (126)

Chorus: Kabakubonge, abantu Nkulunkulu
kabakubonge, abantu bonke. (2x)

1. Nkulunkulu yiba lomusa kithi usibusise,
khanyisa ubuso bakho phezu kwethu.
2. Ukuze indlela yakho yaziwe emhlabeni,
losizo lwakho ezizweni zonke.
3. Izizwe kazijabule zihlabele ngokuthokoza,
ngoba wena uyabehlulela abantu ngokulunga.
4. Umhlaba uthelile izithelo zawo,
iNkosi uNkulunkulu wethu usibusisile.
5. UNkulunkulu ubusa izizwe emhlabeni,
kayimesabe imikhawulo yonke yomhlaba.
6. Udumo kalube kuYise leNdodana,
lakuMoya oNgcwele.
7. Njengoba kwakunjalo ekuqaleni, kusenjalo lakhathesi
kuzakuba njalo kuze kube laphakade. Amen.

(Hubo 67) F. Nhlabano

242. Kabongw'uNkulunkulu, Aleluya

Chorus: Kabongw'uNkulunkulu, Aleluya. Aleluya! (2x)

1. Qakezan'izandla zenu lina zizwe zonke
hlokomani kuNkulunkulu ngamaHubo.
2. Hubani eNkosini yethu, hubani amahubo.

P. Ndlovu

243. Kayibongwe iNkosi (206)

Chorus: Kayibongwe iNkosi uNkulunkulu womhlaba,
Ngoba yasithumela uMkhululi olamandla.

1. Njengoba yathembisa, kubaprofethi endulo,
ukuba sikhululwe, emandleni ababi.
2. Wabalesihawu, ngenxa yothando lwakhe,
ukuba siyikhonze, singelakwesaba.
3. Langob'ungcwele, zonke insuku,
langokulunga, empilweni yethu.
4. Uzathiwa lumntwana, ungumprofethi,
uzalungisa, indlela yeNkosi.
5. Ngokuthethelelwa, kwezono zethu,
lokusiph'ulwazi, lokusiliswa.
6. Akubakhanyisele, abahlezi emnyameni,
lasethunzini, lokufa kwaphakade.
7. Lokusikhokhela, endleleni yayo,
eyokuthula, kuze kube nini.
8. Udumo kuwe Baba, kuwe Mdali wethu,
lakuNdodana, lakuMoya oNgcwele.

(c/f Luka 1,68-79)M. Chifana

244. Khuluma Nkosi (127)

Chorus:

S. Nkosi khuluma inceku yakho iyezwa
T. Nkosi, khuluma
B. Khuluma
S. Nkosi, khuluma inceku yakho iyezwa
A. Nkosi, khuluma inceku yakho iyezwa
B. Nkosi, khuluma inceku yakho iyezwa

1. *Bass:* Umuntu kaphili ngesinkwa sodwa, Nkosi;
uphila ngalelo lalelo lizwi, Nkosi.

Bonke: Eliphum' emlonyeni wakho, Nkosi (2x)
Ale, ale, ale, ale, ale aleluya. (2x)

2. Limnandi lelo lalelo lizwi, Nkosi, (2x) eliphum'...

B. Ndlovu

245. KuBaba kungena labo abazimiseleyo (580)

Chorus: Okhalelayo: KuBaba, labo khona,

Bonke: Kuyangena

Bonke: Abazimiseleyo

Bonke: Ekhaya labangcwele.

1. Babusisiwe abayanga emoyeni
ngoba umbuso wezulu ungowabo.
2. Babusisiwe labo abazakudla ukudla embusweni
kaNkulunkulu.
3. Babusisiwe abakhalayo, ngoba bazakududuzwa.
4. Babusisiwe abamnene, ngoba bazakudla ilifa lomhlaba.
5. Babusisiwe abalambela, bomela ukulunga ngoba
bazakusuthiswa.
6. Babusisiwe abalesihawu, ngoba bazakuhawukelwa.
7. Babusisiwe abahlutshelwa ukulunga,
ngoba umvuzo wabo umkhulu ezulwini.

(c/ f Mat 5,1-12) C. Nyoni

246. Leli Vangeli (128)

Chorus: Leli, leliVangeli leli, leliVangeli
leli, leliVangeli ngelabakholwayo.

1. LeliVangeli lileqiniso, ngoba nguMsindisi
owalakha edwaleni.
2. Dumisan'iNkosi, ngoba kulotshiw'
ukuthi wonke amadolo, azaguqa phambi kwayo.

C. Zikhali

247. Lina sizwe esikhethiweyo (619)

Chorus: Lina sizwe esikhethiweyo,
lina sizwe esikhethiweyo wozani kuJesu
Ye... Baba siyeza ngokujabula
Ye... Baba siyeza langokubonga.

1. Funan'iNkosi insuku zonke,
dingani yona njalonjalo.
2. Ngizakulandel'indlela elungileyo,
ngizahamba ngobuqotho endlini yakho.
3. Ngizakuhlabela ngokulunga langesihawu,
Ngizakuhlabela kuwe Nkosi.
4. Uthando lweNkosi olungapheliyo,
Lumi kubo abayesabayo.
5. Bongan'iNkosi lina zithunywa zayo,
Lilalel'ukukhuluma kwezwi layo.
6. Bongan'iNkosi lonke misebenzi yayo,
Endaweni zonke zombuso wayo.

(c/f Hubo 33) C. Nyoni

248. Ngelizwi lakho, ngiyathokoza Nkosi (129)

Chorus: Ngelizwi lakho, ngiyathokoza Nkosi,
amazwi akho, onke aliqiniso.

1. Ngivuselela ngelizwi lakho, lakho Nkosi,
ngivuselela ngokwezahhlulelo zakho.

IZINGOMA

2. Ilizwi lakho liyisibane, enyaweni zami,
liyikukhanya endleleni yami.
3. Ngaphandle kwakho, engikwenzayo kulize,
ungekho wena kungaba liphutha.
4. Umhlaba wonke, uyakubabaza Nkosi
ngezenzo zakho ezimangalisayo.

(c/f Hubo 119,162,119,50; 119;105) E. Nkomo

249. Ngelizwi lakho elingcwele siyakubonga (611)

Bass: Siyakubonga

Soprano: Ngelizwi lakho leli eliNgcwele, Nkosi
Siyakubonga ngomusa wakho lo.

Alto: Ngelizwi - lakho, Nkosi,

Bass: Siyakubonga, ngelizwi lakho, Nkosi,

Soprano: Ngomusa wakho lokulunga kwakho kithi

Alto: Baba ngomusa - wakho kithi Nkosi

Bass: Siyakubonga ngomusa wakho kithi.

1. Khuluma kithi, njengaku Abrahama,
owambusisayo waba ngukhokho wethu sonke
Khuluma kithi, njengakuMoses, Nkosi,
owambusisayo waba yisandla sakhw'esingcwele.
2. Khuluma kithi njengakuSamuweli ongcwele,
owamkhetela ukuba ngumkhulumeli wakho ongcwele
Khuluma kithi, njengakubaprofethi bakho abangcwele.
sifakaze ngeqiniso lonke ilizwi lakho elingcwele -
Ngcwele.
3. Khuluma kithi, njengakuMariya oNgcwele,
samukele ngenhliziyo intando yakho eNgcwele.
Khuluma kithi, ngempela siyezwa, Nkosi,
Limnandi kithi sonke, ilizwi lakhw'eliNgcwele.

B. Ndlovu

250. Ngezwa ilizwi live'ezulwini (519)

1. Ngezwa, ngezwa ilizwi livel'ezulwini,
linjengomdumo wamanz' amanengi,
Lisithi: Ukunqoba lobukhosi
ngokukaNkulunkul'iNkosi yethu,

Bass: Lisithi: Aleluya, aleluya, Amen aleluya.

2. Izithunywa, izithunywa zazimi,
zihanq'isihlalo sobukhosi.
Zihuba, zihub'ihubo lokubonga
zidumisa njalo njalo;

Bass: Zisithi, Aleluya...

3. Izidalwa, izidalwa eziphilayo,
zakhothamela phansi kuye.
Labo yibo, yibo abagez'ingubo zabo
eGazini leWundlu, besithi:, Aleluya.

(c/f Isam 14,2) C. Zikhali

251. Ngilondoloza Nkulunkulu (533)

1. Ngilondoloza, Nkulunkulu, Nkosi
ngoba ngiyaphephela kuwe.
Chorus: Nkosi uyisabelo sami lenkezo yami.
2. Ngith'eNkosini Wen'uyiNkosi yami,
kangilakh'okuhle ngaphandle kwakho.

3. Wen'opheth'ukuphila kwami konke,
Imingcele yesabelo sami.

4. Ngiyayibong'iNkosi engelulekayo,
lasebusuku ilay'inhliziyi yami.

5. NgikhangeliNkosini njalonjalo,
ngoba ingakwesokunene sami.

6. Ngakhok'inhliziyi yam'iyathokoza,
lomphefumulo wam'uyajabula.

7. Ngoba kawungiyekelanga,
ngiy'endaweni yabafileyo.
8. Uzakungazis' indlela yokuphila,
phambi kwakho kugcwel'ukuthokoza.
9. Langakwesokunene sakho kukhona,
intokozo kuze kube nininini.

(Hubo 16) M. Mkandla

252. Ngizayijabulel'iNkosi (534)

Chorus: Ngizayijabulel'iNkosi
Ngizayijabulela ngokuzincoma
ngobuthakathaka bami.
Umusa weNkosi awube kimi,
kususwe uSathani. (2x)
Ukuz'amandla, amandla kaKristu,
ahlale, ahlale phakathi kwami. (2x)

1. Thumel'uMoy'oNgcwele, ungikhanyisele,
ungihole Nkosi, endleleni.
2. Ngiph'amanz'akhw' angcwele,
angumthomb'ogobhozayo,
ayimpilo Nkosi, elaphakade.
Ngijabule ngikuwe, lawe Nkosi ukimi,
sibe munye, Nkosi, ekuphileni.
3. Ngikhohlwe yibuthakathaka,
lokuhleleka lobunzima,
lokulingwa Nkosi, lokuzingelwa;
uthando lwakho Nkosi, maluhlale kimi,
ngikukhonze Nkosi, ngokujabula.

S. Dube

253. Ngizakuyihlabelela iNkosi (633)

Chorus: Ngizakuyihlabelela iNkosi,
Ngizakuyihlabelela iNkosi ngoba ingenzele
okuhle okukhulu (2x).

1. Ngiyakuthanda Nkosi, mandla ami, Ngoba
ungenzele okuhle okukhulu...
UliDwala lami laMandla ami, loMkhululi wami...
UyiSi-phephelo sami leSihlangu sami...
2. Ngizakhuleka eNkosini - Ngoba...
Efanel'ukudunyiswa ngikhululwe ezitheni zami...
Ngayo iNkosi ngingehlula izimpi...
NgoNkulunkulu wami ngingeqa umthangala...
3. Ngoba ngubani onguNkulunkulu ngaphandle
kweNkosi na? Ngoba...
Ngubani oliDwala ngaphandle kukaNkulunkulu na?...
iNkosi ikhona kalidunyisw'idwala lami...
Kaphakanyisw'uNkulunkulu wokukhululwa kwami...

(c /f Hubo 13, 6;Hubo 18,3) M. Mkandla

254. Njengalokhu impala

1. Njengalokhu impala inxwanela imifula yamanzi,
ngokunjalo lomphefumulo wami, unxwanela Wena
Nkulunkulu.
2. iNkosi inguMalusi wami, angiyikuswela lutho.
Ingisa emadlelweni aluhlaza, ingisa emanzini
aphumuzayo.
3. Ilungisa itafula phambi kwami, ebusweni bezitha zami.
Igcoba ikhanda lami ngamagcobo, igcwalise inkezo
yami.
4. Loba ngingaze ngihambe ethunzini lokufa,
angiyikwesaba okubi, ngoba Wena ulami,
udondolo lwakho lentonga yakho, kulami njalo
kungiduduza.

(c/f Hubo 42;Hubo 23) B. Ndlovu

255. Nkosi khuluma incekú yakho iyezwa (520)

Chorus: Nkosi khuluma, incekú yakho iyezwa (2x)

1. Umuntu kaphili ngesinkwa sodwa,
kodwa uphila ngalelolizwi,
eliphuma emlonyeni wakho Nkosi.
2. Limnandi lelo lizwi,
Nkosi limnandi lelo lizwi,
eliphuma emlonyeni wakho Nkosi.

(1 Sam 3,10) E. Nkomo

256. Nkosi uyisabelo sami

Chorus: Nkosi uyisabelo sami, leNkezo yami,
